# OKUQUKETHWE


**INGXENYE A: ULWAZI OLUJWAYELEKILE** 2

1. ULwazi Olujwayelekile maqondana noHlaka lukaHulumeni 2
2. UHlu Lwezifinyezo zamagama 2
3. ISu Lokusebenza Ngokufingqiwe 2
4. Umsebenzi Ojutshiwe kanye Neminye Imiyalelo emiswe Ngokomthetho 4
5. Umumo Wenkampani 4
6. Isendlalelo esenziwa ngiSihlalo 5
7. Ukuphawula kweSikhulu Esiphezulu ngokufingqiwe 6
8. ISitatimende Sesibopho Sokubika kanye Nokuqinisekiswa Kobuqiniso Bombiko Wonyaka 24

**INGXENYE B: ULWAZI LOKWENZIWA KOMSEBENZI** 27

1. ISitatimende Sesibopho Sokubika ngoLwazi Lokwenziwa Komsebenzi 27
2. UMbiko kaMcwaningi Mabhuku: Izinjongo ezazinqunywe ekuqaleni 28
3. ULwazi Lokwenziwa Komsebenzi olunikezelwa wuPhiko 28
4. ULwazi Lwezezimali Ngokufingqiwe 37

**INGXENYE C: UKWENGAMELA** 39

1. Isingeniso 39
2. UMkhandlu 39
3. Ukulawulwa Kwezimo Ezingcuphe 41
4. UPhiko Lokulawula Lwangaphakathi 41
5. UMsebenzi Wokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi 41
6. IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokulawula 42
7. Ukulandela imigomo yeMithetho kanye Nemithethonqubo 42
8. INkohlakalo Nokukhwabanisa 42
9. Ukunciphisa Ukushayisana Kwezintshisekelo 42
10. INqubo Yendlela Yokuziphatha 43
11. Izindaba eziqondene nezeMpilo, Ukuphepha kanye Nezemvelo 43
12. Isibopho Sokubikela Umphakathi 43
13. UMbiko Wekomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku 44

**INGXENYE D: UKULAWULWA KOPHIKO LUKANDABAZABANTU** 47

1. Isingeniso 47
2. Izibalo eziqondene namaphutha enziwa wuPhiko Lukandabazabantu 48

**INGXENYE E: ULWAZI LWEZEZIMALI** 51

1. ISitatimende Sesibopho Sokubika 51
2. UMbiko Wesikhulu Esiphezulu 52
3. UMbiko kaMcwaningi Mabhuku Jikelele 53
4. Izitatimende Zonyaka Zezezimali 55

# Ingxenye A: ULwazi Olujwayelekile

## 1. ULWAZI OLUJWAYELEKILE MAQONDANA NOHLAKA LUKAHULUMENI

| | |
|---|---|
| Igama Olurejistwe ngalo: | The Playhouse Company |
| Ikheli Lendawo: | 29 Acutt Street, Durban, 4001 |
| Ikheli Leposi: | P O Box 5353, Durban, 4000 |
| Inombolo Yocingo: | +27 (0)31 369 9555 |
| Inombolo yeFeksi: | +27 (0)31 306 2166 |
| Ikheli le-imeyili: | cfo@playhousecompany.com |
| Ikheli le-Website: | www.playhousecompany.com |
| Abacwaningi mabhuku bangaphandle: | The Auditor-General of South Africa |
| Amabhange ase-Afrika: | First National Bank |

## 2. LIST OF ABBREVIATIONS/ACRONYMS

| | |
|---|---|
| AGSA | UMcwaningimabhuku-jikelele waseNingizimu Afrika |
| MEC | UNgqongqoshe (iLungu Lesigungu Esilawulayo) |
| BBBEE | UkuHlonyiswa Okusabalele Ngamandla Ezomnotho Okugxile kwabaMnyama |
| CAMP | UHlelo Lokwelekelela Umphakathi Ngolwazi Lwezobuciko |
| CEO | ISikhulu Esiphezulu |
| CFO | ISikhulu Esiphezulu Kwezezimali |
| DAC | UMnyango Wezobuciko Namasiko |
| PFMA | UMthetho Wezokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni |
| TR | IMithethonqubo kaMgcinimafa |
| MTEF | UHlala Lokusetshenziswa Kwemali Esikhathini Seminyaka Emithathu Ilandelana |
| SAWAF | IDili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika |
| SMME | Amabhizinisi Amancane, Amaphakathi nendawo kanye Namakhulu |
| SCM | Ukulawulwa Kokuthengwa kanye Nokusatshalaliswa Kwempahla |

## 3. ISITHOMBE ESIFINGQIWE NGAMASU OKUSEBENZA

### 3.1. UMbono

Silwela ukuvelela kwezobuciko kanye nokwehlukahlukana kwamasiko kwezobuciko obudlalwayo.

### 3.2. Mission

Ukufezekisa lo mbono ongenhla, i- Playhouse Company iyichaza kanje impokophelo yayo: Siyaqhubeka, sikhuthaze futhi silondoloze ubuciko obudlalwayo ngokuthi:

- Sididiyele, sididiyele ngokubambisana futhi sethule imibukiso (productions) enobuciko, ethokozisayo ibe ifundisa ababukeli abehlukahlukene ababonakala banda njalo;
- Selekelele kwezokuhlalisana kahle komphakathi, ukwehlukahlukana kanye nokubandakanayeka sisebenzisa umsebenzi wethu;
- Silwele ukufinyelela kubabukeli abahlukahlukene ngokuthi silandele indlela yokuzimaketha negxile kumakhasimende;
- Sikhombise ukuthokozela kwethu ubuciko obudlalwayo, sakhe ababukeli abasha abazoyibuka ngesikhathi esizayo bese sethula imibukiso edidiyelwe ekhaya;
- Seseke ezemfundo, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthukiswa kwamakhono amaciko, abasebenza ngezobuciko kanye nabasebenzi;

- Sisebenzisane nesibambisene nabo basendaweni, kuzwelonke, esifundeni kanye nasemazweni omhlaba ukukhulisa izinhlelo zethu;
- Siqinise ukuba khona kwezimali ngokuthi sibe nezinhlelo ezisimeme zokuhweba kanye nokulungisa; futhi
- Siqinisekise ukuvikeleka komlando we-Playhouse yaseThekwini.

## 3.3. Amagugungqang


| Igugu | Lisho ukuthini njengoba lisetshenziswa e-Playhouse Company |
|---|---|
| Ubuqotho | Siyithathela phezulu indaba yokuvuleleka, ukwethembeka,ukwenza izinto ngendlela efanayo kanye nokungenzeleli. |
| | Siifisa ukwenza okufanele futhi senze okuhle zikhathi zonke, ikakhulu ezimweni lapho singabonwa muntu khona. |
| | Sizibophezele ekulandeleni inqubo yendlela efanele yokuziphatha futhi asiyivumeli nhlobo inkohlakalo noma ngeyahlobo luni |
| | Siyaqikelela ukuthi ulwazi oluyimfihlo asiludaluli. |
| Ukusebenza ngendlela eyamukelekile | Siziphatha ngendlela eyamukelekile futhi ekhombisa ukuwazi umsebenzi esiwenzayo uma sisiza ababambiqhaza. |
| | Sizibophezele ekukhuliseni igama le-Playhouse. |
| | Siyabahlonipha ababambiqhaza bethu futhi siyasigcina isikhathi. |
| | Ithimba lethu silihlomisa ngamakhono ukuze livelele lapho lisebenzisana nababambiqhaza. |
| Ukwehlukahlu-kana | Siyawuhlonipha uMthethosisekelo futhi silawulwa yimigomo yawo. |
| | Sizohlonipha siphinde sikhuthaze ukubekezelelana maqondana nokwehlukana kwamasiko, izinkolo, amagugu, imibono kanye namagugungqangi kukho konke esikwenzayo. |
| | Siisoqinisa amalungelo alabo ababencisheke amathuba bese sikhuthaza ukufinyelela ezinhlelweni nasezikhungweni zethu |
| | Sizokhuthaza ukulingane kweqophelo lokunikezelwa kwazo zonke izinhlelo zethu. |
| Ukubeka izinto obala | Sabelana ngolwazi nezinsizakusebenza ukuze wonke umuntyu abe nolwazi futhi sandise amandla okusebenza nokwazi |
| | Sivulelekile ngesikwenzayo nangendlela esenza ngayo izinto futhi siyaqinisekisa ukuthi ababambiqhaza bafinyelela ngokwanele olwazini. |
| | Siyayihlonipha imihlahlandlela yokuvikelwa kolwazi kanye nokungadalilwa kwalo. |
| | Sixhumana ngendlela evulelekile nethembekile futhi silwela ukuthi angabikho ongenalwazi |
| Ukwenza umsebenzi oncomekayo kanye nokuba nesibopho sokubika | Siyabhekana nemiphumela yezenzo zethu, sinikezele ngalokho esikuthembisile futhi silwela ukwenza okungaphezu kwalokho okulindelekile. |
| | Sisebenza ngesikhathi futhi silawulwa yizinjongo zethu esilwela ukuzifeza. |
| | Silwela ukusebenza ngendlela efanele nenempumelelo kanye neveza izithelo. |
| | Sihlose ukuvelela kanye nokwenza kangcono emaphutheni edlule |
| Ukunakekela Abantu (Sinobuntu) | Silwela ukusebenza ngokunakekela, ukuba nozwelo, inhlonipho kanye nokubhekela impilo yabasebenzi bethu, amakhasimende kanye nababambiqhaza. |
| | Sigxile ekusebenzisaneni, sisebenze ndawonye ngokushintshisana ngemisebenzi sabeana ngamakhono nolwazi ukuze sifezekise inhloso yethu yokuqamba. |
| | Sisebenza kanzima ekugcineni indawo yokusebenza iphephile futhi inempilo , sivikela impahla yethu yokusebenza kanye nezinsizakusebenza ezingenele esinazo, sithuthukisa abantu bakithi futhi sikhuthaza ukuthi impilo yasemsebenzini kanye nempilo nje jikelele kumele kuhambisane. |
| | Silwela ukukhombisa ukuthobeka ngendlela esinikezela ngayo izidingo nesixhumana ngayo nababambiqhaza bethu kanye nababukeli. |
| Ukuqhamuka nezinto ezintsha | Sikubeka phambili ukulalelwa kanye nokuqondisisa izidingo zababambiqhaza njengalokhu kuyisisekelo sokuqhamuka nezinto ezintsha nezindlela ezintsha zokusebenza, imikhiqizo kanye nezinziza ezintsha. |
| | Silwela ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu kanye nesidibane nakho ekusebenzeni okuyikhona okusiphoqelele ukuthi sibe ngabavelele ekwenzeni umsebenzi wethu. |
| | Siyaziqonda izingqinamba zikahulumeni, ikakhulu izingqinamba zezinsizakusebenza. Sithi sikuqonda lokhu sibe sigxile ezindleleni zokwenza ngcono isimo kanye nokuqinisa ukusebenza ngempumelelo. |
| Ukuzinza | Silwela ukungayeki ukubukela ikusasa nokubhekela ukuzinza okuqhubekayo kwenhkampani zikhathi zonke. |
| | Sikulwela ngamandla ukuba sekhaleni ekukhombiseni “bukhoma” imibukiso okuyiyona ezozinzisa ikusasa lethu kanye nokulangazelela ukugcina indlela yokuxhumana bukhoma “ingeyethu”. |

## 4. AMANYE AMAGUNYA KANYE NAMAGUNYA ALAWULWA NGUMTHETHO

Ngokwesigaba 8(5) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, No. 119 we-1998, iqhaza le-Playhouse Company ukuthuthukisa, ukukhuthaza kanye nokulondoloza ubuciko obudlalwayo eNingizimu Afrika. I-Playhouse Company isebenza ngokulawulwa ngumthetho, kubandakanya nalena elandelayo:

- UMthetho Wezokuphathwa Kwezezimali zikaHulumeni (PFMA)
- UMthetho Wophiko Lwezentela (DORA)
- UMthetho Wezikhungo Zezamasiko
- UMthetho Wezokuvikelwa Kwamakhasimende (No. 68 wezi-2008);
- UMthetho Wohlaka Lokusebenzisana Kweminyango kaHulumeni (No. 13 wezi- 2005);
- UMthetho Wezabasebenzi (LRA)
- UMthetho Wemibandela Eyisisekelo Yokusebenza (BCSA)
- UMthetho Obhekele Ezempilo Nokuphepha Emsebenzini (OHSA)
- UMthetho Wemithethonqubo Ejwayelekile Yezokuphatha (GARA)
- UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini (PAIA)
- UMthetho Wokukhuthaza Ezokuphathwa Kobulungiswa (PAJA)
- UMthetho Wokuqasha Ngokulingana
- UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Oluqondene Ngqo Nomuntu
- Yonke iMithethonqubo kaMgcinimafa, imithetho kanye nezinhlaka njengalokhu zishicilelwe
- Yonke iMithetho kaMasipala kanye nemithetho yendawo emaqondana ne-Playhouse Company kanye nokusebenza kwayo.

## 5. UHLAKA LOMUMO WOKULANDELANA NGOKWEZINDLA



## 6. AMAZWI OKWANDULELA KASIHLALO



Ubunye ekusebenzeni uma buhambisana nokuhloniphana bungumthombo wempumelelo emangalisayo ye-Playhouse Company.

Amalungu oMkhandlu we-Playhouse Company wonke, ngaphandle kwelilodwa, osekungunyaka wawo wesibili lona elawula le nkampani, ayaziqhenya ngempumelelo esibe khona yize kube nezinkinga zokunqamuka kukagesi izikhawu kanye nemiphumela yakho engabanga mihle kule mboni yezobuciko obudlalwayo.

Abaphathi abaphezulu boMkhandlu we-Playhouse Company ngokuhlanganyela bakhe isu lokusebenzabaphinda bahlola izimo ezingcuphe kulo nyaka ovelele emlandweni waseNingizimu Afrika. Ngonyaka wezi-2016, sigubha iminyaka engama-40 selokhu kwaqubuka isibhicongo saseSoweto samhla ziyi-16 kuNhlangulana wezi-1976, ngokunjalo sigubha iminyaka engama-60 selokhu abesifazane baMashela ePhalamende ngowe-1956 bebhikishela imithetho yesikhathi sobandlululo yokuphathwa kwamapasi kanye nokunye okubi okwakuqukethwe yileyo mithetho.

Yiminyaka engama-60 futhi selokhu kwamukelwa uSomqulu Wenkululeko , yiminyaka engama-22 selokhu izwe lethu laba nokhetho lombuso wentando yabantu owatholakala kanzima. Yonke le Mpumelelo esemqoka ibe nomthelela eMkhandlwini nakubaphathi mayelana nohlobo lwemibukiso okumele ikhonjiswe ePlayhouse.

Kulo nyaka wezimali, i-Playhouse Company isayine isivumelwano sokuqinisa ububambiqhaza noMnyango Wezobuciko Namasiko ukuqhubeka nokuqinisekisa ukuthi iNkampani iyahambisana nezinjongo zoMnyango zokunikezela ngezidingo kubantu baseNingizimu Afrika.

Siyaphinda futhi sedlulisa ukubonga kwethu kubo bonke ababambiqhaza be-Playhouse, kubandakanya amakhasimende ethu, abezindaba kanye nomphakathi wase-KZN, waseNingizimu Afrika kanye nasemhlabeni jikelele, ngokukhombisa kwabo ukweseka nokuhlonipha iNkampani ngezindlela ezahlukene eziyifanele. Sengathi kungaqhubeka isikhathi eside!

Sengathi unyaka ozayo ungeza nezibusiso, impumelelo kanye nenhlonipho engapheliyo yezifiso zethu zokuqinisa ubunye ekwahlukahlukaneni ngokusebenzisa ubuciko, amasiko kanye namagugu.

***Nk Hlengiwe Christophina Mgabadeli***
USihlalo woMkhandlu



***Nk Linda Bukhosini***
**ISikhulu Esiphezulu eziphinde sibe nguMqon-disi Wezobuciko**

## 7. AMAZWI AFINGQIWE ESIKHULU ESIPHEZULU

Unyaka wezi-2015/16 ungunyaka we-10 selokhu i-Playhouse Company yethula ngokuzigqaja umbiko ongenagcobho.

Okuhambisana nale mpumelelo wuhlelo lwezobuciko obehlukahlukene obunobufakazi bomsebenzi owenziwa ngokuhlanganyela kwamaciko ahlukahlukene emidlalweni engama-400 okudlala kuyo amaciko ayi-14 055 edlalela ababukeli abehlukahlukene abayi-180 000.

Izinjongo zokwenza imidlalo yeshashalazi e-Playhouse Company zigxile ekuqanjweni nasekukhonjisweni kwemidlalo yasesiteji neyeshashalazi ekhonjiswa ngaphansi kwale migomo elandelayo:

- Imibukiso eseqophelweni eliphezulu ekhuthaza ubuciko obuthinta inhliziyo kubasebenzi bezobuciko kanye nababukeli;
- Ukufaneleka kokwakhiwa kwesizwe esibungaza ukwehlukahlukana ngokwamagugu esintu,[ futhi] enenqubekela phambili nokuthula;
- ukusungulwa kwamathuba omsebenzi kwabasebenza ngezobuciko;
- Ukusebenzisa ubuciko obudlalwayo kube yibona obunomthelela omkhulu ezindleleni zokuphila; kanye
- nokuhlomisa ngamakhono amaciko asakhula kanye namaciko omdabu.

Izinhlelo ze-Playhouse zihlala njalo ziphokophelele ukuqhubeka nokufaka isandla ekubambisaneni ukuze kulungiswe ukungalingani ngokobuhlanga kanye nokucwaswa ngokobulili okwenzeka ngesikhathi esedlule. Imibukiso enesandla ezingxoxweni eziphusile kanye nezingwazi zezobuciko yisona sisekelo sethu. Sihlala sazi ukuthi iNingizimu Afrika iyingxenye esemqoka ezwenikazi i-Afrika. Kuze kube manje izinhlelo zethu zifaka amaciko avelele amazwe ase-Afrika, okuyinto eqinisia ukuxoxisana kanye nokuthokozisa amakhasimende ethu emidlalo yeshashalazi.

Siyi-Playhouse Company, iyasithokozisa indlela esithola ngayo ukwesekwa kuyo yonke imikhakha kahulumeni; impela, akulula ukulinganisa izinjongo kanye nomsebenzi wokwengamela ohambisana nokuvelela kwezobuciko njengalokhu



sibhekene nezinselelo zokungabi bikho kwezinsizakusebenza noxhaso olwanele.

Simile ekuqhubekeni nokulawula izinsizakusebenza ukuze siqhubeke nokunikezela ngezidingo ngokomsebenzi lesi sikhungo esihloniphekile kangaka emphakathini esijutshelwe wona.

Kubiza ukuhlanganyela nokusebenzisana kubo bonke ababambiqhaza abavela emiphakathini yamaciko, uhulumeni, osomabhizinis abazimele, uMkhandlu, abaphathi kanye nabasebenzi, ababukeli nabezindaba ukuze kube nale Mpumelelo ezindaweni zethu zemidlalo yeshashalazi.

Siyanimema ukuba kenithi ukugxila ekhasini 8-23 eliveza futhi elibungaza impumelelo yethu yonyaka wezi-2015/16.

Zakhamuzi Zakithi, siyanimema ukuba niyethulele isigqoko le Mpumelelo – asiqhubekeni nokuba nobuntu.

| | IMIDLALO | IMIBUKISO | ABABUKELI | AMACIKO |
|---|---|---|---|---|
| Engaphakathi | 158 | 59 | 81 537 | 4 528 |
| Eyenziwa Eziteji Ezingomahambanendlwana | 40 | 8 | 8 850 | 1 864 |
| Eyenziwa Ngokuhlanganyela Nabanye | 130 | 16 | 40 503 | 1 433 |
| Eyenziwa Ngabaqashwe Ngaphandle | 100 | 60 | 43 176 | 6 230 |
| **ISAMBA** | **428** | **143** | **174 066** | **14 055** |





# IMIBUKISO (PRODUCTIONS)YANGAPHAKATHI

(exhaswe ngokuphelele ngezimali futhi yadidiyelwa yi-Playhouse Company.)

## Imidlalo emisha yasesiteji

### I-Hayani

I-Hayani, okusho ukuthi 'ikhaya' ngesiVenda, iwumdlalo owabhalwa ngu-Atandwa Kani, u-Warren Nebe kanye no-Nat Ramabulana, kanti umculo ngu-Mathew McFarlane. Umdlalo ukhuluma ngendaba yabalisa ababili abamnyama baseNingizimu Afrika abazama ukuzithuthukisa ezweni nalo elisazama ukuthuthuka. Uhambo lwabo luqala ngesikhathi bonke bebuyela "emakhaya" lapho bezohlangana khona nabantu bakubofuthi bazame nokuziqonda kangcono ngobubona.

### I-Bhakti

*I-Bhakti,* umbukiso womdanso ozizuzele umklomelo, uyajabulisa futhi ukhombisa umdanso opholile, amagama akhulunywayo, ifilimu kanye nomculo ogijima negazi.


*I-Bhakti* yaqala ukwenziwa ngu-Lliance Loots ongungoti kwezokudansa (choreographer) ngonyaka wezi-2010. Lo mdlalo unabadansi be-Flatfoot Dance Company kanye nabase-Playhouse Dance Residency uphelezelwa ngumculo we-djembe odlalwa nguMandla Matsha, i-Indian tabla ka-Vishen Kemraj, isigincgi sikamaskandi esidlalwa nguMadala Kunene, abadansi be-classic yasendiya abahambisana no-Manesh Maharaj kanye namagama akhulunywayo embongi u-Ian ewok Robinson.

### I-Missing...

*I-Missing...* ixoxa indaba yowayedingisiwe osebuyela eNingizimu Afrika nonkosikazi wase-Sweden kanye nendodakazi esithenjiswe umshado. Ngesikhathi enethemba lokuqala umsebenzi ophambili kuhulumeni omusha wentando yabantu, uzithola esenembangio abengayilindele engomunye wayekade edingiswe nabo futhi asondelene naye. Lo mdlalo uveza izinto eziningi ezisemqoka ababhekene nazo labo abake baya ekudingisweni abasanethemba lokubizwa babuye bazoba yingxenye kahulumeni. Kulo mdlalo obhalwe ngu-Dkt John Kani ngokubambisana nezingqwayingqwayi kwezemidlalo yeshashalazi u-Janice Honeyman (uMqondisi) noMannie Manim (oHlelo Ezokukhanyisa) bazama ukuveza indaba yothando kanye nezingqinamba kwezepoliti.

### I-7 Deadly Sins

*I-7 Deadly Sins* ikhuluma ngezono zasendulo zenkanuko,umhobholo, ubuvila, intukuthelo, umona kanye nokuziqhenya, ezivezwa ngosaziwayo baseThekwini u-Aaron McIlroy no- Lisa Bobbert lapho beqala uhambo lwabo lwempilo ngokuthi sibone ukuthi kungani abantu bengakwazi ukunamathela endleleni eqondile nenhle yokuziphatha.



I-Missing...



I-Santa's Story

I-Fishers of Hope

## IDili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika

INingizimu Afrika inothile ngamakhono ezobuciko kwabesifazane abehluekene ngokwezindawo abasuka kuzo. Leli Dili lihlinzeka ngenkundla emikhakheni yomdanso, ingoma, imidlalo yeshashalazi, amahlaya, izinkondlo kanye nezingxoxo, ukuze kubuyiswe izinkumbulo zakudala.

### I-Fishers of Hope

*I-Fishers of Hope,* umdlalo waseNingizimu Afrika odidiyelwe ngumbhali ophinde abe ngumdidiyeli oseziwolele imiklomelo eminingi uLara Foot, uveza ukwenzeka kwezinto ngendlela yase-Afrika. Lena yindlela encomekayo yokuxoxa indaba ngendlela yesintu sase-Afrika ehlanganise umdanso, umculo nanye nemibukiso yama-video.

### I-Santa's Story

Uqhamuka emdlalweni odlalwa e- New York, lapho ufakwe khona waba yingxenye yeDili lemidlalo elibizwa nge-First International Folksbiene Yiddish Festival, i-Santa's Story ishisa izikhotha, owesifazane ukhonjiswa eveza uhambo lukaSanta Pelham olukhuthazayo futhi olubuyisa ithemba. Wudaba olwasungulwa yindodakazi yakhe, engumculi we-opera osezuze indondo, u-Aviva Pelham.

## I-A Woman In Waiting

Umdlalo onesasasa osuwine indondo yamazwe omhlaba i-*A Woman In Waiting*, uxoxa ngomlando wohambo olungemnandi lwempilo yabesifazane besikhathi sobandlululo eNingizimu Afrika. KUlo mdlalo odlalwa ngowesifazane oyedwa (one-woman 'tour de force'), uThembi Mtshali-Jones usithatha asibeke ezikhathini zakhe esakhula, elindele ukubona unina kanye ngonyaka; phezu kwesiphithiphithi nezigigaba zasedolobheni okwakumele zibekezelelwe ngunina; kuMtshali-Jones kwasekumele awuyeke phansi umsebenzi wasemakhishini owawumenza ashiye ingane yakhe ahambe egada izingane zabanye kungathi ngezakhe. Ukuguquka kwempilo yakhe eba ngumculi nomlingisi odlule ebunzimeni eminyakeni edlule, yikhona okuyoba ngubufakazi bomdlandla okubantu kanye nokubungaza amandla okukwazi ukuzikhulumela kungenjalo kuzonqwabelana enhliziyweni. Ngokulandisa, ukulolozela, ukucula, ukuveza izithombe ezinyantisayo kanye nengoma enamndla, i- *A Woman In Waiting* ikhulumela abaseNingizimu Afrika ababekezelela impilo yobugqila nokuhlukunyezwa ngesikhathi sobandlululo futhi bazimela kanye nemindeni yabo phezu kwabo bonke ubunzima.



I-A Women in Waiting

## I-Gala Concert

Kubathandi bomculo intaka yabe ibekelwe amazolo kwi-Gala Concert okwakucula kuyo uThandiswa Mazwai, aMahotella Queens, uVumile Mngoma, uXolisa Dlamini, uKhanyo Maphumulo, uSally Silver kanye nabo bonke besifazane be- Playhouse Chorale, i-Band kanye ne-KZN Philharmonic Orchestra. Ikhonsathi yayinezinhlobonhlobo zomculo singabala i-Opera, uMaskandi nezinye.

## I-If The World Was Listening

I- *If the World Was Listening* idlalwa ngabe-Playhouse Dance Residency, yethula udaba ngezinkambo kanye nokuvundululwa kwezinto ezixhumene nabantu. Esusela ezindabeni zabantu abathile abasenkampanini, ungoti kwezomdanso, uSandile Mkhize ngobuchule uhlanganisa okubukwayo nalokho okwenziwayo ngomnyakazo.

## I-I Am

Idlalwa ngabe-Playhouse Dance Residency kanti umdanso udidiyelwe nguSandile Mkhize, lo mdlalo uveza ubudlelwano phakathi kwabantu nemvelo, izinto zemvelo kanye nesidingo somuntu ngamunye, kungakhathalekile ukuthi bangakanani ngokweminyaka ukuzama ukusindisa umhlaba. Ugxile kakhulu ekongiweni kwamanzi okuyinto evame eNingizimu Afrika uma kubhekwa lesi somiso esibhekene naso kanye nemiphumela yokungabikho kwamanzi.

## I-High Tea Networking Session

Lesi sithangami sokuxhumana okukhona kuso uMichelle Constant, sigxile ekwabelaneni nasekusunguleni amathuba amahle kanye nokusebenzisana kwabesifazane embonono yezobuciko.

## USuku Lokujabulisa Izingane Ngemidlalo Yeshashalazi

*Izingane zathatheka ngalo mbukiso onezigubhu, wokufaka izivimbabuso, ukupenda ubuso, ukudansa futhi ophetha ngomdlalo oyisipesheli, i- Penelope Pixie's Birthday Adventure*.

## Izingxoxo zabantu bezizukulwane ezehlukene

Lesi sithangami sezingxoxo okukuso uLeeanda Reddy, uLlianne Loots, u-Estelle Sinkins, uSbongile Nzimande kanye noLebo Mashile abadingida okumele kwenziwe ngamaciko uma eqhathaniswa nengqephu yosaziwayo, kungani kwande kangaka emidlalweni yasesiteji nakumabonwakude kwande udlame lwezocansi kanye nokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane.

### Ubuciko kanye Nemisebenzi Yezandla

Umbukiso wemisebenzi yezandla ukugubha amakhono kanye nokuba namandla kwabesifazane basezindaweni zasemakhaya.

### I-Open Day (uSuku Oluvulelekile)

I- Playhouse Company ngokubambisana noMnyango Wezempilo unikele ngomtholampilo ngumahambanendlwana kumakhasimdende, ikakhulu lawo asekhulile ngokweminyaka lapho kuzohlinzekwa khona ukwelulekwa kwamahhala kanye nezinhlelo zokuhlolela izifo ezahlukene.

### UMhlangano Wokucobelelana Ngolwazi Wamadoda Aphumele Obala Ngokulwa Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane

Emizamweni yokunqanda ukwenyuka kwezinga lodlame olubhekiswe kwabesifazane, okugcina sekukhuthaza ukungalingani ngokobulili, iDli lanonyaka lalibandakanya ithimba elabe lihola izingxoxo ezithinta labo abathinteka kakhulu emkhakheni wodlame olubhekiswe kwabesifazane. Inhloso kwakuwukuthola ukuzibophezela kwabaningi ekuthatheni izinyathelo ezifanele maqondana nokuhlukunyezwa kwabesifazane, njengalokhu iningi lababethamele kwabe kungabesilisa. AbabeyiziKhulumi Zosuku babandakanya uMhlonishwa uMntwana uMangosuthu Buthelezi; uMntwana uNhlanganiso Zulu; uMfanozelwe Shozi; uKhethani Njoko; uPatrick Shai kanye noFrances Chisholm. Lo mhlangano wokucobelelana ngolwazi wawuhlelwe ngabe-DramAide besebenzisa umkhankaso we-Brothers for Life ngaphansi kwesiqubulo esithi: '*Men Standing Against Violence on Women*, okungukuthi: Amadoda Amelene Nokuhlukunyezwa Kwabesifazane.'

### UMhlangano Wokucobelelana Ngolwazi maqondana naMakhaya Enganyelwe Yizingane

TI-Playhouse yasingatha uMhlangano Wokucobelelana Ngolwazi maqondana Nobuzali owawuqhutshwa nguLinda Zama ugxile ezingqinambeni zaMakhaya Enganyelwe Yizingane. Kwababezokwethula izinkulumo kwakukhona uZama Mabaso, onguMqondisi wenhlangano ebhekele iMindeni kanye Nemishado eningizimu Afrika (FAMSA), uPaddy Kearney, uHlengiwe Mgabadeli kanye noCookie Edwards.

### I-Open Mic/Slam Poetry

Inkundla yokuhaya ebizwa nge- Open Mic ne-Slam poetry eqhutshwa nguThuli Zuma noBongani Mavuso lapho izimbongi zanikwa khona ithuba lokwabelana ngezindaba zisebenzisa izinkondlo ezibheka izingxenye ezahlukahlukene zezinto zesimanje. Lo mcimbi wawubandakanya ne-Sundowner Concert enoKhanyo Maphumulo.



I-7 Deadly Sins

## Isikhathi sikaKhisimusi

### I-For Your Ears Only

Lo mdlalo othi awuthathe isimo somdlalo womoya kodwa odlalwa eshashalazini, i- *For Your Ears Only* kudlala kuyo uPaul Slabolepszy qobo lwakhe kanye noMichael Richard, uMichael Gritten, uLouise Saint-Claire, uSibusiso Radebe, uBheki Mqadi kanye Bronwyn van Graan bodumo. Umdlalo waqondiswa yisikhondlakhondla kwezeshashalazi kuleli, uRalph Lawson.

Usenza sicabanga ngokwenzeka ngale emdlalweni womoya, i- *For Your Ears Only* kudlala kuyo iqoqo labalingisi abahlangana e-studio somsakazo beyoqopha umdlalo womoya "oluchengechunge" odlala maviki wonke.

### I-Glitter Girls

Umdlalo uveza kakhulu umgubho wama-25 wokuhlangana kwabafundi base-Skolliesville High School ababefunda ngonyaka we-1989. Abalingisi abathathu abathandwa kakhulu baseThekwini, uLisa Bobbert, uLiesl Coppin noMarion Loudon, yibona abadlala kulo mdlalo wabesifazane (femme de force) obizwa nge-Glitter Girls.



I-A Christmas Celebration

## I-A Christmas Celebration 2

Inuye ngezinkani, i-Playhouse Company igoqa isikhathi samaholidi kaKhisimusi nge-*Christmas Celebration (okungukuthi uMgubho Wesikhathi Samaholidi kaKhisimusi)*, okungumdlalo oseqophelweni eliphezulu ofanele umndeni wonke.

Umdanso udidiyelwa ngu-Sean Bovim, kanti oseziwolele izindodo eziningi, uJiduth Sephuma ulingisa kulo mdlalo. Uhambisana ne-KwaZulu-Natal Philharmonic Orchestra,i-Playhouse Chorale kanye nabadansi be-Playhouse Dance Residency, ngalo Khisimusi kuzobe kulingisa izinwazi zabaculi nabadansi bakuleli abevile e-150 kubandakanya no Bongani Tembe, u-Andile KaMajola, uNeville D, uRaphael Vilakazi, uFilipa van Eck, uChristopher Duigan kanye noNozuko Teto. Umdlalo uzoqondiswa yisikhondlakhondla kwezeshashalazikuleli, uRalph Lawson.



## UHlelo lokweseka ezobuCiko Zomphakathi

Lolu hlelo oluthatha amaviki ayisishiyagalolumbili okusebenza kanzima luhlinzeka amaciko ngamakhono aphelele ezingxenyeni ezahlukene zobuciko obudlalwayo. Amakilasi okwelekelelana abandakanya ukulolongwa kwamaphimbo, umculo, ukuqondisa nokulawulwa ezobuciko, ukuhlelwa kwesabelomali, okuqondene nezinkontileka zamaciko, ukulawulwa kwebhizinisi, ukulondoloza umlando, ukukhulisa izikhwama, umdanso neminyakazo, ukulingisa, amakhono asesiteji kanye nawusizo okungaba ukulawula ukukhanya, imibukiso kanye nokuziphatha esiteji. Lolu hlelo luphethwa ngokuthi kubukiswe ngemidlalo edidiyelwa ngabekade belekelelwa ngamakhono.

## Izithangami zokuxhumana kwezobuciko

Zenzelwe  ukuthi amaciko ahlangane axhumane axoxisane ngezinto eziningi ezikule mboni.



Ingoma Competition

## Ubuciko Bemvelo

### Umqhudelwano weSicathamiya

Umqhudelwano Kazwelonke Wesicathamiya sase-Playhouse Company uyingxenye yenyanga yamagugu. Lolu hlobo lomculo wesintu lunamabaculi abevile ezi-2000 abaqhamuka kulo lonke laseNingizimu Afrika.

### Ingoma

Lo mqhudelwano womdanso wesiko lesiZulu ubandakanya izinhlobo ezahlukene okubalwa kuzo iSigekle, uShameni, Ingoma yezintombi kany neNgomasikhuze. Ngalo nyaka wezi- 2016 kuzobe sekungumqhudelwano wesi-5, ukuze kubungazwe lokhu, kwamukelwe isiqubulo sobunye ekwahlukahlukaneni kanye nokuhlalisana kahle komphakathi. Lo mcimbi ojabulisayo unamaqembu engoma anamasiko ehlukene okubalwa kuwo iqembu lomdanso waseNdiya, i-Nateshwar Dance Company, i-Congo Kwasakwasa Dancers, i-Namaqluand's Keeper of the Kumm, i-Burundian drummers kanye nezinye izinhlobo zobuciko ezidumule zezwekazi i-Afrika.

## Test Driving the Arts (uMhabulo Kwezobuciko)

Ikhonsathi lamahhala ngezikhathi zamadina, lanyanga zonke liba khona unyaka wonke kanti kulo kunamaciko endawo.

## Ama-Sundowners

Umphakathi wonke uyahlangana uzozipholela e-Playhouse Company uma uphuma emsebenzini njalo ngoLwesihlanu lokuqala lwenyanga, uzothokozela amabhendi e-Jazz edlala bukhoma umculo opholile ohambisana nengxube yezinkondlo namahlaya.



## Imibukiso Yezikole

### I-I Am

Kulo mdlalo uSandile Mkhize nguye oqondisa umdanso kanti wethulwa yi-Playhouse Dance Residency,i- *I Am idlalwa ezikoleni zase-KZN nase*-Playhouse Loft Theatre. Umbukiso ubheka ubudlelwano babantu nemvelo.



## I-Just Don't

Lo mbukiso ovusa amadlingozi, ukhuluma ngempilo yeziboshwa kanye nababeboshiwe bebe beseyizingane kanti unomyalezo oqinile entsheni. Usuzungeze i-KZN yonke ukhonjiswa eziteji ezingomahambanendlwana wakwazi ukufinyelela kubafundi abangama-33 000.



**Schools Tour: Just Don't**

## IMIBUKISO (PRODUCTIONS) YANGAPHAKATHI

(Yonke imibukiso ixhaswe ngezimali ngokuphelele futhi ididiyelwe yi- Playhouse Company)

| UMBUKISO | IMIDLALO | ABABUKELI | AMACIKO |
|---|---|---|---|
| I-Handel's Messiäh | 1 | 1 141 | 121 |
| Imidlalo Emisha Yasesiteji: i-Hayani, i-Missing, i-Bhakti, i-7 Deadly Sins | 22 | 5 992 | 32 |
| UHlelo Lokweseka Ezobuciko Zomphakathi | 1 | 80 | 22 |
| IDili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika | 36 | 6 466 | 242 |
| Izithangami Zokuxhumana Kwezobuciko | 2 | 74 | 26 |
| UMqhudelwano Wesicathamiya | 1 | 1 064 | 1 572 |
| I-For Your Ears Only | 11 | 2 640 | 7 |
| I- Christmas Celebration | 6 | 5 635 | 180 |
| I-I Am | 41 | 14 198 | 7 |
| IKhonsathi yesikhathi sePhasika | 1 | 435 | 94 |
| UMqhudelwano Wengoma | 1 | 3 504 | 1 633 |
| IKhonsathi yama-Sundowner with Poetry: 01 April 2015 – 31 March 2016 | 21 | 37 378 | 119 |
| UMhabulo Kwezobuciko: mhla lulu-1 kuMbasa wezi-2015 – zingama-31 kuNdasa wezi-2016 | 14 | 2 930 | 473 |
| **Imibukiso: 59** | **157** | **81 537** | **4 528** |

## EYENZIWA EZITEJI EZINGOMAHAMBANENDLWANA

| UMBUKISO | IMIDLALO | ABABUKELI | AMACIKO |
|---|---|---|---|
| **40** | **8** | **8 850** | **1 864** |

## EYENZIWA NGOKUHLANGANYELA

(Imibukiso eyethulwe nabanye abadidiyeli)

Imibukiso enhlobonhlobo ehlukene, amakhonsathi kanye namadili amahlaya ethulwa ngabadidiyeli abazimele ngokubambisana ne-Playhouse Company.

| UMBUKISO | IMIDLALO | ABABUKELI | AMACIKO |
|---|---|---|---|
| **16** | **130** | **40 503** | **1 433** |

## EYENZIWA NABAQASHWE NGAPHANDLE

(Imibukiso nemicimbi ezimele)

Imibukiso enhlobonhlobo ehlukene, amakhonsathi, amadili, imincintiswano yamakhwaya kanye nemicimbi yezobuciko eyenziwa ngabadidiyeli abazimele.

| UMBUKISO | IMIDLALO | ABABUKELI | AMACIKO |
|---|---|---|---|
| **60** | **100** | **43 176** | **6 230** |

## 8. ISITATIMENDE SESIBOPHO SOKUBIKA KANYE NOKUQINISEKISWA KOBUQINISO BOMBIKO WONYAKA

Ngokwazi kwami nalokho engikholelwa kukho, ngiqinisekisa lokhu okulandelayo:

Lonke ulwazi kanye nanani avezwe kulo Mbiko Wonyaka kuyahambisana neziTatimende Zezezimali Zonyaka

ezicwaningwe nguMcwaningimabhuku-Jikelele.

UMbiko Wonyaka uphelele, uyiqiniso futhi akukho okusilele ngaphandle kuwo.

UMbiko Wonyaka wenziwe ngokuhambisana nomhlahlandlela woMbiko Wonyaka njengalokhu ukhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke.

IziTatimende Zezezimali Zonyaka (INgxenye E) zenziwe ngokuhambisana nemigomo ye-GRAP esebenza ezinhlakeni zikahulumeni.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekelele ukwenziwa kwezitatimende Zezezimali Zonyaka kanye nezinqumo ezithathwa ngokwalolu lwazi.

Isikhulu esinesibopho sokubika sibhekelele ukusungulwa kanye nokuqalisa kwezinhlelo zokulawula zangaphakathi ezakhelwe ukunikezela ngesiqinisekiso esizwakalayo maqondana nobuqotho kanye nobuqiniso bolwazi lokwenziwa komsebenzi, ulwazi ngokuphathene nabasebenzi kanye neziTatimende Zezezimali Zonyaka.

Kuyaxhunyanwa nabacwaningimabhuku bangaphandle ukuze kutholakale umbono ongachemile maqondana neziTatimende Zezezimali Zonyaka.

Ngokombono wethu, uMbiko Wonyaka uveza ukusebenza, ulwazi lokwenziwa komsebenzi, ulwazi ngokuphathelene nabasebenzi kanye nezezimali zohlaka lukahulumeni kunyaka wezimali obuphela mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2016.

***Nk Linda Bukhosini***
ISikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko
Usuku : 31 kuNtulikazi wezi-2016

***Nk Hlengiwe Christophina Mgabadeli***
USihlalo woMkhandlu
Usuku : 31 kuNtulikazi wezi-2016

# Ingxenye B: Ulwazi Ngokwenziwa Komsebenzi

## 1. ISITATIMENDE NGESIBOPHO SOKUBIKA MAQONDANA NOKWENZIWA KOMSEBENZI SONYAKA OPHELE MHLA ZINGAMA-31 MARCH 2016

ISikhulu Esiphezulu sibhekele ukuqoqa ulwazi lokwenziwa komsebenzi kanye nezinqumo ezithathwa ngokwalolo lwazi e-Playhouse Company .

Kungumsebenzi weSikhulu Esiphezulu ukusungula nokuqalisa kokusebenza kohlelo lokulawula kwangaphakathi olwakhelwe ukunikeza isiqiniseko maqondana nobuqotho kanye nobuqiniso bolwazi lokwenziwa komsebenzi.

| Incazelo | Isibalo (%) | Isizathu sokungaphumeleli/ sokuphumelela ngokuphelele | Izindlela zokungenelela |
|---|---|---|---|
| Isibalo sokuhlosiwe maqondana nokwenziwa komseenzi ngonyaka | 49 | | |
| Okuhloswe ukuba kwenziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi ngonyaka okufezekile | 48 (98%) | | |
| Okuhloswe ukuba kwenziwe maqondana nokwenziwa komsebenzi ngonyaka okungafezekanga ngokuphelele | 1 (2%) | Ezinye izikhala zagcwaliswa ngabasebenzi abayitoho ukuze kongiwe ezindlekweni zokuqasha. Umehluko wama- 0.5% wenganyelwa ngabaphathi. | Azizange zicatshangwe. |

Ngokubona kwami, ulwazi lokwenziwa komsebenzi luveza ngokucacile okuyikhona okuphumelelekile ukuthi kwenzeke uma kuqhathaniswa nezinjongo, izinkomba kanue nokuhlosiwe okwakuhlelelwe ukuba kwenziwe ngokohlelo lonyaka lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company ngonyaka wezimali ophele zingama-31 kuNdasa wezi- 2016.

Ulwazi lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company lonyaka ophele zingama-31 kuNdasa wezi-2016 luhlolwe ngabacwaningi mabhuku bangaphandle, futhi umbiko wabo uyatholakala ekhasini-53-54.

Ulwazi lokwenziwa komsebenzi lwe- Playhouse Company oluvele emakhasini ama-28 kuya kwangama- 37 luvunywe yiBhodi.

***Nk Linda Bukhosini***

ISikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko

## 2. UMBIKO KAMCWANINGI MABHUKU: IZINJONGO EZAZINQUNYWE EKUQALENI

UMcwangi mabhuku-Jikelele waseNingizimu Afrika okwamanje ulandela zonke izinqubo ezifanele zokucwaningwa kwamabhuku maqondana nolwazi lokwenziwa komsebenzi ukuze anikeze isiqinisekiso esizwakalayo ngokuthi akhiphe isinqumo ngocwaningo. Isinqumo ngocwaningo maqondana nokwenziwa komsebenzi kuqhathaniswa nezinjongo ezazinqunywe ekuqaleni siyingxenye yombiko oya kubaphathi, uhambisana nokutholakele ocwaningweni okubikwe ngaphansi kwesihloko esithi Izinjongo Ezazinqunywe Ekuqaleni embikweni kamcwaningi mabhuku maqondana nezidingo zezomthetho.

Bheka ekhasini 53-54 loMbiko kaMcwaningi Mabhuku, oshicilelwe eNgxenyeni E: yoLwazi Ngezezimali.

## 3. ULWAZI LOKWENZIWA KOMSEBENZI NGOKWEZINHLELO

### 3.1 UHlelo 1: Ezokuphatha

#### 3.1.1. UHlelo Olungaphansi kolunye 1.1 Ukuphathwa Kwenkampani kanye Nezezimali

**A. Inhloso yohlelo** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokwengamela kanye nokweseka isikhungo ngezezimali.

**B. Incazelo:**

**B.1 Uhlaka** UMnyango Wezezimali wengamela izindaba zezimali, ukuphathwa kwenkampani kanye nokulandelwa kwemigomo yomthetho.

**B.2 IMinyango ebhekele ukwenza lo misebenzi** uMnyango Wezezimali

| Izinjongo/imiphumela yesu lokusebenza | Izinyathelo zokweseka izinjongo zesu lokusebenza | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2016-2017 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi 2017/2018 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi 2018-2019 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi 2019-2020 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo | Ukulandelwa ngokuphelele kwemigomo yemithetho njengokwemithetho elawula umsebenzi esijutshelwe wona kanye nokuqinisekisa ukuthi zonke izindlela zokulawula ezisebenzayo ziyahambisana nezinsizakusebenza ezikhona | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mabhuku ngo Ndasa wezi- 2015 | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mhla zingama-31 kuNdasa. | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mhla zingama-31 kuNdasa. | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mhla zingama-31 kuNdasa. | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mhla zingama-31 kuNdasa.. | Kwatholakala uMbiko ongenagcobho kuMcwaningi mhla zingama-31 kuNdasa. |
| | | Izinto okwakumele zithathelwe izinyathelo ngoNdasa wezi-2015 zaxazululwa zingakapheli zinyanga ezi-3 | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. |
| | | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo yomthetho olwenziwa njalo ngekota ngoNdasa wezi-2015 luthunyelwa ngesikhathi. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. |
| | | Izinhlelo zamasu okusebenza ezenziwa njalo ngekota ngoNdasa wezi-2015 zithunyelwa ngesikhathi | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. | Ukwenza imibiko ngohlelo lwamasu okusebenza olwenziwa njalo ngekota. |

### Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Izinjongo zamasu okusebenza | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi- 2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi- 2015-2016 | Umehluko phakathi kokuhlosiwe nokwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015-2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo | Okuzuziwe: UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi- 2015 | UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa | Okuzuziwe: UMbiko ongenagcobho kaMcwaningi owatholakala ngoyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi- 2015 | Akukho | N/A |
| | Okuzuziwe. Akukho okwabikwa ukuthi kutholakele ocwaningweni lwamabhuku | Ukuthathwa kwezinyathelo maqondana nokwatholakala ocwaningweni ezinyangeni ezintathu emva kokukhishwa kombiko. | Okuzuziwe. Akukho okwabikwa ukuthi kutholakele ocwaningweni lwamabhuku | Akukho | N/A |
| | Okuzuziwe. Uhlu olwenziwa njalo ngekota ukuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yomthetho lwaphothulwa ngesikhathi. | Uhlu lokubheka ukuthi iyalandelwa yini imigomo ye-PFMA/neMithethonqubo kaMgcinimafa Kazwelonke lugcwaliswa njalo ngekota. | Okuzuziwe. Uhlu olwenziwa njalo ngekota lokuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yemithetho lwaphothulwa ngesikhathi. | Akukho | N/A |
| | Okuzuziwe. Izinhlelo zonyaka zokwenziwa komsebenzi ezenziwa njalo ngekota zenyanga kaNdaza wezi-2015 zathunyelwa ngesikhathi | Ukwenza imibiko yohlelo lokwenziwa komsebenzi wonyaka njalo ngekota | Okuzuziwe. imibiko yohlelo lokwenziwa komsebenzi wonyaka njalo ngekota yenziwe ngesikhathi | Akukho | N/A |

## Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala ngonyaka wezi- 2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi- 2014- 2015 | Okuhlosiwe okuhleliwe ngonyaka wezi- 2015- 2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi- 2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi- 2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 2.1 Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphathwa kwezimali kanye nenkampani ngendlela efanele futhi enempumelelo. | Ukuqinisekisa ukuthi inkampani iyazilandela zonke izidingo zezindlela zokulawula kanye nemithetho esebenzayo | Umbiko kaMgcini Mabhuku ongenagcobo minyaka yonke. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| | | Akubanga nambiko maqondana neziTatimende Zezezimali kanye Nolwazi Lokwenziwa Komsebenzi. | 0 | 0 | 0 | 0 | N/A |
| | Ukubuyekeza kuphinde kulungiswe minyaka yonke zonke iziNqubomgomo kanye Nezinqubo enkampanini. | Ukuxoxisana kwaminyaka yonke maqondana nezinguquko okumele zenziwe kuzo zonke Izinqubomgomo zangaphakathi enkampanini mhla lu-1 kuMbasa. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| 2.2 Ukuqalisa kokusebenza kwezindlela zokulawula, izinqubo kanye nezinhlelo zalokhu okungenhla | Ukuqinisekisa ukuthi ukucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi kwenziwa kuphothulwe njalo ngekota | Kufanele kwenziwe ucwaningo mabhuku lwangaphakathi ka-4 ngonyaka | 4 | 4 | 5 | 1 | Kwacelwa abacwaningi mabhuku bangaphakathi ukuba balandelele ekucwaningweni kwamabhuku |
| | Ukuqinisekisa ukuthi kuyenzeka ukubusa okuhle kanye nokulawula. | Kumele kuvezwe okungenani isilinganiso sama-10% ezinto ezisemqoka ezitholakele embikweni ngamunye wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi. | 0% | 10% | 0% | 10% | Akubanga nambiko wokutholakele okunqala |
| | Uhlelo lokuhlolwa kwezimo ezingcuphe kwenziwe kuphothulwe njalo ngonyaka. | Kufanele njalo ngonyaka kwenziwe umbiko owo-1 maqondana nokuhlolwa kwezimo ezingcuphe mhla zingama-30 kuMbasa. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| | Ukubuyekeza uhlelo lwe-IT(lwemisebenzi yezobuchwepheshe). Ukwenza ngcono ingqalasizinda ye-IT. Ukuhlinzeka ngezinsizakusebenza ze-IT kuyo yonke iminyango. | Umbiko wanyanga zonke uveza ukwehla kokusebenza ngesilinganiso esingaphansi kwama-10% | 0% | 10% | 0% | 10% | Akubanga bikho isikhathi lapho kube nemishini engasebenz |
| 2.3 Impahla Engagudluki: Ukwenyusa izinga lokuphumelela ukuphatha kwempahla engagudluki | Ukuqinisekiswa kwempahla engagudluki okwenziwa kahlola kabili ngonyaka. Ukulungiswa kwerejista yempahla engagudluki okwenziwa nyanga zonke kanye nokufakwa kwamagabelo (barcode) empahleni entsha. | Ukuba khona kwerejista yempahla engagidluki ehambisana nemigomo yeNqubomgomo Yempahla Engagudluki mhla zingama-31 kuNdasa. | 2 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| 2.4 Ukulawulwa Kokuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla (SCM): Ukuqinisa ukulandelwa kwemigomo yezinqubomgomo ze-SCM kanye neziqbubo. | Ukuqalisa kokusebenza kwemiyalelo yokusebenza kaMgcinimafa ngezikhathi ezibekiwe | Ukuqinisekisa ukuthi yonke imiyalelo yokusebenza kaMgcinimafa kuyaxoxwa ngayo nabasebenzi ezinsukwini ezingama-30 yamukelwe kuMgcinimafa. Kumele kube khona amaminithi alowo mhlangano noma kube khona i-imeyili efakazela lokhu. | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | Ukulandelwa kwemigomo yomthetho ngokuphelele (100%) | 0 | N/A |
| 2.5 Ukwenza isabelomali kanye nokubika: Ukwenza ngcono izinga lokuphathwa kwezimali kanye nokulawula kwemali exhasa i- Playhouse Company | Ukuqapha isabelomali kanye nokuchaza ngomehluko oba khona nyangazonke kumbe njalo ngamakota | Umehluko wama-5% wkwenziwe uma kuqhathaniswa nesabelomali kumele ube nencazelo nyanga zonke | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| | Izabelomali zaminyaka yonke kumele zithunyelwe kwa-DAC mhla zingama-31 kuNwaba, zingama-30 kuLwezi bese kuthi mhla ziyi-15 kuMasingana minyaka yonke kuthunyelwe esokugcina | Ama-akhawunti abaphathi anyanga zonke kumele athunyelwe kuBaphathi, kwi-FINCO kanye nakumalungu eKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokubusa ngomhla wama-30 wanyangazonke. month. | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| | | Ama-akhawunti abaphathi anyanga zonke kumele athunyelwe kuBaphathi, kwi-FINCO kanye nakumalungu eKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokubusa ngomhla wama-30 wanyangazonke. month. | 4 | 4 | 4 | 0 | N/A |
| 2.6 Izikweletu: ukuqhamuka nohlelo lokuqondosa inqubo yokuba nezikweletu. | Ukuqalisa uhlelo lokulawula izikweletu. | Isilinganiso sama-90% sokuqoqwa kwezikweletu ngaphandle kwalezo ezithinta ezomthetho mhla zingama-31 kuNdasa. | 100% | 90% | 100% | 10% | Zikhokhwe zonke izikweletu ngaphandle kwalezo ezithinta ezomthetho |

## Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ukuphathwa Kwenkampani kanye Nezezimali | 12 550 | 11 353 | 1 197 | 11 921 | 11 379 | 542 |
| **Isamba** | **12 550** | **11 353** | **1 197** | **11 921** | **11 379** | **542** |

## 3.1.2. Uhlelo olungaphansi kolunye 1.2: Ezikandabazabantu

**A. Inhloso Yohlelo** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka abasebenzi benkampani.

**B. Incazelo:**

**B.1 Uhlaka** UMnyango Kandabazabantu ulawula ezabasebenzi kanye nokulandelwa kwemigomo yemithetho ngabasebenzi .

**B.2 IMinyango ebhekele ukwenza lo msebenzi** UMnyango Kandabazabantu

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015/2016 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi- 2016/2017 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2017/2018 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2018/2019 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019/2020 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 3. Ukweseka ngempumelelo kanye nokusebenzela ukufeza izidingo zabasebenzi benkampani | Ukuhlinzeka ngokuqeqeshelwa amakhono azoqinisekisa ukuthi kunabasebenzi abanamakhono adingekayo asezingeni eliphezulu | Ingxenye engama-99% yohlelo lokuqeqesha iqalile ukusebenza zingama-31 kuNdasa wezi-2015 | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha iqala ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke |
| | Ukwelekelela abaphathi ekuqaliseni uhlelo lokulawulwa kokwenziwa komsebenzi | Ukuhlolwa kwesikhashana kanye nokokugcina kokwenziwa komsebenzi kwenziwa ngesikhathi kuNdasa wezi-2015 | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhlosiwe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015-2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| 3. Ukweseka ngempumelelo kanye nokusebenzela ukufeza izidingo zabasebenzi benkampani | Okuzuziwe. Ingxenye engama-99% ohlelo lokuqeqesha yaphothulwa ngasekupheleni kuNdasa wezi- 2015 | Ingxenye engama- 90% yohlelo lokuqeqesha iqalisa ukusebenza zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | Okuzuziwe. Uhlelo lokuqeqesha luphothulwe ngokuphelele (100% ) ekupheleni kukaNdasa wezi-2015 | Akukho | N/A |
| | Okuzuziwe. Ukubuyekezwa kwesigamu sokuqala sonyaka kwaphothulwa ngoMfumfu wezi-2014, kanti ukubuyekezwa kwesibili kwaphothulwa ngoMbasa wezi- 2015. | Izivumelwano zokwenza umsebenzi zenziwa mhla zingama-31 kuNdasa kuphinde kwenziwe uhlelo lokuhlola ukwenziwa komsebenzi kabili ngonyaka. | Okuzuziwe. Ukubuyekezwa kwesigamu sokuqala sonyaka kwaphothulwa ngoMfumfu wezi-2015, kanti ukubuyekezwa kwesibili kwaphothulwa ngoMbasa wezi- 2016. | Akukho | N/A |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014- 2015 | Okuhlosiwe okuhleliwe onyakeni wezi-2015- 2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015-2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 3.1 Ukuqinisekisa ukuqhubeka nokuqasha abasebenzi abanamakhono, ithalente futhi abanogqozi lokusebenza ukuze bakwazi ukuhlangabezana nezidingo zenkampani. | Ukuqaliswa kokuqasha ngendlela efaneleyo, ukuqeqesha nokuthuthukisa kanye nokuphathwa kwamazinga okwenziwa komsebenzi. | Ukulandela uhlelo olukhona njalo ngomhla lu-1 kuNdasa minyaka yonke, okungukuthi indlela yokuqasha, ukuqeqeshwa kanye nohlelo lokuthuthukiswa ngokunjalo nohlelo lokuhlolwa kokwenziwa komsebenzi | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| 3.2 Ukuphathwa, ukuqapha kanye nokuhlola ngempumelelo uhlelo lokuqasha abanye abasebenzi ezikhundleni zabanye. | Ukubuyekeza minyaka yonke isibalo sabasebenzi abashiyayo emsebenzini nalabo abasekhona. | Ukubika ngesibalo sabasebenzi abashiyayo emsebenzini nalabo abasekhona njalo ngenyanga | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| | | Izinga lezikhala zemisebenzi lingaphansi kwama-10% | New | 10% | 10.50% | 0.50% | Abaphathi bayayibheka indaba yomehluko wama-0.5%. |
| | | Ukubuyekeza izikhala zomsebenzi esezigcwqalisiwe ziqhathaniswa nalezo ezibekelwe isabelomali bese kubikwa ngazo emihlanganweni yabaphathi nyanga zonke. | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| 3.3 Ukulandela imigomo yemithetho yokuQasha Ngokulingana | Ukubuyekezwa koHlelo Lokuqasha Ngokulingana | Ukubika ngenqubekela phambili yohlelo lokuqasha ngokulingana iqhathaniswa nohlelo njalo kwekota. | 4 | 4 | 4 | 0 | N/A |
| 3.4 Ukuqeqesha nokuthuthukisa | Ukuhlinzeka ngokuqeqeshelwa amakhono azohlomisa abasebenzi ukuze benze umsebenzi wabo ngendlela eseqophelweni eliphezulu. | Ukusungula uhlelo lokuqeqesha lokuthuthukisa/isabelomali minyaka yonke kanye nokuqinisekisa ukuqalisa kokusebenza kwalo ekupheleni kukaNdasa minyaka yonke. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| | | Ingxenye engama-90% yohlelo lokuqeqesha kanye nesabelomali kuzobe sekuphothulwe ngempumelelo mhla zingama-31 kuNdasa waminyaka yonke. | 99% | 90% | 100% | 10% | Ukuphathwa ngendlela efanele kohlelo kwenze ukuthi luqalise ukusebenza ngokuphelele (100%) |
| | Ukubuyekezwa kokwenziwa komsebenzi okwenziwa kabili ngonyaka kubo bonke abasebenzi. | Ukuphothulwa kokubuyekezwa kokwenziwa komsebenzi kubo bonke abasebenzi okuzokwenziwa kabili ngonyaka. | 2 | 2 | 2 | 0 | N/A |
| 3.5 Ukuqinisekisa isimo esizinzile sendawo yokusebenza kwe-IR | Ukwakhiwa kanye nokunakekelwa kophiko olubhekele ubudlelwano bokusebenzisana phakathi komqashi nabasebenzi | Ukubika ngokulalelwa kokuqondiswa kwezigwegwe okwenzekile njalo ngekota | Yintsha | 4 | 4 | 0 | N/A |
| | | Ukuhlangana kuxoxiswane ngezivumelwano zamaholo neSithangami Sezingxoxo Zamaholo Esididiyele | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |

## Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ezikandabazabantu | 2 362 | 2 324 | 37 | 2 344 | 2 417 | (73) |
| **Isamba** | 2 362 | 2 324 | 37 | 2 344 | 2 417 | (73) |

## 3.1.3. UHlelo olungaphansi kolunye 1.3: IMisebenzi Yokweseka

**A. Inhloso yohlelo** — Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka ngengqalasizinda, imali yokuqalisa umsebenzi kanye nokuvikeleka

**B. Incazelo:**

**B.1 Uhlaka** — UMnyango Wemisebenzi Yokweseka lwesekwa ngumnyango wezokunakekela, indawo yokusebenzela eseMayville kanye nezokuvikeleka.

**B.2 IMinyango ebhekele ukwenza lo misebenzi** — UMnyango wemisebenzi yokweseka, indawo yokusebenzela eseMayville kanye nezokuvikeleka

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015/2016 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2016/2017 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2017/2018 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2018/2019 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019/2020 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngendlela esebenzayo, enempumelelo futhi ephephile yokulawulwa kwempahla | Ukwenza uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha | Uhlelo lokweseka nezokuphepha lwaselukhona mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2015. Inqubekela phambili yaminyaka yonke kwabikwa ngayo emihlanganweni yabaphathi | Uhlelo olucacile ngokwelekelelwa ekuphathweni kwengqalasizinda kanye nohlelo lwezokuphepha lu-1 kuNhlolanja minyaka yonke kanye nokubika ngokuqhubekayo zinyanga zonke. | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke. | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke. | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke. | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke. |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi- 2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi- 2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukuhlinzeka ngohlelo olusebenzayo, olusheshayo futhi oluphephile lokulawulwa kwempahla | Okuzuziwe. Izinhlelo zokweseka kanye nezokuphepha zavunywa mhla lu-1 kuNhlolanja. Kwabikwa ngenqubekela phambili kuyo yonke imihlangano yabaphathi yanyanga zonke | Uhlelo oluphelele lokwesekwa kwengqalasizinda kanye nezokuphepha lube selukhona mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke futhi kubikwe ngenqubekela phambili yanyanga zonke. | Okuzuziwe. Izinhlelo zokweseka kanye nezokuphepha zavunywa mhla lu-1 kuNhlolanja. Kwabikwa ngenqubekela phambili kuyo yonke imihlangano yabaphathi yanyanga zonke | Akukho | N/A |

## Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 4.1 Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka efanele, esheshayo futhi ephephile yengqalasizinda | Ukuqhamuka kanye nokuqalisa kokusebenza ngesikhathi esifanele kohlelo olusheshayo futhi olunempumelelo lokunakekelwa kwezimoto impahla yokusebenza kanye nezakhiwo mhla lu-1 kuNhlolanja waminyaka yonke | Imibiko ebhaliwe yanyanga zonke yokunakekela kanye nempendulombiko eminyangweni efanele | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| 4.2 Ukuthola izimali zoxhaso zezindleko ezinkulu ngokuhlanganyela nophiko lwezokumaketha kanye nolwemisebenzi edidiyele futhi nokuxhumana ne-CEO | Ukusungulwa nokuqalisa kokusenza koHlelo Lonyaka Lokulawula Ukusetshenziswa Kwemali Yoxhaso Lokuqalisa Umsebenzi lokufuna Imali yoxhaso lwemiklamo emikhulu. | UHlelo Lonyaka Lokulawula Ukusetshenziswa Kwemali Yoxhaso Lokuqalisa Umsebenzi mhla zingama-28 kuNhlolanja waminyaka yonke. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| 4.3 Ukugcina isimo sendawo yokusebenza sinempilo futhi siphephile. | Ukuqhamuka kanye nokuqalisa ukusebenza kohlelo lwezempilo nokuphepha oluhambisana nemithetho yezeMpilo Nokuphepha. | Ukubuyekeza uHlelo Lwezempilo Nokuphepha bese kuthunyelwa umbiko mhla lu-1 kuNhlaba. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| | | Imihlangano eba njalo ngekota yezeMpilo Nokuphepha enamaminithi aqoshiwe | 4 | 4 | 4 | 0 | N/A |
| 4.4 Ukuqikelela ukunakekelwa kahle kwezimoto ze-Playhouse. | Ukubuyekeza, ukulungisa kanye nokuqalisa kokusebenza kohlelo lokunakekelwa kwezimoto. | Uhlelo lokunakekelwa kwezimoto kufanele lube selukhona mhla lu-1 kuMbasa waminyaka yonke futhi luyaqalise ukusebenza njalo njalo. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |

## Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Imisebenzi Yokweseka | 23 416 | 20 327 | 3 089 | 22 592 | 19 571 | 3 021 |
| **Isamba** | **23 416** | **20 327** | **3 089** | **22 592** | **19 571** | **3 021** |

## 3.2 UHlelo 2: Ukuthuthukiswa Kwamabhizinisi

### 3.2.1 UHlelo Olungaphansi kolunye 2.1: Ezobuciko, iziMakethe kanye Nemisebenzi Yezobuchwepheshe

**A. Inhloso yohelo** Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso, amakhonsathi kanye nemicimbi yezobuciko ngokweminxa ehlukahlukene.

**B. Incazelo:**

**B.1. Uhlaka** UMnyango Wezobuciko ubhekele ezobuciko kanye nezinhello zezokuphatha. UMnyango Wezokumaketha lubhekele ezokuxhumana kanye nokudayisa. UMnyango Wemisebenzi Yezobuchwepheshe lubhekele ukuxhunywa kwesiteji ngobuchule.

**B.2. IMinyango ebhekele ukwenza lo msebenzi** uMnyango Wezobuciko, oWezokumaketha kanye Nowemisebenzi Yezobuchwepheshe.

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015/2016 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi- 2016/2017 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2017/2018 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2018/2019 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019/2020 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso ehlelekile futhi efundisayo. | Ukusungula uHlelo Lonyaka Lwezobuciko olubandakanya imibukiso yezobuciko ehlelekile nethuthukisayo. | UHlelo Lwezobuciko lonyaka ophele mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2015oluphothulwe mhla zingama-28 kuNhlolanja wezi -2014. | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja. | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja. | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja. | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja. | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja. |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi- 2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukudidiyela kanye nokwethulwa kwemibukiso ehlelekile futhi efundisayo. | Okwenziwe. Kwaphothulwa uHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-28 kuNhlolanja | Ukuba khona koHlelo Lwezobuciko oseluphothuliwe mhla zingama-28 kuNhlolanja | Okwenziwe. Kwaphothulwa uHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-28 kuNhlolanja | Akukho | N/A |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015-2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1.1 Ukudidiyela kanye nokwethula imibukiso yezobuciko, ejabulisayo futhi efundisayo (kuncike ekutheni ikhona yini imali) | Ukusungula uHlelo Lonyaka Lwezobuciko. (AAP) | I- AAP ephothulwe mhla zingama-28 kuNhlolanja, izobandakanya lokhu okulandelayo: | | | | | |
| | Ukuqalisa kokusebenza koHlelo Lonyaka Lwezobuciko zingama-31 kuNdasa minyaka yonke | a) Imidlalo/umculo wesintu | 2 | 2 | 2 | 0 | N/A |
| | | b) Imidlalo yasesiteji emisha | 3 | 3 | 4 | 1 | Kwenziwa imibukiso ey-engeziwe ngenxa yokuthi izihlwele kanye namaciko ayedinga engaphezu kweyayihleliwe |
| | | c) Idili Lezobuciko Labesifazane baseNingizimu Afrika | 12 | 4 | 14 | 10 | Kwenziwa imibukiso ey-engeziwe ngenxa yokuthi izihlwele kanye namaciko ayedinga engaphezu kweyayihleliwe |
| | | d) IziNhlelo Zezikole | 6 | 2 | 4 | 2 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe ngokuhambis-ana nesidingo sokufundisa kanye nokuqwashisa aba-fundi ngesihlava esikhona emphakathini. Isb. Obaba abadala abathandana nezingane, ukuhlaselwa kobhejane. |
| | | e) UMhabulo Wezobuciko | 13 | 11 | 14 | 3 | Kwethulwa amakhonsathi ama-3 engeziwe ngenyanga kaZibandlela |
| | | f) Isikhathi samaholide kaKhisimusi | 4 | 3 | 3 | 0 | N/A |
| | | g) IMibukiso kanye Nemicimbi eyenziwa ngokuhlanganyela | 18 | 10 | 16 | 6 | Kwavuleka amathuba okwelekelela abasebenzi bezobuciko abengezi-wekanye nabadidiyeli kube kungekho zindleko ezengeziweno. |
| | | h) UHlelo Lomphakathi Lokuhlomisana Ngolwazi Kwezobuciko | 5 | 3 | 8 | 5 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe emi-5 ngokwesabemali ehleliwe. Ababeyingxenye yalolu hlelo bakwazi ukubam-ba iqhaza emidlalweni ehlukene futhi bakwazi ukuveza amakhono abo. |
| | | i) Imibukiso kanye Nemicimbi eyenziwa ngabaqashwe ngaphandle | 52 | 20 | 60 | 40 | Isidingo sendawo yokusebenzela saba ngaphezu kwalokhu okwakulindelekile |
| | | j) Imibukiso eyenziwa esiteji esingumahambanendlwana | 68 | 40 | 40 | 0 | N/A |
| | | k) Imibukiso yantambama emva komsebenzi (Sundowners) | 15 | 12 | 17 | 5 | Kwenziwa imibukiso eyengeziwe ngenyanga yedili lezobuciko babesifazane ukuze kusatshalaliswe izinhlelo ezikhona. |
| 1.2 Ukuqinisekisa ukulingana ezinhlelweni zethu zezobuciko | -AAP izoqinisekisa ukuthi okungenani bangama-80% abantu ababencishwe amathuba phambilini ababamba iqhaza minyaka yonke. | Ithimba lezobuciko kanye nohlelo lontanga lokubuyekeza ukuqinisekisa ukuthi Isilinganiso okungenani sama-80% sabantu ababencishwe amathuba phambilini babamba iqhaza minyaka yonke. | 85% | 80% | 91% | 11% | Ukwenziwa kwemibukiso eyengeziwe kwasenza sakwazi ukwenyusa izinga lokufinyelela kubantu ababencisheke amathuba phambilini |

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015-2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1.3 Ukwenzela i-Playhouse Company igama nokuyikhulisa, ukumaketha imibukiso edidiyelwe ngaphakathi kanye nokuzama ukuthola uxhaso lwemibukiso nokusebenzisana | Ukwakha ubudlelwano bokusebenzisana nabemithombo yokwazisa. | Ukwakhela inkampani igama elihle kanye nokubambisana nabemithombo yokwazisa okungadla imali engaphezu kwama-R900 000 minyaka yonke. | R 22 537 443 | R 2 000 000 | R 35 841 076 | R 33 841 076 | Asikho isiqiniseko sokusatshalaliswa kolwazi. Inani lempahla elingabalwa ngemali leqa kulokho okwakulindelekile. |
| | Ukusungula imikhankaso yokumaketha imibukiso edidiyelwe ngaphakathi ukuze kutholakale uxhaso lwayo lwezezimali kanye nokusebenzisana | Uhlelo lwezokumaketha okufanele lube seluphothuliwe zingama-28 kuNhlolanja minyaka yonke. | 1 | 1 | 1 | 0 | N/A |
| | Ukuqinisa ubudlelwano nemiphakathi yezobuciko | Ukuba khona kohlelo lwezokuMaketha mhla zingama-28 kuNhlolanja minyaka yonke. | | 1 | 1 | 0 | N/A |
| 1.4 Imisebenzi Yezo-buchwepheshe Yase-siteji: Ukuqinisekisa ukuthi zonke izindawo zemidlalo yeshashalazi kanye nezinsizakuse-benza, uMsindo, ukuKhanyisa, IMpahla Yokugqoka kanye ne-Situdyo Sokurekhoda kumi ngomumo | Ukubuyekeza kanye nokuqalisa kokuse-benza kwezinhlelo zokunakekela zon-ke izindawo kanye nezinsizakusebenza zobuciko: uMsindo, ukuKhanyisa, iMpahla Yokugqoka kanye neSitudyo Sokuqopha. | Ukuba khona kom-biko wanyanga zonke wokunakekela onobufakazi bokwenziwa ngcono kwazo zonke Izindawo kanye nezinsizakusebenza, uMsindo, ukuKhanyisa, iMpahla Yokugqoka kanye neSitudyo Sokuqopha. | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |
| 1.5 Ukwenza umsebenzi osez-ingeni eliphezulu wokwamukela nokunakekela amakhasimende ekuNgeneni. | Ukwenza uhlelo oluqhubekayo lokuhlola ukwenel-iseka kwamakhasi-mende. | UMbiko Wonyaka Ngokuhlolwa Kokwenel-iseka Kwamakhasimende okwenziwa nyanga zonke. | 12 | 12 | 12 | 0 | N/A |

## Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | **R'000** | **R'000** | **R'000** | **R'000** | **R'000** | **R'000** |
| 1. Imisebenzi Yezobuciko kanye Neyezobuchwepheshe | 29 500 | 26 940 | 2 561 | 26 362 | 24 824 | 1 538 |
| **Isamba** | **29 500** | **26 940** | **2 561** | **26 362** | **24 824** | **1 538** |

## 3.3. UHlelo 3: Imali Engenayo

**A. Inhloso yohlelo** Ukwenza kube khona imali engenayo.

**B. Incazelo:**

**B.1 UHlaka** Umnyango wezezimali ubhekele imali engena ngokutshalwa kwezimali, umnyango wezobuciko ngemali yemibukiso eqondene nezobuciko kanye nomyango wemisebenzi yokweseka ngemali yerenti, yempahla yokugqoka esiteji, yemidlalo kanye nengena ngezinto ezisetshenziswa esiteji.

**B.2 IMinyango eqondene** uMnyango wezezimali, owezobuciko kanye nowemisebenzi yokweseka

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Ulwazi okususelwa kulo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015/2016 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi- 2016/2017 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2017/2018 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2018/2019 | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2019/2020 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Ukwandisa imithombo lapho inkampani ithola khona imali. | Ukuqoqa uxhasomali lwengqalasizinda kanye nezinye izidingo zenkampani emithonjeni eyehlukahlukene ukuze lezo zimali zifakwe ohlelweni lwesabelomali sonyaka. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sivunywe nguMkhandlu mhla ziyi-15 kuMasingana wezi-2015. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. |

## Izinjongo zamasu okusebenza, izinkomba zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokuhlosiwe okwenziwe ngempela Izinjongo zamasu okusebenza

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi- 2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi- 2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|
| Ukwandisa imithombo lapho inkampani ithola khona imali. | Okuzuziwe. Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sifakiwe kwisabelomali esavunywa uMkhandlu ngoMasingana | Isabelomali esesiphithuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali mhla zingama- 28 kuNhlolanja. | Okuzuziwe. Isabelomali esesiphothuliwe esifaka nemithombo exhase ngemali sifakiwe kwisabelomali esavunywa uMkhandlu ngoMasingana | Akukho | N/A |

## Izinkomba ezinqala zokwenziwa komsebenzi, okuhlosiwe okuhleliwe kanye nokwenziwe ngempela

| Imiphumela: izinjongo ezinqala | Izinyathelo ezizothathwa ukuphumelelisa izinjongo | Izinkomba zokwenziwa komsebenzi ezincike ebufakazini futhi okulula ukuzikala zowezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2014-2015 | Okuhloswe okuhleliwe ngonyaka wezi-2015-2016 | Okwenziwe ngempela ngonyaka wezi-2015- 2016 | Umehluko phakathi kokwenziwe ngempela nokuhlosiwe ngonyaka wezi-2015- 2016 | Ukuphawula ngomehluko |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 5.1 Ukwandisa imithombo emikhulu engenisa imali | Ukuhlanganisa kanye nokuqalisa kokusebenza kohlelo oluphelele lwemali enkulu engenayo | U-CFO kumele ahlanganise imali enkulu engenile ukuze Ibe yingxenye yesabelomali, esizobe sesikhona mhla zingama-28 kuNhlolanja waminyaka yonke. | 2 | 2 | 2 | 0 | N/A |
| 5.2 Ukutshalwa kwezimali: Imali eziyinzuzo engene ngenxa yokutshalwa kwezimali iqinisekisa ululandelwa kwemigomo yeNqubomgomo Yokutshalwa Kwezimali | Ukutshala Imali emabhange amakhulu ezweni ngezilinganiso zamanani enzuzo ezingaphansi kwama -5%. | Ukuthola amabhange amakhulu okuzotshalwa kuwo imali ngezilinganiso zamanani enzuzo ezingaphezu kwama -5%. | Yes | Yes | Yes | 0 | N/A |
| 5.3 Imali engenile ngenxa yokuqashisela abantu bangaphandle: ngeziteji ezisesthenziswa ngokuhlanganyela kanye nalezi ezingomahamba nendlwana | Ukusungula kuphinde kuqalise ukusebenza kohlelo ukuze kuphunyeleliswe isabelomali esihlosiwe esakhelwe ukuqashisela abantu bangaphandle ngezindawo zemidlalo yeshashalazi. | Ukuqashwa kwendawo yemidlalo yeshashalazi ngabantu bangaphandle ukuze kufinyelelwe kuma-90% emali ehlelwe ukuba ingene ngonyaka. | 385% | 90% | 420% | 330% | Isidingo sezindawo zemibukiso saba ngaphezu kwalokho okulindelekile |
| 5.4 Abaqashile, Izimpahla zokugqoka, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa ngabalingisi esiteji(Props) | Ukuqinisekisa ukuthi kunemali engenayo ngokuqashwa kwendawo yokusebenzela, impahla yokugqoka uma kunemidlalo yasesteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji, lokhu kufanele kuhambisane nokuhlosiwe okuhlelelwe kwisabelomali. | Abaqashile, ukuqashisa ngempahla yokugqoka esiteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji ukuze kufinyelelwe kuma-75% emali ehlelwe ukuba ingene ngonyaka | 132% | 75% | 97% | 22% | Isidingo sendawo yokusebenzela, impahla egqokwa esiteji, imidlalo kanye nezinto ezisetshenziswa esiteji kweqa esidingweni uma kuqhathaniswa neminyaka ephambili |

## Ukuxhumanisa ukwenziwa komsebenzi nesabelomali

| | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Ukuhlanganiswa Kwemali Engenile | 10 676 | 13 498 | (2 822) | 9 071 | 11 866 | (2 795) |
| **Isamba** | **10 676** | **13 498** | **(2 822)** | **9 071** | **11 866** | **(2 795)** |

# 4. ULWAZI OLUFINGQIWE LWEZEZIMALI

## 4.1. Ukuqoqwa kwemali engenayo

| Imithombo engenisa imali | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Izibonelelo – Imali Yokusebenza | 50 543 | 52 713 | (2 170) | 54 332 | 52 780 | 1 552 |
| Izibonelelo – Imali Yokuqalisa Umsebenzi | 6 000 | 23 015 | (17 015) | 19 400 | 6 443 | 12 957 |
| Imali engenayo | 6 000 | 7 257 | (1 257) | 4 508 | 5 138 | (630) |
| Imali engeniswa yimibukiso | 2 499 | 3 116 | (617) | 2 380 | 3 274 | (894) |
| Imali yerenti | 407 | 413 | (6) | 370 | 325 | 45 |
| Imali etholakale ngezinye izinto | 1 770 | 1 831 | (61) | 1 813 | 2 003 | (190) |
| Imali yoxhaso engenile | 0 | 882 | (882) | 0 | 1 126 | (1 126) |
| **Isamba** | **67 219** | **89 226** | **(22 007)** | **82 803** | **71 089** | **11 714** |

## 4.2. Imali esetshenziselwe izinhlelo

| Igama loHlelo | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Imisebenzi yezobuciko kanye nemisebenzi yezobuchwepheshe | 29 500 | 26 940 | 2 561 | 26 362 | 24 824 | 1 538 |
| Ukwenganyelwa kwebhizinisi kanye nezezimali | 12 550 | 11 353 | 1 197 | 11 921 | 11 379 | 542 |
| Ezikandabazabantu | 2 362 | 2 324 | 37 | 2 344 | 2 417 | (73) |
| Imisebenzi yokweseka | 23 416 | 20 327 | 3 089 | 22 592 | 19 571 | 3 021 |
| Isamba | 67 828 | 60 943 | 6 884 | 63 218 | 58 191 | 5 027 |

| Imiklamo Yengqalasizinda | 2015/2016 | | | 2014/2015 | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo | Isabelomali | Ekhona | (eyeqile)/ Eshodayo |
| | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 | R'000 |
| Impahla yokusebenza yasehhovisi | 711 | 155 | 556 | 795 | 126 | 669 |
| Amakhompyutha | 225 | 158 | 67 | 315 | 286 | 29 |
| Izakhiwo | 16 277 | 5 220 | 11 057 | 6 619 | 6 304 | 315 |
| ISiteji kanye nenye impahla yokusebenza | 33 204 | 651 | 32 552 | 38 235 | 130 | 38 105 |
| Izimoto | 355 | 391 | (36) | 1 400 | 1 045 | 355 |
| Isamba | 50 772 | 6 574 | 44 197 | 47 364 | 7 891 | 39 473 |

# Ingxenye C: Ukwengamela

## 1. ISINGENISO

UKwenganyelwa Kwebhizinisi kuhlanganisa izinqubo nezinhlelo ezilawula, ziqondise ukusebenza kwe-Playhouse Company. Ngaphezu kwezidingo zemithetho okususelwe kuyo imithetho esebenza ngaphansi kwayo i-Playhouse Company, ukwenganyelwa kwebhizinisi maqondana ne-Palyhouse Company kwenziwa ngokulandela okushiwo nguMthetho Wezokuphathwa Kwemali kaHulumeni (PFMA), kuhambisana nemigomo equkethwe eMbikweni ka-King maqondana noKwenganyelwa Kwebhizinisi (King's Report no Corporate Governance).

IPhalamende, iSigungu Esiphezulu kanye neSikhulu Esinesibopho Sokubika sohlaka lukahulumeni babhekele ukwenganyelwa kwebhizinisi.

I-Playhouse Company yaba nomhlangano owodwa neKomidi Lesishayamthethi Elibhekele Ukusebenza koMnyango Wezobuciko Namasiko ngenyanga kaMbasa wezi-2015 lapho yethula khona uHlelo Lokwenziwa Komsebenzi kanye noHlelo Lwamasu Okusebenza lonyaka wezi-2015/16. Akukho maphuzu asemqoka aphakanyiswa yiKomidi Lesishayamthetho.

## 2. UMKHANDLU

### 2.1. Imisebenzi yoMkhandlu

Imisebenzi yoMkhandlu yilena:

- Ukwenza inqubomgomo;
- Ukugcina, ukulondoloza kanye nokuvikela yonke impahla ekhona yanoma yiluphi uhlobo
- engaphansi kwehlo, ebolekwe kumbe engeye- Playhouse Company;
- Ukwamukela, ugcine, ulondoloze futhi uvikele lonke uhlobo lwemphahla yokukhangisa kanye nanoma iyiphi impahla egudlulekayo eqoqelwe ukuba ibe ngapgansi kwehlo lawo nabaphathi ngaphansi kweSigaba-10 soMthetho we- CI 10 (1);
- Ukukhuphula isikhwama se- Playhouse Company;
- Ukuphatha nokulawula imali eyamukelwa yi-Playhouse Company kanye nokusebenzisa leyo mali ukukhokhela izindleko zokwenziwa kwemisebenzi yayo;
- Ukugcina ama-rekhodi afanele ayo yonke impahla ye-Playhouse Company kanye nokuthumela kuMqondisi-Jikelele nanoma ulwazi azobe eludinga olumaqondana nezimali ezizuziwe kanye nokwenza ukuthi amabhuku ama-akhawunti agcinwe ngendlela efanele;
- Ukunquma kanye nokushintsha uMthetho we-CI bese kuthi ngemvume kaNgqongqoshe Kazwelonke ube ngumsebenzi wesikhungo esimenyezelwe; kanye
- Nokwenza imisebenzi nezinhloso zesikhungo esimenyezelwe

UMkhandlu unganquma amahora nemibandela umphakathi ongavakashela i-Playhouse Company ngaphansi kwayo.

UMkhandlu unamandla okuqasha labo bantu obona befanelekile ukwenza imisebenzi yase-Playhouse Company. Ukunqunywa kwamaholo kanye nemigomo nemibandela yomsebenzi kufanele kuhambisane nohlelo olwavunywa nguNgqongqoshe Kazwelonke ngokuxoxisana noNgqongqoshe Kazwelonke Wezezimali.

## Composition of the Board

| Igama | Usuku lokuqashwa | Iziqu zemfundo | Umkhakha anamava kuwo | Amanye amaKomidi (isb: iKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku) | Isibalo semihlangano ehanjelwe | IholoU |
|---|---|---|---|---|---|---|
| *UNk Hlengiwe Christophina Mgabadeli* | Lulu-1 kuZ-ibandlela wezi- 2014 | Iziqu ze-BA Social Work, neze-Honours in Sociology | kuHulumeni | | 9 | R108 044 |
| UNk Thembi Mtshali-Jones | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | | Iciko, umculi, umlingisi, umdidiyeli aphinde abe ngumbhali wemidlalo | IKomidi Lezobuciko kanye Nokukhuliswa Kwesikhwama | 3 | R19 872 |
| UMnu Sathie Gounden | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | I-CA (SA) | Ezezimali, ezokulawulwa kwezimo ezingcuphe, ezokwengamela ibhizinisi kanye nokucwaningwa kwamabhuku | IKomidi Lezezima-li Nokuthengwa kwempahla / iKomidi elibhekene nezikaNdabazaban-tu | 4 | R20 664 |
| UMnu Malcolm Purkey | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | Iziqu ze-Ba (azithole e-Wits), eze-BA(Hons), i-MA Theatre Studies, Ufunde wagogoda - es-ikhungweni sikazwelonke esifundisa ngezamafilimu kanye nezikamabonakude | Ukudidiyela Nokubhala Imidlalo, ukuShicilela Imibhalo, iMboni Yezo-buciko | IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nok-wengamela | 2 | R6 888 |
| UNk Fikile Eu-nice Khumalo | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | Ezobudlelwano phakathi komqashi nabase-benzi, Ezokuphepha Komphakathi | Ezabasebenzi. ezoHwe-bo Nezezimboni, ezokuThuthukiswa Komphakathi | IKomidi Lezobuciko kanye Nokukhuliswa Kwesikhwama/ iKomidi elibhekene nezikaNdabazabantu | 8 | R23 080 |
| UNk Lynette Ntuli | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | I-Bachelor's Degree | Ezezakhiwo nomhlaba kanye nokuthuthukiswa kwengqalasizinda, ezoku-dayisa kanye nokusun-gulwa kwamasu okuse-benza kanye nokuqalisa kokusebenza kwawo | IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nok-wengamela | 2 | R6 528 |
| UNk Khwezi BL Kunene | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | Iziqu ze-BSC in Property Development | Ezokubala ubungako kanye nentengo yempah-la ezodingeka ekwakheni (Quantity surveying), Uku-lawulwa kwezinkontileka | IKomidi Lezezimali kanye nokutheng-wa kwempahla/ iKomidi elibhekene nezikaNdabazaban-tu | 8 | R0 |
| UMnu Nathi Mbele | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | | Ungoti kwezokuthuthu-kiswa komphakathi kanye nomnotho, ezoBuch-wepheshe Bezokux-humana Nokunikezela Ngolwazi kanye Nezend-wangu | IKomidi Lezobuciko kanye Nokukhuliswa Kwesikhwama / iKomidi lezezimali kanye nokuthengwa kwempahla | 5 | R16 192 |
| UNk Siphesihle Ndlela | Lulu- kuZ-ibandlela wezi- 2014 | Iziqu ze-BA Communica-tions (UNISA), i-ND Hotel Management e-Durban Hotel School | Ezokuxhumana namakha-simende kanye nabemi-thombo yokwazisa, ezokkwazisa ngempahla nokumaketha | IKomidi Lezobuciko kanye Nokukhuliswa Kwesikhwama/ IKomidi Lezezima-li Nokuthengwa kwempahla | 7 | R25 256 |

## Amakomidi – Aqokwe mhla zingama-23 kuNhlolanja wezi- 2015

| Ikomidi | Isibalo seMihlangano ehanjelwe | Isibalo samalungu | Amagama amalungu |
|---|---|---|---|
| IKomidi Lezezimali Nokuthengwa kwempahla | 8 | 4 | UMnu. Sathie Gounden/ UNk. Khwezi BL Kunene/ uMnu. Nathi Mbele/ noNk Siphesihle Ndlela |
| IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela | 7 | 5 | UNkk. Lynette Ntuli/ noma uMnu. Malcolm Purkey/ IJaji uLeona Valerie Theron/ UNk C Jugnarayan/ UNk Noluthando "Thando" Lungile Radebe |
| IKomidi elibhekene nezikaNdabazabantu kanye namaholo | 5 | 3 | UNk. Fikile Eunice Khumalo/ UMnu. Sathie Gounden/ UNk. Khwezi BL Kunene |
| IKomidi Lezobuciko kanye Nokukhuliswa Kwesikhwama | 3 | 4 | UNk. Thembi Mtshali-Jones/ UNk. Fikile Eunice Khumalo/ UMnu. Nathi Mbele noMnu. Siphesihle Ndlela |

## 3. UKULAWULWA KWEZIMO EZINGCUPHE

I- Playhouse Company inayo inqubomgomo ebhekele ukulawula izimo ezingcuphe okuyiyona ehlahla indlela mayelana nenqubo yokuhlonza kanye nokulawula izimo ezingcuphe. Le nqubomgomo ibuyekezwa njalo ngonyaka. Ukulawulwa kwezimo ezingcuphe kuyinqubo lapho iSikhulu Esinesibopho Sokubika, iSikhulu Esiphezulu KWezezimali kanye nabanye abaphathi abaphezulu be-Playhouse Company benenjongo yokusukumela phezulu bahlonze njalo njalo izimo ezingcuphe ezikhona manje ebhizinisini kanye nalezo ezisafufusa, kwezezimali kanye nasemsebenzini futhi bahlonze izindlela ezifanele ngokomsebenzi nezongayo zokulawula lezo zimo ezingcuphe.

Indlela enempumelelo yokulawulwa kwezimo ezingcuphe isemqoka kakhulu ePlayhouse Company ukuze ikwazi ukwenza umsebenzi ejutshelwe ukuba iwenze ngokuhambisana nalokho okulindelekile ekunikezeleni ngezidingo emphakathini kanye nalokho okulindelwe yi-DAC maqondana nokwenziwa komsebenzi.

Irejista lezimo ezingcuphe libuyekezwa njalo ngonyaka emva komsebenzi ojulile wokuhlonzwa kwezimo ezingcuphe owenziwa ngabaphathi kanye nazo zonke izinhlaka ezengamele. Le rejista isetshenziselwa ukuhlahla indlela yohlelo lweminyaka emithathu lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi olubuyekezwa luvunywe yiKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela kanye noMkhandlu.

Inqubekela phambili ezindleleni zokwenza ngcono ukulawulwa kwezimo ezingcuphe ezihlonziwe iqashwelwa njalo emihlanganweni yanyanga zonke yabaphathi.

## 4. UPHIKO OLUBHEKELE UKULAWULA KWANGAPHAKATHI

Ukulawula kwangaphakathi kungumsebenzi waleyo naleyo menenja. Sinezinqubomgomo kanye nezinqubo ezilandelwayo ezisetshenziselwa ukunquma izindlela zangaphakathi izinqubomgomo zibuyekezwa njalo ngonyaka ukuqinisekisa ukuthi zisalungile futhi zisahambisana nemithetho kanye nemithethonqubo. Abaphathi basebenzisa lokho okutholwe ngabacwaningi mabhuku maqondana nokulawula kwangaphakathi ukuze benze ngcono indlela yokulawula ngaphakathi.

## 5. UMSEBENZI WOKUCWANINGWA KWAMABHUKU KWANGAPHAKATHI

I- Playhouse Company inoMqulu Wokucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi obuyekezwa njalo ngonyaka.

Lo Mqulu wenziwa ukuze kuchazwe isimo senkampani, izinjongo, amagunya kanye nesibopho sokubika mayelana nemisebenzi eqashwa kubantu bangaphandle kanye nokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi. Umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi ulawulwa yizihlinzekelo zeSigaba 3.2 seMithethonqubo kaMgcinimafa kanye neSigaba 38(1)(a)(i) kanye no- 76(4)(e) se-PFMA futhi kusemqoka kakhulu ekwesekeni ukwenganyelwa kwe- Playhouse Company

Inhloso enkulu yomsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi e- Playhouse Company wukunikeza isiqiniseko esingenamibandela kanye nokweluleka ngezinhlelo zokulawula kwangaphakathi, ukulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nezinqubo zokwengamela, ngokunjalo nokusebenza kanye nokwenziwa komsebenzi e- Playhouse Company ngokwemithetho, imithethonqubo kanye nezinqubomgomo.

Umbiko ofingqiwe ngezinto ezephothulwe ngalo nyaka wezimali ezihambisana nohlelo oligunyaziwe lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi:

1. ukubuyekezwa kwe-ITGC
2. ukubuyekezwa kokucwaningwa kwamabhku akwa-HR
3. ukubuyekezwa kwe-SCM
4. ukubuyekezwa kokulandelelwa kwezinto
5. ukucwaningwa kwamabhuku ezinjongo ezaziqagulwe ekuqaleni

## 6. IKOMIDI LEZOKUCWANINGWA KWAMABHUKU NOKWENGAMELA

I-Playhouse Company inoMqulu Wekomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela obuyekezwa njalo ngonyaka.

Inhloso enkulu yeKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela wukwelekelela uMkhandlu ekwenzeni umsebenzi wawo omaqondana nokuqapha ukuphepha kwempahla, ukuqhutshwa kwezinhlelo ezifanele, inqubo yokulawula kanye nokwenziwa kwemibiko eyiqiniso yezezimali kanye nezitatimende zezimali ezihambisana nezidingo zemithetho esebenzayo kanye namazinga okugcinwa kwamabhuku ezimali.

IKomidi Lezokuwaningwa kwamabhuku Nokwengamela:

1. Ukuba yihlo, ukuhlela kanye nokuncoma izinga lokucwaningwa kwamabhuku okwenziwe yizikhungo zabacwaningi mabhuku bangaphandle nabangaphakathi;
2. Ukunakekela, ngokuthi kuhlelwe imihlangano njalo, ukuvula imigudu yezokuxhumana eMkhandlwini, abacwaningi mabhuku bangaphakathi nabangaphandle babelana ngemibono nolwazi, ngokunjalo nokuqinisekisa igunya labo kanye nemisebenzi yabo;
3. Ukusebenza ngokuzimela nokuba wuhlaka olungachemile olubuyekeza imininingwane yezezimali elethwa ngabaphathi;
4. Ukubuyekeza ukuthi izindlela zokubika kanye nezokugcina amabhuku ezimali ezisetshenziswayo zenele yini; kanye
5. Nokuhlinzeka ngemigudu evulelekile yezokuxhumana phakathi kwabacwaningi mabhuku bangaphakathi nabangaphandle kanye noMkhandlu.

## 7. UKUHAMBISANA NEMIGOMO YEMITHETHO KANYE NEMITHETHONQUBO

NgokweSigaba 4 soMthetho Wezikhungu Zezamasiko, i-Playhouse Company iwuhlaka oluyibhizinisi ngakho-ke i-Playhouse, uMkhandlu kanye nawo wonke amalungu balindeleke ukuba balandele imigomo yokwenganyelwa okuhle kwebhizinisi kanye nayo yonke Imithetho kanye nemithethonqubo.

Abaphathi be- Playhouse Company bayabika njalo ngekota maqondana nokulandelwa kwemigomo yemithetho. Uhlu lokuhlola ukuthi iyalandelwa imigomo ye-PFMA selwenziwe futhi kuyabikwa eMkhandlwini nasemakomidini awo amancane uma kukhona lapho ingalandelwanga khona imigomo yomthetho

## 8. INKOHLAKALO NOKUKHWABANISA

I-Playhouse Company inalo uhlelo lokunqanda inkohlakalo. Lolu hlelo lubuyekezwa njalo ngonyaka.

Lolu hlelo lweseka kakhulu izinhlelo zokunqanda inkohlakalo ngaphakathi e-Playhouse Company. Izinjongo ezinkulu zalolu hlelo yilezi:

1. Ukuhlinzeka ngomhlahlandlela ekunqandeni, ekuhlonzeni kanye nasekubikeni ngezenzo zenkohlakalo;
2. Ukugqugquzela isiko lapho bonke abasebenzi kanye nababambiqhaza beqhubeka khona nokuziphatha ngendlela eyamukelekayo uma benza imisebenzi yabo nePlayhouse Company kumbe egameni layo.
3. Ukukhuthaza bonke abasebenzi kanye nababambiqhaza ukuba balwele ukunqanda nokukhomba inkohlakalo enomthelela kumbe engahle ibe nomthelela ongemuhle kwi-Playhouse Company;
4. Ukukhuthaza bonke abasebenzi nababambiqhaza ukuba babike ngezenzo ezisolisayo zenkohlakalo ngale kokwesaba ukuthi obikiwe angase aziphindiselele; kanye
5. Nokuhlinzeka ngenkundla eyodwa ezobhekela ukwabiwa kwamandla kanye nesibopho sokubika.

## 9. UKUNCIPHISA UKUSHAYISANA KWENTSHISEKELO

Abaphathi kanye nabasebenzi bophiko lwezezimali njalo ngonyaka bagcwalisa ifomu lokudalula izinto abanentshisekelo kuzo. Abaphathi kanye nabasebenzi bayakhuthazwa ukuba balilungise leli fomu lihambisane nesikhathi uma kunezinguquko ezikhona ngokwezimo.

I- Playhouse Company inayo iNqubomgomo Yendlela Yokuziphatha elawula abasebenzi ezimweni lapho kusuke kubonakala ukuthi kungase kube nokushayisana kwentshisekelo.

## 10. INQUBO YENDLELA YOKUZIPHATHA

I-Playhouse Company inayo iNqubomgomo Yokuziphatha elawula abasebenzi ngendlela okufanele baziphathe ngayo emsebenzini.

INqubomgomo Yendlela Yokuziphatha ichonywa ebhodini lezaziso kuyo yonke indawo e- Playhouse Company.

Ekuthatheni isinqumo ngesinyathelo okumele sithathwe kanye nokunquma ukuthi kusho ukuthini ukuziphatha ngendlela eyamukelekayo, abasebenzi kumele babheke futhi balawulwe:

- IziNqubomgomo zenkampani;
- IMithetho yezwe;
- Indlela Yokuziphatha eyamukelwa emhlabeni wonke kanye namazinga okusebenza; kanye
- Nokuba nonembeza nesimilo.

Uma isenzo kumbe kungahle kube nesenzo esiphambana nanoma yikuphi kokungenhla, kungahle kuthathwe ngokungaziphathi ngendlela eyamukelekile.

Uma kutholakala ukuthi umsebenzi wephule iNqubomgomo Yokuziphatha kanye/noma iNqubomgomo Yendlela Yokuziphatha, kuyolandelwa indlela ejwayelekile yokwedlulisa izikhalo kanye nenqubo yokuqondiswa kwezigwegwe.

## 11. EZEMPILO, EZOKUPHEPHA KANYE NEZEMVELO

I-Playhouse Company njalo ngonyaka iba nohlelo lokuhlola ukuthi iyalandelwa yini imigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha. Umphumela walolu phenyo yiwona ohlonza izinyathelo okufanele zithathwe yi-Playhouse Company.

Ukulandelwa kwemigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha kungebye yezinkomba ezinqala ekwenziweni komsebenzi ohlelweni lonyaka lokwenziwa komsebenzi lwemenja yophiko lweMisebenzi Yokweseka.

I-Playhouse Company ihambisana ngokugcwele nayo yonke imigomo yemithethonqubo yezempilo nokuphepha.

## 12. UKUSIZA UMPHAKATHI

Impokophelo ye- Playhouse Company wukuthuthukisa, ukugqugquzela kanye nokulondoloza ubuciko obudlalwayo ngokuthi wenze imibukiso esezingeni lokujabulisa nokufundisa ezihlweleni ezehlukahlukene.

I- Playhouse Company iyibona Impokophelo yayo iyindlela yayo yokusiza umphakathi.

Uhlelo lwezobuciko lwe-Playhouse Company luhlelelwe ukuthi ikwazi ukunikezela ngemisebenzi yayo yokusiza umphakathi.

Kuzo zonke izinhlelo ezihlelelwe imisebenzi yokusiza umphakathi, isiteji esingumahamba nendlwana sisetshenziselwa ukufinyelelisa izinhlelo emphakathini ezindaweni zasemakhaya lapho abantu bakhona bengakwazi ukufinyelela ezindaweni zemidlalo yeshashalazi ukuze babone imidlalo ekhonjiswa khona. Abanye babo kusuke kungokokuqala ukuthi babone imidlalo yeshashalazi idlalwa bukhoma futhi lokho.

Lesi siteji esingumahamba nendlwana siphinde sisetshenziselwe ukubukisa ngemidlalo yasesiteji yezikole ezindaweni zasemakhaya. Zingaphezu kwezi-74 000 izingane zesikole ezithola ithuba lokubuka imidlalo yeshashalazi. Lezi zingane ngabe azilitholi ithuba lokubuka imidlalo yeshashalazi Idlalwa bukhoma.

## 13. UMBIKO WEKOMIDI LEZOKUCWANINGA KWAMABHUKU

IKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela (iKomidi), lethula umbiko walo wonyaka wezimali ophele mhla zingama- 31 kuNdasa wezi- 2016.

## Amalungu eKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku Nokwengamela kanye Nokuhanjelwa Kwemihlangano

IKomidi linamalungu amahlanu abalwe lapha ngezansi futhi kudingeka ukuba lihlangane okungenani izikhathi ezine ngonyaka njengokwemigomo elisebenza ngaphansi kwayo evunyiwe. Ngalo nyaka ophezulu mine imihlangano eyabanjwa.

### Amalungu Ekomidi

| Igama | Iziqu zemfundo | Ungaphakathi noma Ungaphandle | Usuku Lokuqashwa | Isibalo seMihlangano ehanjelwe |
|---|---|---|---|---|
| UNkk L Ntuli | Bachelor's Degree | Ungaphakathi | Mhla zingama-23 kuNhlolanja wezi- 2015 | 1 |
| UMnu M Purkey | Uneziqu ze-Ba(Wits), BA(Hons), MA Theatre Studies, Graduate - azithole e-National film and television school | Ungaphakathi | Mhla zingama-23 kuNhlolanja wezi- 2015 | 2 |
| IJaji uLeona Valerie Theron | Iziqu ze-Master of Law, i-Bachelor of Laws kanye ne- Bachelor of Arts | Ungaphandle – uSihlalo weKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela | Mhla ziyi-10 kuMbasa wezi- 2015 | 3 |
| UNk C Jugnarayan | I-CA (SA), ne-RA | Ungaphandle | Mhla ziyi-10 kuMbasa wezi- 2015 | 6 |
| UNk Noluthando "Thando" Lungile Radebe | I-CA (SA), ne-RA | Ungaphandle | Mhla zingama-24 kuNtulikazi wezi-2015 | 3 |

## Imisebenzi yeKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhungu kanye Nokwengamela

IKomidi libika ukuthi liyilandelile imigomo yokusebenza kwalo evela eSigabeni 38 (1)(a) soMthetho Wezokuphathwa Kwemali kaHulumeni, uMthetho No. 1 we- 1999 kanye neMithethonqubo kaMgcinimafa 3.1. IKomidi liphinde libike ukuthi seliyamukele imigomo ehlelekile elizosebenza ngaphansi kwayo njengalokhu uMqulu walo wezokuCwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela, ulawula izindaba zalo ngokuhambisana nalo mqulu futhi ucacisa imisebenzi yalo njengalokhu iqukethwe khona. Umqulu ubuyekezwa njalo ngonyaka futhi wamukelwa yiKomidi uma usuvunywe yiSikhulu Esinesibopho Sokubika.

## Ukucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi

IKomidi lilawula liphinde liqaphe umsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. Ngokwenza lokhu, iKomidi liyakwazi ukubika ngempumelelo yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi. simo sangaphakathi. umsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi ubuwenziwa ngabantu bangaphandle futhi uqhubeke unyaka wonke wezimali lo obuyekezwayo.

IKomidi lisebenzisa irjista elungisiwe yezimo ezingcuphe egxile ohlakeni lwezokulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nenqubomgomo eyamukelwe yiSikhulu Esinesibopho Sokubika. IKomidi labuyekeza laphinde lavuma uhlelo olugxile ezimweni ezingcuphe lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi lweminyaka emithathu.

IKomidi lenelisekile ngempumelelo yomsebenzi wokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi.

## IMpumelelo Yokulawula Kwangaphakathi

IKomidi lihlole impumelelo yokulawula kwangaphakathi laphinde labuyekeza inqubo yokuhlolwa kwezimo ezingcuphe kanje:

- Lihambele umhlangano wokucobelelana ngolwazi nabo bonke ababambiqhaza abasemqoka kwezokuhlolwa kwezimo ezingcuphe;
- Labhekela impumelelo yezinhlelo zenkampani zokuhlola izimo ezingcuphe njengalokhu ziqhutshwa ngabaphathi;
- Liqaphe inqubo yokulandelela kukho konke okwatholwa ngabacwaningi mabhuku ukuqinisekisa ukuthi kuyabhekanwa nezinto ezitholakele futhi zilungiswa emsukeni wazo;
- Ukuthola isiqiniseko kubaphathi sokuthi siyathathwa isinyathelo maqondana nezinto ezahlonzwa ngabacwaningi mabhuku; futhi
- Lihlinzeka aBaphathi kanye neSikhulu Esinesibopho Sokubika ngomkhombandlela kanye nezeluleko maqondana nokuqiniswa kwezinqubo zokulawulwa kwezimo ezingcuphe kanye nolwazi lokwenziwa komsebenzi ngesikhathi kubyekezwa imibiko yamakota.

IKomidi libuyekeze imibiko yokuCwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi, lapho okutholakale khona ubuthakathaka obuthile ngaphakathi eNkampanini, liphinde labheka ukuthi zenele yini izimpendulo zabaphathi ukuze kuqinisekiswe ukuthi liyehla izinga lezimo ezingcuphe nokuthi kuyaqhubeka ukwenziwa ngcono kwezimo zokulawula ezemvelo.

IKomidi ligculisekile ngokuthi iNkampani iyaqhubeka nokugxila emazingeni amahle naphumelelayo ekulawuleni kwangaphakathi.

IKomidi liyavumelana nabacwaningi mabhuku ngokuthi ukulawula kwangaphakathi kwenziwa ngendlela eyimpumelelo nethembekile nokuthi nanoma yiluphi udaba okubikwe ngalo ngabacwaningi mabhuku bangaphakathi nonyaka alukhombisi buthakathaka.

Ukuphathwa kwemibiko yanyangazonke/noma yamakota ethunyelwa ngokwe- PFMA kanye noMthetho Wemali Engenayo (Division of Revenue Act) kuyagculisa uma kubhekwa imiphumela yokuqapha kanye nokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi.

## Imibiko Yonyaka Yezokuphatha kanye neyaNyanga Zonke/eyaMakota

I-Playhouse Company iyithumele ngesikhathi imibiko yanyanga zonke kwi-FINCO kanye nasemaKomidini Ezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela futhi iphinde yathumela imibiko yamakota eMnyangweni Wezobuciko Namasiko njengalokhu kudingeka ngokwe-PFMA.

## Ukuhlolwa Kwezitatimende Zezezimali

IKomidi:

- Selibuyekeze imibiko yamakota kubandakanya nezitatimende zezezimali ukuqinisekisa ukuthi imininingwane iyefana futhi iyiqiniso;
- Selibheke ukufaneleka, ukwamukelwa kanye nokufana kokusetshenziswa kweziNdlela zaseNingizimu Afrika Zokubheka Izitatimende Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali ezamukelwa yiSikhulu Esinesibopho Sokubika;
- Ukubhekela ukuthi ulwazi lwezezimali olunikezwa iKomidi ukuze likwazi ukufeza umsebenzi walo wokuqapha ngelokhozi ngonyaka wezimali luseqophelweni eliphezulu futhi lufika ngesikhathi;
- Selibuyekeze izitatimende zezezimali zenkampani zonyaka ophele zingama- 31 kuNdasa wezi- 2016 futhi lenelisekile ukuthi ilandeliwe Imigomo yezihlinzekelo zoMthetho Wezokuphathwa Kwwmali kaHulumeni kanye neziNdlela zaseNingizimu Afrika Zokubheka Izitatimende Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali;
- Selibuyekeze uMbiko kaMcwaningi mabhuku-Jikelele kanye nezimpendulo zabaphathi; futhi
- Selibuyekeze uMbiko kaMcwaningi mabhuku-Jikelele laphinde laqaphela ukuthi akukho okutholakele ezitatimendeni zezezimali kanye nolwazi lokwenziwa komsebenzi.

## Umbiko kaMcwaningi Mabhuku

IKomidi liyathokoza ukubika ukuthi iNkampani ithole umbiko ongenagcobho wokucwaningwa kwamabhuku.

IKomidi liyavumelana noMcwaningi mabhuku-Jikelele futhi liyasamukela isinqumo sakhe ngezitatimende zonyaka zezezimali futhi yingakho iKomidi licabanga ukuthi izitatimende zonyaka zezezimali ezicwaningiwe zizokwamukelwa futhi zifundwe ndawonye nombiko kaMcwaningi mabhuku.

IKomidi lithatha leli thuba ukubongela uMkhandlu kanye naBaphathi ngemizamo yabo kanye nokuzinikela ekutheni kutholakale umbiko ongenagcobo kuMcwaningi mabhuku-Jikelele iminyaka emi-5 ilandelana, futhi lithanda ukwedlulisa ukuthokoza kwalo ngokweseka kwabo kanye nokuba nezingxoxo ezakhayo neKomidi.

***U-Judge Leona Theron***

USihlalo weKomidi Lezokucwaningwa Kwamabhuku kanye Nokwengamela

# Ingxenye D: Ukulawulwa Kwezikandabazabantu

## 1. ISINGENISO

ISu Lokusebenza loPhiko Lukandabazabantu eNkampanini wukweseka ngokuphelele kanye nokusebenzela izidingo zabasebenzi benkampani ngokuthi luqhubeke nezinhlelo zikandabazabantu ezihlelekile zokungenelela. Asiguqukanga isibalo sabasebenzi ngonyaka odlule futhi bekunabasebenzi abenele abawuqeqeshelwe umsebenzi nabanamakhono afanele ukufezekisa izinhloso zomnyango.

Ukwesekela isu lokusebenza loMnyango, kuhlonzwe lezi zinhlelo ezibekwe eqhulwini ngalesi sikhathi sokubuyekeza

- Ukuqalisa kokusebenza kanye nokusatshalaliswa koMthetho Wokusetshenziswa Kwezilimi Ezisemthethweni.
- Ukuqalisa kokusebenza koMthetho Wezimo Eziyisisekelo Sokuqashwa kanye Nokuchitshiyelwa koMthetho Wokuqasha Ngokulingana.
- Ukwenza ngcono ukwenganyelwa kohlelo lokugcinwa kweSikhathi kanye Nokuba khona emsebenzini.
- Ukulinganiswa komsebenzi neholo kanye Nokwehlukaniswa Kwamazinga Omsebenzi.
- Ukulawulwa Kwamakhono kanye Nokuhlelwa Kokulandelana Ezikhundleni.

### Ukusetshenziswa Komthetho Wezilimi Ezisemthethweni

INqubomgomo Yezilimi yagunyazwa ngoMbasa wezi-215. INkampani yakhululwa ekutheni izisungulele olwayo uPhikwana Lwezilimi kanti okwamanje isebenzisa uPhikwana olubhekele ukuHumusha Nokulungisa Imibhalo olungaphansi koPhiko Lwezilimi esiFundazweni uma idinga usizo lokuhunyushelwa. Kulo nyaka obuyekezwayo mining imibhalo, kubandakanya noMbiko Wonyaka, izikhangiso zezikhala zomsebenzi kanye nezikhangiso zamathenda eyahunyushelwa ezilimini ezisemthethweni.

### Ukuqalisa Kokusebenza Kwemithetho Yezabasebenzi

Izinguquko emithethweni ehlukahlukene yezabasebenzi kube nomthelela kulo nyaka obuyekezwayo. Kwachitshiyelwa izinqubomgomo ezine ukuqinisekisa ukuthi iyalandelwa imigomo yemithetho. Abaphathi bahlonyiswa ngolwazi ngalezi zinguquko kwathi iNkampani yalandela zonke izingxenye zezihlinzekelo zemithetho.

### Okususelwa Kukho Amaholo Kanye Nokwehlukaniswa Kwamazinga Emisebenzi

Okuyikhona okusemqoka eMthethweni Ochitshiyelwe Wokuqasha Ngokulingana wukuqhamuka namasu amasha okubhekana nokungalingani kwamaholo kanye nokubhekela ukulingana kweholo kuantu abenza umsebenzi ofanayo ukuze kuqinisekiswe ukuholelwa kwabasebenzi ngangokomsebenzi abawenzayo. Ngonyaka wezi-2015 iNkampani kanye nabamele iNyunyana, i-SACCAWU baba nezingxoxo maqondana nokwehlukaniswa kwamazinga omsebenzi kanye nokususelwa kukhona ukuze kubekwe amaholo. Kwafinyelelwa esivumelwaneni ngenyanga kaMasingana wezi-2016.

### Uhlelo Lokugcinwa Kwesikhathi Kanye Nokuba Semsebenzini

INkampani ilandela uhlelo lokuGcinwa Kwesikhathi kanye Nokuba Semsebenzini ukuze ilawule amarekhodi okuba khona kwabo bonke abasebenzi emsebenzini. Ukuze kube lula ukwenza ngcono uhlelo lokulawula, kwasungulwa uhlelo olusha olulula lapho kweziwa kuphinde kubuyekezwe khona imibiko ngokugcinwa kwesikhathi kanye nokuba khona emsebenzini njalo ngenyanga.

### Ukulawulwa Kwamakhono Kanye Nokuhlelwa Kokulandelana Ezikhundleni

INkampani seyihlonze izikhala zomsebenzi ezidinga amakhono asemqoka nantulekayo. Uhlelo lokulandelana ezikhundleni luhambisana nokuhlonzwa kwabantu abanamakhono athile ukuze bagcwalise izikhala ezithile. Ngokusebenzisana nohlelo lwamakhono endaweni yokusebenza olwenziwa njalo ngonyaka oluncike ekwenziweni komsebenzi kwabantu ngabodwana, izidingo zeminyango kanye nezenkampani, ukuqinisekisa ukulungela kwabantu ngabodwana uma lezo zikhala sezikhona. Ngonyaka wezi-2016, bangamashumi ayisithupha nesishiyagalombili (68) abasebenzi abaqeqeshwa ngesamba sama-R 319 365.

Ukufunda ngokuSebenza Ngokuhlanganyela kusiza abafundi bakwazi ukuthola isipiliyoni somsebenzi ohambisana neziqu zabo zemfundo futhi kubavulela amathuba okuthi bathole umsebenzi. Abafundi abayisishiyagalolunye bathathwa ukuze bafundiswe amakhono ngokweziqu zabo zemfundo kugxilwe kakhulu emakhonweni ezobuchwepheshe kanye nokuphathwa kwezobuciko. Abafundi babenikwa imali yokuqinisa iphakethe njalo ngenyanga. Ilinganiselwa kuma-R 507 000 imali eyasetshenziswa ngonyaka odlule. Ziyaqhubeka izingxoxo nesikhungo semfundo i-Durban University of Technology ukuze kusungulwe izifundo zeminyaka emithathu ezizovumela abafundi ukuthi bathole i-Higher Certificate in Technical Production.

### Amazinga Okulawula

I-Playhouse Company okwamanje yisona sikhungo esikhulu sezobuciko esiFundazweni saKwaZulu-Natali. Lesi sikhungo sibambe elikhulu iqhaza ekusunguleni amathuba omsebenzi emkhakheni wezobuCiko Namasiko futhi sithola uxhaso lwemali lwezikhala zomsebenzi zabaqashwe ngokuphelele abangama-95. Ngasekupheleni konyaka ezingama-91 (ezingamashumi ayisishiyagalolunye nanye) kulezi zikhala zomsebenzi besezigcwalisiwe, kukhona nohlelo lokugcwaliswa kwezikhala ezingenamuntu.

INkampani iyaqhubeka nokulwela ukuqinisekisa ukuthi umumo wabasebenzi umele umumo wezakhamuzi zezwe, inabantu abaMnyama base-Afrika bafinyelela kuma-68% abasebenzi abaqashwe ngokuphelele. INkampani ihlala izibophezele ekulandeleni inqubo yokuqasha ezolekelela ekuzuzeni okuhlosiwe maqondana nokuqasha ngokulingana njengalokhu kubekwe ohlelweni lokuQasha Ngokulingana.

Ukweseka isu lokusebenza le-HR, kuhlonzwe lezi zinhloso ezilandelayo zonyaka wezi-2016:

- Ukuzuza ama-90% azosetshenziselwa iSabelomali Sokuqeqesha
- Ukwenza ngcono ukuqalisa kokusebenza kohlelo lokuLawulwa Kokwenziwa Komsebenzi
- Ukugcina izinga lezikhala zomsebenzi elingaphansi kwama-10% ngonyaka
- Ukugcina ukulawula okwanele ukuze kuqinisekiswe ukwenza ngcono ukwenziwa komsebenzi wohlelo lokuholela
- Ukugcina abamele umbutho wokusebenza

## 2. IZIBALO ZOKUBHEKELELWA KWEZIKANDABAZABANTU

### Izindleko Zabasebenzi ngokohlelo

| Uhlelo | Isamba semali esetshenziswe yinkampani (R'000) | Imali esetshenziwe ngabasebenzi (R'000) | Imali esetshenziwe ngabasebenzi ngokwama- % ebalwa ngokwesamba sezindleko (R'000) | Isibalo sabasebenzi | Isilinganiso sezindleko zabasebenzi esibalwa ngokomsebenzi ngamunye (R'000) |
|---|---|---|---|---|---|
| | 73 427 | 30 121 | 41% | 85 | 354 |

### Personnel Cost by Salary Band

| Izinga | Imali esetshenziswe ngabasebenzi (R'000) | Ama-% emali esetshenziswe ngabasebenzi abalwa esambeni sezindleko zabasebenzi (R'000) | Isibalo sabasebenzi | Isilinganiso sezindleko zabasebenzi esibalwa ngokomsebenzi ngamunye (R'000) |
|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 1 784 | 6% | 1 | 1 784 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 227 | 4% | 1 | 1 227 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 5 420 | 19% | 8 | 677 |
| Abanamakhono | 10 195 | 36% | 34 | 300 |
| Abanamakhono angatheni | 9 333 | 33% | 41 | 228 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **27 960** | **100%** | **85** | **329** |

### Izindleko zokuqeqesha

| Uphiko | Imali esetshenziswe ngabasebenzi (R'000) | Imali esetshenziselwe ukuqeqesha(R'000) | Imali esetshenziselwe ukuqeqesha ngokwama-% eZindleko Zabasebenzi | Isibalo sabasebenzi Abaqeqeshiwe | Isilinganiso sezindleko zokuqeqeshwa kwabasebenzi esibalwa ngomsebenzi ngamunye |
|---|---|---|---|---|---|
| | 30 121 | 319 | 1.1% | 68 | R4 691.17 |

### Ukuqasha kanye Nezikhala Zomsebenzi

| Uhlelo | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2014/2015 | Izikhala zomsebenzi ezigunyaziwe zonyaka wezi-2015/2016 | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2015/2016 | Izikhala zomsebenzi zonyaka wezi 2015/2016 | Ama-% ezikhala zomsebenzi |
|---|---|---|---|---|---|
| | 87 | 95 | 85 | 10 | 10.5% |

| Uhlelo | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2014/2015 | Izikhala zomsebenzi ezigunyaziwe zonyaka wezi-2015/2016 | Isibalo sabasebenzi sonyaka wezi-2015/2016 | Izikhala zomsebenzi zonyaka wezi-2015/2016 | Ama-% ezikhala zomsebenzi |
|---|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 8 | 12 | 8 | 4 | 33.33% |
| Abanamakhono | 34 | 37 | 34 | 3 | 8.11% |
| Abanamakhono angatheni | 43 | 44 | 41 | 3 | 6.8% |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **87** | **95** | **85** | **10** | **10.5%** |

### Izinguquko Ekuqasheni

| Izinga Leholo | Ukuqashwa ngaphambi kwesikhathi | Abaqashiwe | Ukunqanyulwa kokuqashwa | Ukuqashwa ekupheleni kwesikhathi |
|---|---|---|---|---|
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 0 | 0 | 1 |
| Abaphathi Abakhulu | 1 | 0 | 0 | 1 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 8 | 1 | 1 | 8 |
| Abanamakhono | 34 | 2 | 2 | 34 |
| Abanamakhono angatheni | 43 | 2 | 4 | 41 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **87** | **5** | **7** | **85** |

## Izizathu zokushiya kwabasebenzi

| Isizathu | Isibalo | Ama-% esamba sesibalo sabasebenzi abashiya emsebenzini |
|---|---|---|
| Ukushona | 1 | 14.3% |
| Ukwesula emsebenzini | 5 | 71.4% |
| Ukuxoshwa | 0 | 0 |
| Umhlalaphansi | 1 | 14.3% |
| Ukugula | 0 | 0 |
| Ukuphelelwa yisikhathi kwezinkontileka | 0 | 0 |
| Okunye | 0 | 0 |
| **Isamba** | **7** | **100%** |

## Ubudlelwano babasebenzi Nomqashi: Ukungaziphathi ngendlela kanye Nezinyathelo Zokuqondisa Izigwegwe

| Uhlobo Lwesinyathelo Sokuqondiswa Kwezigwegwe | Isibalo |
|---|---|
| Isexwayiso somlomo | 1 |
| Isexwayiso esibhaliwe | 0 |
| Isexwayiso sokugcina esibhaliwe | 1 |
| Ukuxoshwa | 0 |

## Okuhlosiwe Ngokulingana kanye neSimo Sokuqasha Ngokulingana

| Amazinga | ABESILISA | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abansundu | | Amakhaladi | | Amandiya | | Abamhlophe | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 1 | 1 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 3 | 3 | 0 | 0 | 1 | 1 | 1 | 1 |
| Abanamakhono | 20 | 20 | 1 | 1 | 2 | 2 | 3 | 3 |
| Abanamakhono angatheni | 21 | 22 | 0 | 0 | 4 | 4 | 1 | 1 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **44** | **45** | **1** | **1** | **8** | **8** | **5** | **5** |

| Amazinga | ABESIFAZANE | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | Abansundu | | Amakhaladi | | Amandiya | | Abamhlophe | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 1 | 1 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 1 | 2 | 0 | 0 | 1 | 1 | 1 | 1 |
| Abanamakhono | 5 | 8 | 1 | 1 | 0 | 0 | 2 | 1 |
| Abanamakhono angatheni | 10 | 10 | 1 | 1 | 4 | 4 | 0 | 2 |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 | 0 |
| **ISAMBA** | **17** | **21** | **2** | **2** | **5** | **5** | **3** | **4** |

| Amazinga | ABASEBENZI ABANOKUKHUBAZEKA | | | |
|---|---|---|---|---|
| | Abesilisa | | Abesifazane | |
| | Njengamanje | Okuhlosiwe | Njengamanje | Okuhlosiwe |
| Abaphathi Abaphezulu | 0 | 0 | 0 | |
| Abaphathi Abakhulu | 0 | 0 | 0 | |
| Abaqeqeshiwe Abafanelekile | 0 | 0 | 1 | |
| Abanamakhono | 0 | 0 | 0 | |
| Abanamakhono angatheni | 0 | 0 | 0 | |
| Abangenamakhono | 0 | 0 | 0 | |
| **ISAMBA** | **0** | **0** | **0** | |

# Ingxenye E: Ulwazi Lwezezimali

## 1. ISITATIMENDE SESIBOPHO SOKUBIKA KANYE NOKUQINISEKISWA KOBUQINISO BOMBIKO WONYAKA

UMkhandlu ubhekele ukulungisa izitatimende zezezimali zonyaka ze-The Playhouse Company kanye nezinqumo ezithathwa ngenxa yalolu lwazi.

UMkhandlu ubhekele ukusungulwa kanye nokuqalisa kokusebenza kohlelo lokulawula lwangaphakathi olwakhelwe ukuhlinzeka ngesiqiniseko esizwakalayo maqondana nesithunzi kanye nobuqiniso nezitatimende zezezimali zonyaka.

Ngokokubona kwami, izitatimende zezezimali zikhombisa indlela esebenze ngayo i-The Playhouse Company kunyaka wezimali obuphela mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2016.

UMcwaningi mabhuku-Jikelele usethintiwe ukuze kwedluliswe umbono we-The Playhouse Company maqondana nezitatimende zezezimali.

Izitatimende zezezimali zonyaka ze-The Playhouse Company kunyaka wezimali ophele mhla zingama-31 kuNdasa qwezi-2016 zicwaningwe nguMcwaningi mabhuku-Jikelele futhi umbiko wazo uyavela ekhasini 53-54.

Izitatimende zezezimali zonyaka ze-The Playhouse Company ezivezwe kusukela ekhasini  55 kuya 80 sezivunyiwe.

***Nk Linda Bukhosini***
ISikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko

***Nk Hlengiwe Christophina Mgabadeli***
USihlalo woMkhandlu

## 2. UMBIKO WESIKHULU ESIPHEZULU ESIPHINDE SIBE NGUMQONDISI WEZOBUCIKO

### Ukwenziwa Komsebenzi Kwezezimali

#### Imali engenayo

Isamba semali engenile sehle ngama-26% sisuka kuma-R71m siya kuma- R89m.

- Imbangela yokwenyuka kwaba wukwenyuka kwesibonelelo semali yokuqalisa umsebenzi esibhekelelwe ngokwe-GRAP23 ngama-R17m ngokubukela intengo yempahla eyaba ngama-R3m.

Isibonelelo satholwa eMyangweni Wezobuciko Namasiko ukuze kukhokhelwe imiklamo emikhulu.

#### Izindleko zokusebenza

Izindleko zokusebenza zenyuke nge-1% zisuka kuma-R74m ziya kuma-R73m.

#### Insada yonyaka

Insada yama-R 15.8m onyakeni wezi- 2016 ibhekelelwa esibonelelweni semali yokuqalisa umsebenzi evunywe ngokwe-GRAP 23 ngama- R 17 m.

### Isimo Sezezimali

I-The Playhouse Company ivale unyaka ikhombisa isimo esihle kwezezimali.

- Ukwehla kwempahla okungelula ukuthi iguqulwe ibe yimali ngama-R6m kube ngenxa yokwehla kwemali ebizwa ezindlekweni zempahla eyeqe kulezo ezisuke zibekiwe kulowo nyaka.
- Impahla engaguquleka ibe yimali yona inyuke ngama-R6.4m kanti kwaba ngenxa yemali kanye nempahla ethathea njengemali eyenyuke ngama-R6m
- Izikweletu zonyaka zehle ngama-R 15 m. Lokhu kwadalwa wukwehla kwemali engakangeni kodwa ebalelwa empahleni.

### Ukungena nokuphuma kwemali

Imali kanye nempahla ebalwa njengemali yenyuka ngama-R6m isuka kuma-R105m iya kuma-R111m.

Ukungena kwemali kusukela ezinhelweni ezenziwayo ezingama-R12m kweva ekungeneni kwemali ngenxa yezinhlelo zokutshalwa kwemali engama-R6m.

### Uhlaka lomumo wezitatimende zezimali

UMkhandlu sewunqume uhlaka lwawo lokwamukela wonke amazinga omumo wezitatimende zezimali kanye nencazelo yawo, ngokuhlanganyela nabacwangi bamabhuku bangaphandle, kanje:

- Imali engenile kanye nesetshenzisiwe – 1%
- Impahla kanye nezikweleti – 3%

Umumo wezitatimende zezezimali ubalwa kubhekwa lolu hlaka olungenhla, nokho zikhona izimo ezigunyaza ukuthi kuqiniswe isandla bese kulungiswa amazinga ngendlela efanele. Kuyaye kusetshenziswe nendlela yakudala uma sekunqunywa lawa amazinga omumo wezitatimende zezezimali.

***Nk Linda Bukhosini***
ISikhulu Esiphezulu esiphinde sibe nguMqondisi Wezobuciko

# 3. UMBIKO KAMCWANINGI MABHUKU OMKHULU OMAQONDANA NE-PLAYHOUSE COMPANY OYA EPHALAMENDE

## UMbiko Ngezitatimende Zezezimali

### Isingeniso

1. Ngizicwaningile izitatimende zezezimali ze-Playhouse Company ezivela ekhasini 55 kuya ku- 80, ezihlanganisa isimo sesitatimende sezezimali kuze kube mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016, isitatimende sokusebenza kwezimali, isitatimende sezinguquko empahleni yokusebenza esele, isitatimende sokuqhathanisa ulwazi lwesabelomali kanye nolwazi okuyilona ngempela lonyaka ophelile, ngokunjalo namanothi ahlanganisa ukufingqwa kwezinqubomgomo ezisemqoka zezokugcinwa kwamabhuku ezimali kanye nolunye ulwazi olucacisayo.

### Isibopho sokubika ngokugcinwa kwamabhuku ezezimali maqondana nezitatimende zezezimali

2. UMkhandlu, okuyiwona onesibopho sokubika ngamabhuku ezezimali ubhekele ukulungisa bese ubika ngokungenzeleli ngalezi zitatimende zezezimali ngokuhambisana neNqubo yaseNingizimu Afrika Esetshenziswayo Yamazinga Okugcinwa Kwamabhuku Ezezimali Egunyazwe Jikelele (SA Standards of GRAP) kanye nezidingo zoMthetho waseNingizimu Afrika Wezokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni, we-1999 (uMthetho No. 1 we-1999) (PFMA) futhi ukuze kwenziwe ukulawula kwangaphakathi njengokokunquma kwesigungu esinesibopho sokubika, kusemqoka ukuthi kuvunyelwe kuqala ukuthi kwenziwe izitatimende zezezimali ezinamaphutha angenamthelela otheni, okungaba owenkohlakalo kumbe amaphutha.

### Isibopho sikaMcwaningi Mabhuku Omkhulu

3. ISibopho sami wukuveza umbono ngalezi zitatimende osuselwa ekucwaningeni kwami. Ngenza ucwaningo mabhuku ngokuhambisana naMazinga Amazwe Omhlaba Okucwaningwa Kwamabhuku. Lawo mazinga adinga ukuthi ngilandele imigomo ehambisana nezidingo zendlela yokuziphatha, ngihlele, ngicwaninge amabhuku ukuze ngithole isiqiniseko esiyiso mayelana nokuthi lezi zitatimende zezezimali azinamaphutha angenamthelela otheni.

4. Ukucwaninga amabhuku kuhlanganisa ukulandelwa kwezinqubo ukuze kutholakale ubufakazi maqondana namanani kanye nokudalulwa kwezitatimende zezezimali. Izinqubo eziqokiwe zincike esinqumweni zikamcwaningi mabhuku, kubandakanya ukuhlolwa kwezimo ezingcuphe zamaphutha anomthelela omkhulu ezitatimendeni zezezimali, noma ngabe adaleke ngenxa yokukhwabanisa kumbe yephutha. Ngesikhathi kwenziwa lokho kuhlolwa kwezimo ezingcuphe, umcwaningi mabhuku ubheka ukulawulwa kwangaphakathi okuhambisana nokwenziwa kwezitatimende zezeimali zalolu hlaka ukuze kube nendlela yezinqubo zokucwaningwa kwamabhuku ezihambisana nezimo ezifanele kodwa hhayi ukuthi kwedluliswe umbono wokuthi ukulawula kwangaphakathi kunempumelelo. Ukucwaningwa kwamabhuku kubandakanya ukuhlolwa kokufaneleka kwezinqubomgomo zezokugcinwa kwamabhuku ezimali ezisetshenziswayo kanye nezizathu zezilinganiso zamanani ezenziwe ngabaphathi, kanjalo nokuhlolwa konke ukwethulwa kwezitatimende zezezimali.

5. Ngiyakholwa ukuthi ubufakazi bokucwaningwa kwamabhuku engibutholile banele futhi bufanelekile ukunikeza isisekelo sombono wami wokucwaningwa kwamabhuku.

### Umbono

6. Ngokombono wami, izitatimende ziveza ukungenzeleli ngayo yonke indlela, isimo sezezimali se-Playhouse Company kuze kube mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016 kanye nokusebenza kwemali kanye nokungena kanye nokuphuma kwemali onyakeni ophelile, ngokuhambisana naMazinga aseNingizimu Afrika e-GRAP kanye nezidingo ze-PFMA.

### UMbiko ngezidingo zomthetho nokulawula kwawo

7. Ngokuhambisana noMthetho waseNingizimu Afrika Wezokucwaningwa Kwamabhuku kaHulumeni, wezi-2004(uMthetho No. 25 wezi-2004) (PAA) kanye nesaziso esakhishwa ngokwalo mthetho, nginesibopho sokubika ngengikutholile kulokho okubikwe olwazini lokwenziwa komsebenzi uma

3. UMBIKO KAMCWANINGI MABHUKU OMKHULU OMAQONDANA NE-PLAYHOUSE COMPANY OYA EPHALAMENDE (kusaqhubeka)

kuqhathaniswa nezinjongo ezazinqunywe ekuqaleni ezinhlelweni ezithile ezethulwe embikweni wokwenziwa komsebenzi, ngokuhambisana nemigomo yemithetho kanye nokulawula kwangaphakathi.

Izinjongo zokuhlola kwami kwabe kuwukuhlonza okungatholakala ukuze ngibike ngakho njengalokhu kuchaziwe ngaphansi kwesihlokwana ngasinye kodwa akusikho ukuhlanganisa ubufakazi ukuze kuz=vezwe isiqiniseko ngalezi zindaba.

## Izinjongo ezazinqunywe ekuqaleni

8. Ngalandela izinqubo ukuthola ubufakazi ngolwazi lokwenziwa komsebenzi oluwusizo futhi olwethembekile okubikwe ngalo ngohlelo 2 – lwezokuthuthukiswa kwebhizinisi olusekhasini 33 kuya ku- 35 kanye nohlelo 3 – imali engenayo olusekhasini 35 kuya ku-36, lwethulwe embikweni wohlaka wonyaka wokwenziwa komsebenzi wonyaka ophela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016:

9. Ngikuhlolile ukuba wusizo kolwazi lokwenziwa komsebenzi okubikwe ngalo ukuze nginqume ukuthi lwethulwe ngokuhambisanayo yini nemigomo yonyaka yokubika kaMgcinimafa Kazwelonke nokuthi ukwenziwa komsebenzi okubikwe ngakho kuyahambisana nezinhlelo ezihleliwe. Ngiqhubekile ngahlola ukuze nginqume ukuthi izinkomba kanye nokuhlosiwe kwachwazwa ngendlela efanele, kungaqinisekiswa, kuqonde ngqo, kuyakaleka, kubekelwe isikhathi esithile, njengalokhu kudingwa wuHlaka lukaMgcinimafa Kazwelonke lokulawula uhlelo lolwazi lokwenziwa komsebenzi (FMPPI).

10. Ngikuhlolile ukwethembeka kolwazi lokwenziwa komsebenzi okubikwe ngalo ukuze nginqume ukuthi lusemthethweni, luyiqiniso futhi luphelele.

11. Angitholanga lutho olutheni olwazini oluwusizo nolwethembekile lokwenziwa komsebenzi okubikwe ngalo lohlelo 2 – lwezokuthuthukiswa kwebhizinisi kanye nohlelo 3 – imali engenayo.

## Okwengeziwe

12. Nakuba ngingahlonzanga izinto ezitheni kwengikutholile olwazini oluwusizo nolwethembekile maqondana nolwazi lokwenziwa komsebenzi okubikwe ngalo ezinhlelweni ezithile eziqokiwe, ngibalula lokhu okulandelayo:

## Impumelelo yokuhlosiwe okuhleliwe

13. Umbiko wonyaka wokwenziwa komsebenzi osekhasini 28 kuya ku- 37 kanye nolwazi olwethuliwe maqondana nempumelelo yezinto ezihlosiwe ezihleliwe zonyaka.

## Ukulandelwa kwemigomo yemithetho

14. Ngalandela izinqubo ukuthola ubufakazi bokuthi lolu hlaka luyilandelile yini imigomo yemithetho esebenzayo maqondana nezezimali, ukulawulwa kwezimali kanye nezinye izindaba ezinjalo. Angidibananga nezigameko lapho kunokungalandelwa kwemigomo okutheni maqondana nezindaba ezithile emithethweni esemqoka, njengalokhu kubekwe esazisweni esikhishwe ngokwe-PAA.

## Ukulawula kwangaphakathi

15. Ngikubona kuhambisana ukulawula kwangaphathi nokucwaninga kwami amabhuku ezitatimende zezezimali, umbiko wokwenziwa komsebenzi kanye nokulandela imigomo yemithetho. Angitholanga maphutha amakhulu ekulawuleni kwangaphakathi.

Auditor-General

EMgungundlovu
Mhla zingama-31 kuNtulikazi wezi-2016

AUDITOR-GENERAL
SOUTH AFRICA
*Auditing to build public confidence*

## 4. ISITATIMENDE SESIMO SEZEZIMAL

## Isitatimende Sesimo Sezezimali

| | Amanothi | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **IMPAHLA YOKUSEBENZA** | | | |
| **Impahla Empilonde** | | | |
| Impahla eyigugu | 2.1 | 88 330 000 | 88 330 000 |
| Izakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza | 2.2 | 84 617 716 | 90 476 430 |
| impahla engabonakali | 2.3 | 49 269 | 100 669 |
| **Impahla edayiseka ngokushesha** | | 113 111 779 | 106 622 541 |
| Isitokwe senkampani | 3 | 509 710 | 481 021 |
| Uhwebo kanye nemali engase yemukelwe | 4 | 1 961 922 | 1 368 301 |
| Ukheshi kanye nokungaba wukheshi | 5 | 110 640 147 | 104 773 219 |
| **Isamba Esiphelele Sempahla** | | **286 108 764** | **285 529 640** |
| **IMPAHLA ESALAYO KANYE NEZINDLEKO** | | | |
| **Impahla esalayo** | | | |
| imali esalile eqoqiwe | | 254 199 897 | 238 401 514 |
| **Izindleko** | | 31 908 867 | 47 128 126 |
| Uhwebo kanye nemali engase ikweletwe | 6 | 7 403 527 | 6 313 703 |
| Imali ekhokhelwe impahla engakathunyelwa | 7 | 24 505 340 | 40 814 423 |
| **Isamba Semali Esalile kanye Nezindleko** | | **286 108 764** | **285 529 640** |

## Isitatimende Ngokusebenza Kwezimali

| | Amanothi | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| **Imali engenile** | | 81 969 677 | 65 950 826 |
| Izibonelelo | 8 | 75 728 084 | 59 222 819 |
| Enye imali engenile yokuqhuba umsebenzi | 9 | 6 241 593 | 6 728 007 |
| **Kususwa : Imali esetshenzisiwe** | | 73 427 915 | 73 841 198 |
| Izindleko zemibukiso(Production) | 10 | 12 671 092 | 12 031 493 |
| Izindleko zemibukiso kanye nemisebenzi yokwelekelela | 11 | 4 843 169 | 4 740 690 |
| Imihlangano yokucobelelana ngolwazi | | 1 649 894 | 1 336 389 |
| Ezokuvikela kanye nokugcinwa kahle kwempahla | | 4 454 809 | 4 771 504 |
| Eminye imisebenzi -ezabasebenzi, ezezimali, ezokusebenzisana | | 5 767 932 | 6 091 841 |
| Imali esetshenziselwe eminye imisebenzi | 12 | 1 435 475 | 1 809 920 |
| Ukwehlelwa yizinga kanye nenzinganani lempahla | 2 | 12 484 488 | 15 648 989 |
| Inzuzo | 13 | 30 121 056 | 27 410 372 |
| **imali esalile (imali eshodile) ngesikhathi kwenziwa umsebenzi** | 14 | 8 541 762 | (7 890 372) |
| Inzuzo etholakele | | 7 256 621 | 5 137 968 |
| **imali esalile (imali eshodile) yonyaka** | 15 | **15 798 383** | **(2 752 404)** |

## Isitatimende Sezinguquko Empahleni Esalayo

| | Amanothi | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| **Imali okuvulwe ngayo eyimali esalile eqokelelwe njengalokhu kwakubikiwe ngokwedlule** | | 238 401 514 | 241 153 918 |
| imali esalile (imali eshodile) yonyaka | | 15 798 383 | (2 752 404) |
| **Imali okuvalwe ngayo eyimali esalile eqokelelwe** | 16 | 254 199 897 | 238 401 514 |

# Isitatimende Mayelana Nokungena Nokuphuma Kwemali

| | Amanothi | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| **Ukungena nokuphuma kwemali ngokwemisebenzi eyenziwayo** | | | |
| Imali etholakale kwabakhipha izibonelelo nakumakhasimende | | 107 276 509 | 107 305 761 |
| Imali ekhokhelwe abahlinzeka ngemisebenzi nabasebenzi | | (102 091 827) | (81 135 465) |
| **Imali eqoqwe ngokwemisebenzi eyenziwe** | 17 | 5 184 682 | 26 170 296 |
| Inzalo etholakele | | 7 256 621 | 5 137 968 |
| **Imali esalile ngokwemisebenzi eyenziwayo** | | **12 441 303** | **31 308 264** |
| **Imali esetshenziswe emsebenzini wokutshala imali** | | | |
| Ukwengeza ezakhiweni, imishini nempahla yokusebenza | | (6 555 696) | (7 868 208) |
| Ukwengeza empahleni engabonakali | | (18 679) | (50 598) |
| Imali etholakale kudayiswa impahla, imishini nempahla yokusebenza | | - | 186 892 |
| **Imali esalile esetshenziselwe ukutshalwa kwezimali** | | **(6 574 375)** | **(7 731 914)** |
| Ukungena nokuphuma kwemali ngokwemisebenzi yezezimali | | | |
| Ukwehla kokubolekwa kwemali isikhathi eside | | - | - |
| Imali esalile emisebenzini yezezimali | | - | - |
| **Ukwenyuka kwemali esalile nokulingana nemali** | | 5 866 928 | 23 576 350 |
| Imali nokulingana nemali okuvulwe ngakho unyaka | | 104 773 219 | 81 196 869 |
| **Imali nokulingana nemali okuvalwe ngakho unyaka** | 5 | **110 640 147** | **104 773 219** |

# Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali

1 **Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali**

***1.1.*** Izitatimende zezimali zihlelwe ngokuhambisana namaZinga Ezindlela Ezamukelekile Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali asebenza ngendlela efanele (Standards of Generally Recognised Accounting Practices -GRAP) kubandakanya nanoma iyiphi indlela yokuhlaziya, imihlahlandlela kanye nemiyalelo ekhishwe yiBhodi Elibhekele Amazinga Okugcinwa Kwamabhuku Ezimali (Accounting Standards Board) ngokuhambisana neSigaba 55(1) (b) soMthetho Wezokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni, (uMthetho No. 1 we-1999 njengalokhu uchitshiyelwe nguMthetho No. 29 we-1999). Impahla, izindleko, imali engenile kanye nezindleko akususiwe ngaphandle uma lokho kususwa kuvunyelwa ngamazinga e-GRAP. Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali zisebenza ngokuhambisana nalezo ezasetshenziswa ngesikhathi kwethulwa izitatimende zezezimali zanyakenye, ngaphandle uma kubekwe kwacaca. Imininingwane ephelele yanoma yiluphi ushintsho maqondana nezinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali ichaziwe kuleyo nqubomgomo eqondene nalolo shintsho.

Izitatimende zezezimali zonyaka zihlelwe ngendlela yokuqhathanisa izindleko ngokwemali engenile zibe zingakakhokhelwa futhi ziyahambisana nendlela yokunquma intengo yempahla ngokwentengo ethengwe ngayo, ngaphandle kwezindlela zezezimali ezinquma intengo yempahla ngendlela nangesikhathi esihlelekile.

Lezi zinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali ziyefana nezanyakenye.

Izinga le-GRAP livuywe yiBhodi Lamazinga Okugcinwa Kwamabhuku Ezezimali futhi liyasebenza nase-Playhouse Company.

GRAP 1 Ukwethulwa kwezitatimende zezezimali
GRAP 2 Izitatimende zokungena nokuphuma kwemali
GRAP 3 Izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali, izinguquko ezilinganisweni zemali ezitatimendeni zezezimali kanye namaphutha
GRAP 6 Izitatimende zemali ezihlanganisiwe kanye nokugcinwa kwamabhuku ezimali ezinhlaka ezilawulwayo
GRAP 9 Imali engenile ivela ezenzweni zokuhwebelana
GRAP 12 Izitokwe zenkampani
GRAP 13 Ukuqashisa
GRAP 14 Imicimbi eyenziwe sekwedlule usuku lokwethulwa kwemibiko
GRAP 17 Izakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza
GRAP 19 Izihlinzekelo, izikweletu kanye nempahla eshintshayo
GRAP 100 Impahla empilonde eBekelwe ukuthi iDayiswe kanye Nemisebenzi Engasaqhutshwa
GRAP 31 Impahla yokusebenza engabonakali
IPSAS 20 Ukudalulwa kwezinhlangano ezisebenzisana ne-Playhouse
GRAP 21 Isimo esintengayo ngenxa yempahla engangenisi imali (lokhu akukho e-PlayhouseCompany)
GRAP 23 Imali engenile etholakala ngokukhokhwa kweNtela engahlangene nokuhwebelana kanye neZimali Ezidluliselwayo(kusebenza imigomo yenqubomgomo)
GRAP 24 Ukwethulwa kwemininingwane yesabelomali (kusebenza imigomo yenqubomigomo)
GRAP 25 Imihlomulo yabasebenzi
GRAP 26 Isimo esintengayo ngenxa yempahla engenisa imali
GRAP 103 Impahla eyigugu (impahla esinesikhathi igciniwe)
GRAP 104 Izinsizakusebenza zezezimali

Lezi zitatimende ezilandelayo zeNqubo Yendlela Eyamukelekile Yokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (GRAP)ezikhishwa yiBhodi Elibhekele Amazinga Okugcinwa Kwamabhuku Ezimali ziyakhishwa kodwa azisebenzi e-Playhouse Company:
GRAP 4 Imithelela yoshintsho ngokwezilinganiso zokuhwebelana namazwe angaphandle
GRAP 5 Okubolekwayo
GRAP 7 Ukugcinwa kwamabhuku ezimali abatshalizimali okusetshenziswana nabo
GRAP 8 Umbiko wezezimali ngezintshisekelo sokusebenzisana
GRAP 10 Umbiko wezezimali maqondana nokuguquka kwamandla ezomnotho
GRAP 11 Izinkontileka Zezokwakha
GGRAP 16 Izakhiwo okutshalwe kuzo izimali
GRAP 18 Segment Reporting
GRAP 27 Ezolimo
GRAP 105 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi eziNhlakeni ezahlukene Ngaphansi Kwendlela Ejwayelekile Yokulawula
GRAP 106 Ukwedluliselwa Kwemisebenzi eziNhlakeni ezehlukene ezingekho Ngaphansi Kwendlela Ejwayelekile Yokulawula
GRAP 107 Ukuhlanganisa
IFRS 4 Izinkontileka Zemishwalense
IFRS 6 Ukuhlolwa kanye nokubhekisiswa kweziMbiwa
IAS 12 Intela yemali engenayo
IFRIC 12 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo
SIC 25 Intela yemali engenayo- uGuquko eSimweni Sentela yeziNhlaka kumbe Abaninimasheya bazo
SIC 29 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo

Lezi zitatimende ezilandelayo zeNqubo Yendlela Eyamukelekile Yokugcinwa Kwamabhuku Ezimali ezikhishwe yiBhodi Elibhekele Ukugcinwa Kwamabhuku Ezimali ziyasebenza kodwa azikaqali ukusebenza ngokugcwele ezinhlakeni zikahulumeni ezisebenza ngokwesheduli 3A no-3C kanye nasezikhungweni ezimiswe ngokoMthethosisekelo:
GRAP 20 Ukudalulwa kwezinhlangano ezisebenzisana nePlayhouse Company (izinqubomgomo ezisetshenzisiwe)
GRAP 32 Izivumelwano Ngokwemisebenzi Edingekayo: Abakhipha izibonelelo
GRAP 108 Imali noma impahla okumele ikhokhwe ngolunye uhlaka ngemali kumbe enye impahla ethethwa ngokuthi iyimali ngokusemthethweni

Imigomo yokwamukela kanye nokulinganisa kulezi zitatimende ze-GRAP ezingenhla ziqhathaniswa nezitatimende ezifanele ze-GAAP ezifakwe esikhundleni sezokuqala ayehlukile kumbe ayinamphumela otheni owehlukile emaphuzwini ethulwa aphinde adalulwa ezitatimendeni zezimali.

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

**1.2. *Ukusetshenziswa kwezilinganiso kanye nezinqumo***

Ukwenziwa kwezitatimende zezezimali kudinga ukuthi abaphathi bathathe izinqumo, izilinganiso kanye nokucabangela umthelela wokusesthenziswa kwezinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezezimali kanye nesamba sempahla yokusebenza kanye nezikweletu okubikwe ngazo, imali engenile kanye nesetshenzisiwe. Izilinganiso kanye nokucatshangelwe kususelwa emlandweni wolwazi kanye nezinye izinto okukholakala ukuthi zifanele ngokwaleso simo, imiphumela yakho eba yingxenye yokuthathwa kwezinqumo maqondana nokufaneleka kwempahla yokusebenza kanye nezikweletu ezingakakulungeli ukubonakala ngokusobala esivela kweminye imithombo. Imiphumela yangempela ingehluka ngokwalezi zilinganiso.

Izilinganiso kanye nokucatshangelwa ukuthi kungase kwenzeke kuyabuyekezwa njalo njalo. Ukubuyekezwa kwezilinganiso ngokokugcinwa kwamabhuku ezimali kwenziwa ngesikhathi lapho lokho kubuyekeza kunomthelela kuleso sikhathi sokubuyekeza kuphela noma esikhathini esizayo sokubuyekeza kumbe kunomthelela kuzo zombili lezi zikhathi.

Ikakhulu, imininingwane ngezingxenye ezithile okulinganiselwa ngazo, izinqumo ezingaqinisekanga nezibucayi ekusebenziseni izinqubomgomo zokugcinwa kwamabhuku ezimali ezinomthelela omkhulu esambeni esitholakala ezitatimendeni zezezimali ichaziwe kulawa manothi alandelayo:

INothi 1.3 Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza
INothi 1.5 Impahla engabonakali
INothi 1.12 Izihlinzekelo

**1.3. *Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza***

Isakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza kubalwe ezindlekweni zokuqala zempahla yokusebenza evezwe kumarekhodi kususwe ukulahlekelwa okudalwe ngukwehla kwezinganani kanye nokuntenga. Ukubonakala kokubaluleka kwempahla yokusebenza kubonakala emuva kokubhekisisa zonke izinto ezithinta i-Playhouse Company. Ukubaluleka kwempahla yokusebenza kanye nendlela yokwehla kwakho kuphinde kuhlolwe kabusha njalo ngonyaka bese kubhekelelwa nanoma yiziphi izinguquko ezilinganisweni lapho kunqunywa izinga kanye nentengo yokwehla kwentengo. Asikho isikweletu esilengisiwe maqondana nesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza njengoba impahla isetshenziswe maqondana nezomnotho.

Uma kuthengwe impahla esikhungweni sikahulumeni ngale kwezindleko (ukuthengiselana okungenamali) intengo yaleyo mpahla ithathwa ngokuthi ifanelekile ngosuku ethengwe ngalo.

Intengo yempahla ifaneleka ngesikhathi leyo mpahla seyehlelwa yinani. Uma ingekho imakethe esebenzayo, intengo efanelekile yempahla esiyaziwa ibhekiswa kuleyo mpahla enezinto ezifanayo nayo.

Ingxenye enkulu yempahla elindele ukusebenza uma kulimala esuke isebenza ngaleso sikhathi ingena ngaphansi kwezakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza uma kungukuthi uhlaka lukahulumeni luhlela ukuyisebenzisa leyo mpahla izikhathi eziningana. Ngendlela efanayo, uma le ngxenye enkulu yempahla isetshenziselwa kuphela ezintweni ezingena ngaphansi kwezakhiwo, imishini, kanye nempahla yokusebenza, ibe seyibalelwa ngaphansi kwezakhiwo,imishini kanye nempahla yokusebenza.

Ukwehla kwenani lempahla kubalwa ngendlela eqondile, ukwesula izindleko zempahla ngayinye esilinganisweni sentengo yesikweletu esilengisiwe kunaleyo elinganiselwe kuyo ngokokubaluleka kwayo kanje:

| | |
|---|---|
| Izakhiwo | : Iminyaka engama-50 |
| Izimoto | : Iminyaka emi-5 |
| Impahla yasehhovisi nenye impahla yokusebenza | : Iminyaka emi-5 |
| Impahla yekhompyutha | : Iminyaka emi-3 |
| Isiteji | : Iminyaka emi-4 |
| Impahla yokusebenza eshabhu (workshop) | : Iminyaka emi-5 |

Imisebenzi yobuciko ayehlelwa yintengo kanye nezinto ezisetshenziswa eshashalazini, izingubo zokugqoka, umculo nemibhalo yemidlalo yeshashalazi yesulwa ngesikhathi ithengwa.

Imali esetshenziswe maqondana nempahla engenangaphansi kwezakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza iyaguqulwa ibe yimali yokuqalisa umsebenzi uma kucaca ukuthi uzokwenyuka umhlomulo kwezomnotho ngokusetshenziswa kwaleyo mpahla. Yonke enye imali esetshenziswe ngemuva kwalokho ithathwa ngokuthi iyizindleko ngaleso sikhathi okuthengwe ngaso leyo mpahla.

**1.4. *Ukuntenga***

*Impahla esetshenziselwa ukwenza inzuzo*

Imali okuvulwe ngayo unyaka yempahla yase-Playhouse Company, ngaphandle kwesitokwe senkampani, ibuyekezwa njalo ngosukulokubika ukuze kubonakale ukuthi ngabe kukhona yini okukhombisa ukuntenga. Uma izimpawu ezinjalo zikhona, kube sekulinganiswa imali engabizwa ukukhokhela leyo mpahla.

Imali engakhokhwa ukubuyisa leyo mpahla inkulu ngokwenani elisetshenziswayo futhi inentengo efaelekile uma kususwa izindleko ukuze idayiswe. Ukuzwe kuhlolwe ukuntenga, kuyaye kuhlolwe isimo sempahla ukuze kuqinisekiswe inani elisetshenziswayo. Uma impahla ilimele ngendlela yokuthi ngeke isasebenziseka, inani layo elifanelekile liyaye libe yinani layo lokulahlwa.

Ukuntenga kubonakala uma kungukuthi imali yempahla yokusebenza okuvulwe ngayo unyaka ingaphezu kwemali okumele ikhokhwe ukuze kubuyiselwe leyo mpahla. Ukulahlekelwa ngenxa yokuntenga kubonakalauma kunenzuzo noma kunokulahlekelwa yinzuzo.

*Ukulungisa isimo sokuntenga*

Ukulahlekelwa ngenxa yesimo esintengayo kulungiswa uma kube khona uguquko ezilinganisweni zamanani asetshenzisiwe ukuze kunqunywe imali ezokhokhwa ukubuyisa leyo mpahla. Ukulahlekelwa ngenxa yokuntenga kwesimo kulungiswa kuphela kungukuthi imali yempahla okuvulwe ngayo unyaka ayikho ngaphezu kwemali okuvulwe ngayo unyaka okuyiyona ekhomba imali esalile yokwehla kwenani, uma kungekho ukulahlekelwa ngenxa yokuntenga kwesimo okube khona.

**1.5. *Impahla engabonakali***

Impahla engabonakali ikhonjiswa ngokuba nentengo esisuswe yonke imali esikhokhiwe kanye nokulahlekelwa ngenxa yesimo esintengayo. Ukubaluleka kwempahla engabonakali kuphinde kubuyekezwe njalo ngonyaka bese kubhekisiswa izinguquko ezilinganisweni zamanani lapho kunqunywa izindleko ezisasele zemali okumele ikhokhwe. Imali okumele ikhokhwe ibalwa ngendlela eqondile ukuze kuqedwe zonke izindleko zempahla engabonakali ngokokubaluleka kwayo kanje:

| | |
|---|---|
| I-Software | : Iminyaka emi-2 |

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

***1.6. Impahla eyigugu***

Impahla eyigugu yileyo mpahla ehambisana namasiko, nemvelo, nomlando, nendalo, nesayensi, nobuchwepheshe noma nobuciko obukhulu futhi igcinwe kahle ukuze kuhlonyulwe ngayo manje kanye nangesikhathi esizayo.

Impahla eyigugu engathathwa njengempahla kumele ilinganiswe ngenani layo.

Lapho impahla eyigugu itholakale ngokuthengiselana okungenazindleko, inani layo kumele lilinganiswe enanini layo ngesikhathi itholakala.

Ngemuva kokumukelwa kwayo njengempahla, uhlobo oluthile lwempahla eyigugu kumele lube amanani ajwayelekile futhi kususwe nanoma yiziphi ezinye izindleko zokuntenga okwenzekile.

***1.7. Isitokwe senkampani***

Isitokwe senkampani silinganiswa ngenani eliphansi kanye nenani lemali esalayo ekhonekayo. Izindleko zesitokwe senkampani zihlanganisa zonke izindleko okuthengwe ngazo, ukuguqulwa kwempahla kanye nezinye izindleko nemibandela ebe khona ngesikhathi kulethwa leso sitokwe endaweni esikuyona futhi sibonakala ngokusebenzisa uhlelo lokuthi impahla efike kuqala iyona ekhishwa kuqala. Ngaso sonke isikhathi yonke impahla ethengwa kancane ngokwahlukana kwayo ibhalwa phansi ngokwezilinganiso zayo zenani lemali esalayo.

***1.8. Izinsizakusebenza zezimali***

*Izilinganiso*

Izinsizakusebenza zezimali zilinganiselwa ngezindleko ezihlanganisa izindleko zokuthengiselana. Okunye okwenzeka ngalezi zinsizakusebenza zezimali ukuthi zilinganiswe ngale ndlela ekuchazwe ngayo lapha ngezansi:

*Uhwebo kanye nemali engase yamukelwe*

Uhwebo kanye nenye imali engase yamukelwe enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani angaphansi kwezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo. Imali engase imukelwe iyasulwa uma kubonakala ukuthi ngeke isatholakala. Izaphulelo zohwebo kanye nemali engase yamukelwe nezihlinzekelo zezikweletu ezingabazekayo kwezikweletu kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

*Ukheshi nokungaba ukheshi*

Ukheshi nokungaba ukheshi kulinganiswa ngokwenani eliyifanele impahla.

*Uhwebo kanye nokunye okukweletwayo*

Uhwebo kanye nokunye okukweletwayo enkampanini i-Playhouse kwenziwa ngokwamanani ezindleko. Izaphulelo zohwebo kanye nokunye okukweletwayo kwenziwa ngokusebenzisa izilinganiso zenzalo uma kunesidingo.

*Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa uma kwenziwa izilinganiso*

Ukuhlomula kanye nokulahlekelwa kakhulu okusukela ekushintsheni kwesilinganiso senani lezinsiza kusebenza zezimali ezingeyona ingxenye esebenza isikhathi eside kubalwa enzuzweni esalayo noma emalini elahlekile ngesikhathi kwenziwa ushintsho.

***1.9. Uhlelo lomhlomulo womhlalaphansi***

Kuyinqubomngomo yenkampani i-Playhouse ukuhlinzeka ngemihlomulo yomhlalaphansi kubasebenzi. Izimali ezibekwa yinkampani i-Playhouse ngokohlelo lokubekelela imali nohlelo lwemihlomulo ziyizindleko ezisemqoka kakhulu.

***1.10. Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko***

Inzuzo etholakala ngokuthengiselana okungenazindleko iqhamuka uma isikhungo samukela inani elithile kwesinye isikhungo ngaphandle kokunikeza ngqo inani elicishe lilingane uma kushintshiselwana. Impahla etholakale ngokuthengiselana okungenazindleko kumele ilinganiswe ngenani elifanele ngosuku etholakale ngalo.

Le nzuzo izolinganiswa ngenani elenyukile emalini esalayo yempahla ngokwesikhungo.

Ukungena kwempahla ngokwenzuzo yokuthengiselana kumele kuthathwe njengenzuzo, ngaphandle uma kukhona leso sikweletu esikhona kuleso sitokwe esifanayo. Njengoba inkampani ikwamuleka ukuthi isibopho esikhombisa isikweletu ngokokungena kwempahla etholakale ngokuthengiselana, kwehlisa inani elikhona lezikweletu njengalokhu kubhekwa ukwehla ngokulinganayo.

I-PlayhouseCompany isingene esivumelwaneni sokuqashiselana sokusebenzisa mahhala izingxenye ezithile zomhlaba kanye nezakhiwo.

## Izinqubomgomo Zokugcinwa Kwamabhuku Ezimali (kusaqhubeka)

**1.11. *Imali engenile***

*Izibonelelo*

Izibonelelo ezimaqonanda nemali esetshenziselwa ukuqhuba umsebenzi zithathwa njengenzuzo uma kungukuthi kunemali edluliselwe esikhungweni ezomukelwa futhi lelo nani lemali lingalinganiseka ngokuthembeka, uma kukhona isibopho esikhona sokusebenzisa isitokwe ngenye indlela noma isitokwe sibuyiselwe kumnikazi. Lapho kudingeka khona ukuba isitokwe sisebenze ngendlela ethize ngokungahambisani nokudingekayo ukuze kubuyiselwe lezo zitokwe, lapho-ke akukho sibopho esikhona kanye nenzuzo ebonakalayo. Lapho isibopho sikhona, isitokwe sibhekwa njengenzuzo engene ngaphambi kwesikhathi kuze kube ukuthi kuyahlangabezwana nalezi zibopho ukuze zibonakale njengenzuzo.

Izibonelelo ezimaqondana nokuthengwa noma ukwakhiwa kwempahla zithathwa ngokuthi yimali engenile uma kucaca ukuthi imali edluliselwayo izotholakala futhi isamba sayo singalinganiselwa kokuyiqiniso, ngaphandle uma kunesibophezelo esikhona sokusebenzisa imithombo yokwedlulisa ngendlela ethile kumbe ibuyiselwe koyedlulisile. Lapho kuyisidingo ukuthi kusetshenziswe kuphela izinsizakusebenza ngendlela ethile engenaso isidingo esifanele ukuba kubuyiselwe izinsizakusebenza, sisuke singasekho isibophezelo kumbe imali engenile ebonakalayo. Lapho kukhona isibophezelo esisebenzayo, izinsizakusebenza zithathwa ngokuthi yimali engenile yempehla engakafiki kuze kubekubhekwana naleso sibophezelo bese zithathwa nngokuthi ziyimali engenile.

Inzalo yemali engenile

Inzalo engenile ibonakala ngokuhamba esikhathi, kubhekwa imali ekweletwayo kanye namazinga asebenza ngaleso sikhathi kuze kuba kushaya isikhathi sokuvuthwa, uma kwenzeka leyo mali iba yingeniso elingakakhokhwa yi- Playhouse Company.

*Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana nalo*

Ihhovisi elidayisa amathikithi kanye nemali engenayo ehambisana kubonakala umdlalo sewube khona. Amathikithi amahhala akhishelwa ukuqhakambisa kanye nokumaketha umdlalo awananani futhi awabalwa emalini etholakala ehhovisi lokudayisa amathikithi kanye nasemalini engenayo ehambisana naleli hhovisi.

*Ezinye izimali ezingenayo*

Ezinye izimali ezingenayo zibonakala uma kungukuthi umhlomulo womnotho wangesikhathi esizayoubonakala ukuthi uzongena e- Playhouse Company futhi ungalinganiseka ngokufanele.

**1.12. *Imisebenzi engakhokhelwa ngemali (Services in-kind)***

Imisebenzi eyenziwa ingakhokhelwa ngemali ihlonishwa ngokwentengo yayo uma ihambisana nokwenziwa komsebenzi kanye/noma izinjongo zokunikezela ngezidingo futhi uma izohlomulisa kwezomnotho esikhathini esizayo kumbe kuzoba khona eminye imisebenzi ezokwenziwa esikhungweni kutholakale nempahla yokusebenza esezingeni elifanele. Uma imisebenzi engakhokhelwa ngemali ingahambisani nokwenizwa komsebenzi kanye/ noma nezinjongo zokunikezela ngezidingo kusobala ayihambisani nendlela eyamukelekile, kuba wuhlobo lomsebenzi ongakhokhelwa ngemali kuphela owenziwa ngesikhathi ngesikhathi sokubika esidaluliwe.

**1.13. *Izihlinzeko***

Izihlinzeko zibonakala uma i- Playhouse Company yethula izibopho zangokomthetho neziphusile ngenxa yokwenzeka phambilini, okungenzeka kube khona ukuphuma kwenzuzo yomnotho, kanye nalapho izilinganiso ezikholekayo zenziwa ngenani lezibophezelo. Uma kwenziwe izaphulelo, izihlinzeko nazo ziyehliswa. Isilinganiso senani lesaphulelo yileso esihambisana nokuhlolwa kwamanani emakethe ngokunjalo nezinkinga zezikweletu ezithize.

**1.14. *Ukheshi kanye nokungaba ukheshi***

Ngokwesitatimende sokungena nokuphuma kwemali, ukheshi kanye nokungaba ukheshi kufaka imali esesandleni, imali efakwe ebhange, kanye nemali etshalwe ezimakethe zezimali, imali esele ye-ovadrafthi, nayo yonkeenye imali ekhona nengatholakala ukuba isetshenziswe yi- Playhouse Company,ngaphandle uma kuchazwe ngenye indlela.

**1.15. *Isivumelwano sebhizinisi nenye inhlangano***

Isivumelwano sebhizinisi phakathi kwezinhlangano sisho ukudluliselana ngezinsizakusebenza noma izibopho phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo, ngaphandle kokubheka ukuthi kuyakhokhelwana yini. Izinhlangano zithathwa ngokuthi ziyasebenzisa uma enye inhlangano inamandla okulawula lena enye inhlangano noma isebenzise amandla ayo ekuthatheni izinqumo zokusetshenziswa kwemali noma impahla yenye inhlangano noma-ke uma lezi zinhlangano zingaphansi kolawulo olufanayo.Amanothi okuba sobala aveza yonke imininingwane yesivumelwana sebhizinisi phakathi kwezinhlangano ezisebenzisanayo.

**1.16. *Izibophezelo***

Izibophezelo zisho izimpahla/ imisebenzi esigunyaziwe futhi/noma esinikwe inkontileka, kepha leyo mpahla/ umsebenzi ungakahlinzekwa ngosuku lokubika. Izibophezelo azibalwa esitatimendeni sezimali njengezikweletu noma njengezindleko esitatimendeni sokusebenza kwezimali kodwa zibalwa emanothini okuveza obala.

**1.17. *Ukuqhathaniswa kwezinombolo***

Ukuqhathaniswa kwezinombolo sekuhlelwe kabusha ukuze kuvumelane nokwenza ushintsho ekwenziweni kwezethulo nokucacisa kahle, uma kunesidingo.

**1.18. *Inkampani iyaqhubeka***

Ngesikhathi kwenziwa izitatimende zezezimali kwamukeliwe ukuthi inkampani iyaqhubeka nokusebenza ngale kwezingqinamba. Asikho isizathu abangaba naso abaphathi esingenza bacabange ukuthi le nkampani kungenzeka ingabe isaqhubeka nokusebenza esikhathini esizayo, ngenxa yoxhasomali olufakwa nguMnyango Wezobuciko Namasiko, izilingniso zokusazokwenzeka kanye nezinsizakusebenza zezezimali.

I-Playhouse Company isisitholile isabelomali sayo seminyaka emithathu ilandelana (MTEF) eMnyangweni Wezobuciko Namasiko sale minyaka emi-3 ezayo.

**1.19. *Imali ekhokhelwe impahla engakathunyelwa***

Izindleko zidaleka emalini yezibonelelоezinemibandela. Imali engenayo ngalezi zibonelelo ithathwa ngokuthi yimali engenile yize kungakabonakali okukhokhelwayo kuze kube yileso sikhathi lapho seyifezekile imibandela yezibonelelo. Izindleko zesibonelelo ziyehla uma uma imali ebikhokhwe ingakafezeki imibandela yesibonelelot deferred seyikhululiwe.

# AMANOTHI NGEZITATIMENDE ZONYAKA ZEZEZIMALI

| | | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| 2. | IMPAHLA YOKUSEBENZA | | |
| ***2.1.*** | ***Impahla eyigugu*** | | |
| | **Inani okuvulwe ngalo** | 88 330 000 | 88 330 000 |
| | Isamba esikhona esingakanconzulwa | 88 330 000 | 88 330 000 |
| | Ukuntenga kakhulu | - | - |
| | **Imali okuvalwe ngayo ekupheleni konyaka** | **88 330 000** | **88 330 000** |

Impahla eyigugu ifaka umhlaba kanye nezakhiwo : Ingxenye 1 yeSiza 10636 eThekwini. Inani lesakhiwo lanqunywa ngUMasipala waseThekwini ngoNhlaba wezi-2008.

Impahla eyigugu yamukelwa okokuqala ngqa ngonyaka wezi-2011 kuNdasa.

Umhlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi. I-PlayhouseCompany iqashe umhlaba kanye nezakhiwo eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi.

Ngokwesigaba 66 soMthetho i-PFMA, i-Playhouse Company ngeke iyisebenzise impahla engagudluleki, kubandakanya nempahla eyigugu ebekwe yaba yisibambiso kanye nomhlaba nezakhiwo ziyathinteka.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

***2.2. Ukuhlanganiswa kwenani elilinganiselwe lesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza***

| | Izimoto | Ukuphathwa kahle kwezipele | Impahla yasehhovisi kanye nenye impahla yokusebenza | Impahla yamakhompyutha | Impahla yasesiteji | Impahla yokusebenza | Umsebenzi oqhubeka | Umsebenzi wezobuciko | Impahla eqashisayo (impahla yasehhovisi, umhlaba kanye nezakhiwo) | Isamba |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | R | R | R | R | R | R | R | R | R | R |
| **Imali okuvulwe ngayo ngomhla lu- 1 kuMbasa wezi-2014** | 1 083 046 | - | 4 585 067 | 644 239 | 8 694 140 | 348 855 | 8 444 545 | 469 870 | 74 130 875 | 98 400 637 |
| Isamba esikhona esingakanconzulwa | 3 245 366 | - | 12 046 909 | 2 344 192 | 28 938 899 | 606 264 | 8 444 545 | 469 870 | 100 403 030 | 156 499 075 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | (2 162 320) | - | (7 461 842) | (1 699 953) | (20 244 759) | (257 409) | - | - | (26 272 155) | (58 098 438) |
| Okwengeziwe | 1 045 067 | - | 75 939 | 240 030 | 167 795 | 4 091 | 6 307 351 | - | - | 7 840 273 |
| Ukulungiswa kwenani kube ngelifanelekile | - | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Imali eyedluliselwayo | - | 27 935 | 30 798 | - | 4 258 506 | - | (11 133 023) | - | 6 843 719 | 27 935 |
| Ukwehla kwezinganani lempahla | (561 256) | - | (1 252 027) | (444 798) | (5 021 411) | (104 256) | - | - | (9 829 444) | (17 213 192) |
| Ukulungiswa kabusha kwenani | 18 518 | - | 72 843 | 273 691 | 1 260 606 | - | - | - | - | 1 625 658 |
| **Okulahliwe** | (1) | - | (40 405) | (13 555) | (121 730) | (11 369) | - | (17 821) | - | (204 881) |
| Intengo | (1) | - | (608 793) | (285 057) | (3 155 181) | (82 899) | - | (17 821) | - | (4 149 752) |
| ukwehla kakhulu kwenani lempahla | - | - | 568 388 | 271 502 | 3 033 451 | 71 530 | - | - | - | 3 944 871 |
| **Imali okuvalwe ngayo ngomhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2014** | 1 585 374 | 27 935 | 3 472 215 | 699 607 | 9 237 906 | 237 321 | 3 618 873 | 452 049 | 71 145 150 | 90 476 430 |
| Isamba esikhona esingakanconzulwa | 4 290 432 | 27 935 | 11 544 853 | 2 299 165 | 30 210 019 | 527 456 | 3 618 873 | 452 049 | 107 246 749 | 160 217 531 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | (2 705 058) | - | (8 072 638) | (1 599 558) | (20 972 113) | (290 135) | - | - | (36 101 599) | (69 741 101) |
| Okwengeziwe | 395 023 | - | 150 910 | 133 103 | 650 729 | 6 430 | 5 219 501 | - | - | 6 555 696 |
| Ukulungiswa kwenani kube ngelifanelekile | - | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Ukushintshiselana | - | - | 612 190 | - | 1 222 590 | - | (5 619 623) | - | 3 784 843 | - |
| Ukwehla kwezinganani lempahla | (722 879) | - | (1 237 470) | (331 226) | (4 701 476) | (100 006) | - | - | (10 956 006) | (18 049 063) |
| Ukulungiswa kabusha kwenani | 660 773 | - | 136 241 | 221 627 | 4 432 555 | 3 877 | - | - | 179 580 | 5 634 653 |
| **Okulahliwe** | - | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Intengo | - | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | - | - | - | - | - | - | - | - | - | - |
| **Imali okuvulwe ngayo mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2014** | 1 918 291 | 27 935 | 3 134 086 | 723 111 | 10 842 304 | 147 622 | 3 218 751 | 452 049 | 64 153 567 | 84 617 716 |
| Isamba esikhona esingakanconzulwa | 4 685 455 | 27 935 | 12 307 953 | 2 432 268 | 32 083 338 | 533 886 | 3 218 751 | 452 049 | 111 031 592 | 166 773 227 |
| Ukwehla kakhulu kwenani lempahla | (2 767 164) | - | (9 173 867) | (1 709 157) | (21 241 034) | (386 264) | | - | (46 878 025) | (82 155 510) |

LUmhlaba kanye nezakhiwo ezikhona zimi kanje:
1. Ingxenye 1 weSiza 10636 eThekwini
2. Ingxenye 3 weSiza 615 e-Brickfield
3. Ingxenye 3 weSiza 10635 eThekwini

Umhlaba kanye nezakhiwo kubhaliswe egameni loMnyango Wezemisebenzi Yomphakath. Inkampani i-Playhouse iqashisa komhlaba kanye nezakhiwo ngaphandle kokubonisana noMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi.

Isamba esiphelele esikhona esingakanconzulwa sesakhiwo, imishini kanye nempahla yokusebenza siyizi-R8 293 441. Impahla enkulu yasesiteji ihlanganisa amalambu kanye nokhehlegumbe.

Uhlelo oluhle lokuthola ukwehla kwezinganani lempahla kanye nesamba esisalayo sempahla yokusebenza lwenziwa njalo ngonyaka, bese kuncashiswe lapho kunesidingo khona.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | Software | Total |
|---|---|---|---|
| *2.3.* | ***Impahla a engakathintwa*** | R | R |
| | **Imali okuvulwe ngayo wezi-2013 kuMbasa 1** | 111 530 | 111 530 |
| | Inani okuvulwe ngalo kungakancozulwa | 507 332 | 507 332 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga | (395 802) | (395 802) |
| | Okwengeziwe | 50 598 | 50 598 |
| | Ukwehlelwa yizinga | (62 339) | (62 339) |
| | Ukulungiswa kokwehla kwezinga | 884 | 884 |
| | **Izimpahla ezichithiwe** | (4) | (4) |
| | Izindleko | (4) | (4) |
| | Ukwehlelwa yizinga okuqhutshekwe nakho | - | - |
| | **Imali okuvulwe ngayo wezi-2014 kuNdasa 31** | 100 669 | 100 669 |
| | Inani okuvulwe ngalo kungakancozulwa | 557 926 | 557 926 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga | (457 257) | (457 257) |
| | Okwengeziwe | 18 679 | 18 679 |
| | Ukwehlelwa yizinga | (70 079) | (70 079) |
| | Ukulungiswa kokwehla kwezinga | | - |
| | **Imali okuvulwe ngayo wezi-2015 kuNdasa wezi-2015** | 49 269 | 49 269 |
| | Inani okuvulwe ngalo kungakancozulwa | 576 605 | 576 605 |
| | Ukuqhubeka kokwehla kwezinga | (527 336) | (527 336) |
| | Ukwehlelwa yizinga kuhlanganiswa nokwehla kwezingamali lempahla. | | |

| | | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| 3. | **Isitokwe senkampani** | | |
| | Abaphekayo | 81 465 | 86 691 |
| | Indawo yokusebenzela | 220 885 | 191 496 |
| | Iwadilobhu | 96 313 | 95 867 |
| | Indawo ejwayelekile yokugcina impahla | 111 047 | 106 967 |
| | | 509 710 | 481 021 |
| 4. | **Uhwebo kanye nemali engase yamukelwe** | | |
| | Uhwebo lokungakamukelwa | 290 268 | 574 080 |
| | Izikweletu zabasebenzi | 5 833 | 3 877 |
| | Imali engakamukelwa | 1 879 190 | 1 290 408 |
| | | 2 175 291 | 1 868 365 |
| | Kususwe: Imali yabakweletayo | (213 369) | (500 064) |
| | | 1 961 922 | 1 368 301 |
| *4.1.* | ***Ukuthinteka kwezinto eziqondene nokuntenga kohwebo*** | | |
| | **lokungakamukelwa** | 500 064 | 479 290 |
| | Imali okuvulwe ngayo ngoMbasa 1 | (286 695) | 20 774 |
| | Ukuntenga kwemali engakamukelwa | - | |
| | Imali engakamukelwa esuliwe phakathi nonyaka njengengaqoqwanga | - | |
| | Imali ekade ibekiwe engasebenzanga | - | - |
| | **Ukulungiswa kwezaphulelo** | 213 369 | 500 064 |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| 5. | **Ukheshi kanye nokungaba ukheshi ekupheleni konyaka** | | |
| | Ukheshi okhona njengamanjey | 12 057 264 | 37 789 625 |
| | **Utshalomali - Idiphozithi engashintshi** | 98 582 883 | 66 983 594 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-30 | 33 152 521 | 35 562 663 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-60 | 24 894 000 | 21 837 009 |
| | Ukheshi ongaba khona ngemuva kwezinsuku ezingama-90 | 40 536 362 | 9 583 922 |
| | | 110 640 147 | 104 773 219 |
| | imali engama-R 277 816 kanye nama-R 30 360 ikhishwe yaba yisibambiso sokuqinisekisa esikhishwe ngu-FNB egameni le-Playhouse Company kuMasipala waseThekwini kanye noMphathiposi (Postmaster). Lesi siqinisekiso sizophelelwa yisikhathi mhla zingama-31 kuZibandlela 2025 futhi ngeke sivuselelwe. | | |
| 6. | **Uhwebo kanyenemali engase ikweletwe** | | |
| | Inkokhelo yokuhweba | 1 805 160 | 1 398 939 |
| | Ama-akhawunti angakhokhiwe | 2 773 473 | 2 139 069 |
| | Ukukhokhelwa kwamalivu | 2 062 390 | 2 084 100 |
| | Ukukhokhelwa kwamabhonasi | 762 504 | 691 595 |
| | | 7 403 527 | 6 313 703 |
| 7. | **Imali engene ngaphambi kwesikhathi** | | |
| | Isibonelelo esimukelwe ngaphambi kwesikhathi | 24 505 340 | 40 814 423 |
| | UMnyango Wezobuciko Namasiko | 23 755 340 | 40 064 423 |
| | Umasipala waseThekwini | 750 000 | 750 000 |
| | | 24 505 340 | 40 814 423 |
| 8. | **Izibonelelo** | | |
| | UMnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke (DAC) | 41 926 000 | 43 085 000 |
| | I-Special Capital Expenditure Grant - (DAC) | 23 015 084 | 6 442 819 |
| | UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali | 7 787 000 | 7 445 000 |
| | UMasipala waseThekwini | 3 000 000 | 2 250 000 |
| | **Total** | 75 728 084 | 59 222 819 |

**Isibonelelo esinemibandela**

**UMnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke**

I-Playhouse Company ithola uxhaso lukahulumeni eMnyangweni Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke.

NgokweNdima 53(3) yoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi, kowe-1999, izikhungo zikahulumeni akumele zibhajethele ukusebenza kwemali ngokweqile futhi akumele zeqise ukusebenzisa isabelomali ezinaso ngaphandle uma zithole emvume ebhalwe phansi kuMgcinimafa Kazwelonke.

Izibonelelo ezingasebenzanga kumele zibuyiselwe emuva kuMgcinimafa kazwelonke, ngaphandle uma kutholakale imvume ebhalwe phansi ekhomba okuhlukile.

I-Playhouse Company ithole igunya kuMgcinimafa Kazwelonke lokuqhubeka isebenzise isabelomali eseqile.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

**Isibonelelo esinemibandela**

**UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali**

I-Playhouse Company ithola uxhaso lukahulumeni eMnyangweni Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali.

Njengoba iyisikhungo sezamasiko esimenyezeliwe, i-Playhouse Company inezinhlosongqangi zayo ezivunywe nawuMnyango:

1. Ukuhambisana nokumenyezelwa kokuthi i-Playhouse Company inezinhlelo zokuphathwa nokulawulwa kwezezimali ezisebenza kahle, ngempumelelo nangendlela esobala maqondana nokuphathwa jwezimali ezidluliselwe nguMnyango kuyona iPlayhouse.

2. Ukusebenzisa uxhasomali ngendlela ehambisana nepulani lebhizinisi,

3. Ukusebenzisa uxhasomali ngendlela ehambisana neznhlosongqangi ezibekwe ezivumelwaneni zokusebenzisana futhi lolu xhasomali akumele lusebenze kunoma yiziphi ezinye izinhlosongqangi ezingekho kulezi zivumelwano,

4. Ukusebenzisa uxhasomali ngokwemiyalelo ekhishwe yiNhloko Yomnyango,

5. Ukuthumelela uMnyango imibiko yekwata ngayinye ngosuku noma ngaphambi kosuku ekuvunyelwane ngalo,

5.1 Ukuqinisekisa ukuthi imibiko yekwata ngayinye ihlinzeka ngemininingwane ephelele maqondana nokuzuziwe uma kubhekwa izinhlosongqngi ezibhalwe epulanini lebhizinisi,

5.2 Ukuqinisekisa ukuthi imibiko yekwata ngayinye iveza umbiko wokusetshenziswa kwezimali oveza ukuthi lusetshenziswe kanjani uxhaso ngokwepulani lebhizinisi,

5.3 Ukuqinisekisa ukuthi imibiko yekwata ngayinye iveza nanoma iyiphi eminye imininingwane kumbe imibhalo ecelwa nguMnyango,

6. Ukuthumelela uMnyango umbiko wonyaka wonke wonyaka wezimali wezi-2014/wezi-2015 ungakadluli umhla zingama-31 kuMbasa wezi-2015.

7. Ukuhlinzeka uMnyango ngombiko wezimali ukuze ukwazi ukuhambisana nezibopho zawo zokubika zangokomthetho nokuhambisana nawo njengalokhu kudingeka izikhathi ngezikhathi kanjalo nokuthi ukwazi ngokwemithetho yokusebenza evumelekile nehambisana nohlelo olubekiwe zikhathi zonke ngokunjalo nokuthi umnyango ukwazi ukuzeseka uma kubhekwa amabhuku awo okusetshenziswa koxhasomali.

8. Ukuvuma inzuzo eyenziwe ngenyanga ngayinye futhi kwaziswe nelungelo loMnyango lokufuna ukwazi ukuthi isetshenziswe kanjani inzalo etholakele.

9. Ukugcina kahle uhlelo lokuthengwa nokuhlinzekwa kwempahla olufanele, olungenakwenzelela, olusobala, olusebenza ngokulinganayo, olusezingeni nolungambi eqolo.

10. Ukubikela uMnyango ngokushesha ngokuwubhalela uma inkampani ihluleka ukufezekisa nanoma yiziphi izibopho zayo.

11.1 Ukuqinisekisa ukuthi uma sekusetshenzwa ngokwe-MOA nangokwemisebenzi efanele iyenze, i-Playhouse Company asikho isivumelwano esiphulayo uma iyingxenye yaso.

11.2 Ukuqinisekisa ukuthi nanoma yisiphi isivumelwano i-Playhouse Company engena kuso nezinye izinhlangano esenziwa uma kunesidingo sokufezekisa izibopho zoMnyango, akufanele siphambane nezinye izibopho ze-MOA.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

**Isibonelelo esinemibandela**

**UMasipala waseThekwini**

UMasipala waseThekwini ungene esivumelwaneni ne-Playhouse Company esiqondene nokulekelela ngezimali.

UMasipala waseThekwini kanye ne-Playhouse Company bangene eSivumelwaneni Sokusebenzisana ngoMasingana wezi-2015 onyakeni ophele mhal zingama- 31 kuNdasa wezi-2015 .

Ukukhishwa kwezibonelelo kuncike ekutheni I -Playhouse Company ifezekise ezinye izibopho eziqondene nokwenziwa komsebenzi.

Lezi zibopho zokwenziwa komsebenzi zibekwe ngale ndlela elandelayo:

1. I-Playhouse Company kumele isebenzise uxhasomali ngenhloso yokufezekisa izinhlosongqangi zayo ezisemqoka njengalokhu iyiSikhungo Samasiko.
2. I-Playhouse Company kumele izibophezele ekubeni negalelo elibonakalayo ekuthuthukisweni kwezinga lempilo yamaciko emphakathini kaMasipala waseThekwini ngokwenza lokhu::
   - 2.1. ukuthuthukisa, ukwethula kanye nokuqalisa ukusebenzisa isulayo lezobuciko ngenhloso yokukhuthaza umphakathi kaMasipala waseThekwini ukuba ubambe iqhaza.
   - 2.2. Ukusebenzisa ezobuciko kanye nezamasiko ukuze kuthuthuke umnotho womphakathi kumaciko endawo.
   - 2.3. Ukuqinisekisa ukuthi kufinyeleleka kalula futhi itholakala kalula i-Playhouse emphakathini eyakhele iTheku ngokunjalo nakulezo zikhungo zezobuciko ezikhethe ukusebenzisana ne-Playhouse.
   - 2.4. Ukulekelela kanye nokubamba iqhaza elibonakalayo ekuthuthukiseni umnotho nezokuvakasha.
   - 2.5. Ukuqinisekisa ukuthi i-Playhouse Company iyakhula ngakwezobuciko, iba nozinzo ngokwezimali futhi inempumelelo kukho konke ekwenzayo.
3. UMqondisi Wezobuciko oyiSikhulu Esiphezulu se-Playhouse Company kanye neMenenja Yedolobha, kumbe ovela eMnyangweni Wezokuphathwa kukaMasipala weTheku, ngale kokwenza ucwaningo lokubuyekeza unyaka, kumele benze ucwaningo olusemthethweni lokusebenza kwe-Playhouse Company ngokwalesisivumelwano.
4. Ukubuyekezwa kwezibonelelo zonyaka kumele kwenziwe mhla ziyi-15 kuZibandlela bese kugxila, ngokungabi namikhawulo, kokuzuzwe i-Playhouse Company ngokwalezi zibopho ezilandelayo kanjalo nezinye izibopho:
   - 4.1. Ukutholwa koxhasomali kwezinye izinhlaka kuhlanganisa eminye iminyango kahulumeni.
   - 4.2. Isilingniso sezindleko zabasebenzi ababhekelele ukuphathwa kwehhovisi maqondana nesamba sezibonelelo akumele kweqe ama-30%,
   - 4.3. Ukuveza ubufakazi bokuthi ama-70% esibonelelo asetshenziselwe ukuqhuba ipulani yezobuciko.
   - 4.4. Ukukhombisa ukuthi izinhlelo zokufinyelela emphakathini kumele zandiswe uma kuqhathaniswa neminyaka edlule kanye nokwethulwa kwezibalo ngokunjalo nezindlela zokudalulwa kwezinhlelo zokufinyelela emphakathini kulowo nyaka.
   - 4.5. I-Playhouse Companykumele inikeze mahhala indawo yayo kanye nensiza kubafakisicelo (kungeqi kwabayi- 10 ngonyaka wezimali woMkhandlu ngamunye) abathunyelwe nguMasipala waseThekwini, inqobo nje uma kungukuthi i-Playhouse Company ayizongenaezindlekweni ngokuvuma ukuba kusetshenziswe izindawo kanye nezinsiza zayo.
   - 4.6. Izindawo kanye nezinsiza ze-Playhouse kumele zitholakale ngokuhambisana nalokhu okulandelayo:
     - 4.6.1 Isicelo sokusebenzisa izinsiza kusebenza kumele senziwe ngokubhala phansi kusasele izinyanga eziyisi-6 ngaphambi komcimbi.
     - 4.6.2 I-Playhouse Company kumele yazise iTheku olunye usuku olungasebenzile uma lolo oluceliwe lungeke lutholakale.
     - 4.6.3 Imigomo nemibandela yokuqashisa isebenza ngokufana kubafakizicelo abathunyelwe nguMasipala njengale yawo wonke amakhasimende ajwayelekile e-Playhouse, ngaphandle kokuthi bona angeke bakhokhe.
   - 4.7. I-Playhouse Company kumele iqhakambise iTheku ngokuthi ifake ama-logo alo kuzona zonke izinto ezichaza ngenkampani nabaxhasi bayo ngokunjalo nasemicimbini yangaphakathi, izinhlelo kanye nemibungazo.
   - 4.8. I-Playhouse Company kumele ithumelele iTheku amakhophi emibiko yayo yamakwata.
   - 4.9. I-Playhouse Company kumele ihlinzeke ngekhophi yayo yeSitatimende Zemali Yonyaka esicwaningiwe uma seyikhona ungakadluli umhla ziyi-15 kuNcwaba onyakeni ngamunye.
   - 4.10. I-Playhouse Company kumele ihlinzeke ngekhophi yombiko woNyaka uma seyikhona ungakadluli umhla ziyi-15 kuNcwaba onyakeni ngamunye.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| 9. | **Eminye imisebenzi engenisa imali** | | |
| | **Inzuzo mayelana nokuhwebelana** | 5 359 495 | 5 576 116 |
| | Ukuqashwa kwezindawo zokunandida, izingubo, ukuhlela, kanye neziteji ezixhunywayo | 2 552 597 | 3 057 430 |
| | Imali etholakala ehhovisi okuthengwa kulo amathikithi (Box Office) | 1 395 113 | 1 187 579 |
| | Imali yokuqashisa etholakele | 412 501 | 325 274 |
| | Imali yase-Bar kanye nokunye okudayiswayo | 373 915 | 314 067 |
| | Imicimbi | 229 008 | 285 509 |
| | Ikhomishini ye-Box office – imibukiso yezinkampani zangaphandle | 188 207 | 169 900 |
| | Inzuzo eyahlukene - ukwamukelwa kwabantu, imali yokudayiswa kwamathikithi kanye nokubuyekezwa kwamanani empahla | 208 154 | 236 357 |
| | **Inzuzo mayelana nokuhwebelana** | | |
| | Iminikelo kanye noxhaso (imibukiso) | 882 098 | 1 151 891 |
| | **Isamba** | 6 241 593 | 6 728 007 |
| 10. | **Izindleko zemibukiso** | | |
| | **Izindleko ezisobala eziqondene nemibukiso ngqo** | 12 554 748 | 11 831 450 |
| | Izindleko zokuqasha izinto zangaphandle | 4 842 | (820) |
| | Imibukiso kanye namadili ahlukene | 12 475 504 | 11 593 952 |
| | Iziteji ezixhunywayo | 74 402 | 238 318 |
| | **Izindleko ezicashile eziqondene nemibukiso** | 116 344 | 200 043 |
| | **Isamba** | 12 671 092 | 12 031 493 |
| 11. | **Izindleko zemibukiso kanye nemisebenzi yokusiza** | | |
| | Imisebenzi yokusiza | 4 843 169 | 4 740 690 |
| | **Isamba** | 4 843 169 | 4 740 690 |
| 12. | **Eminye imisebenzi edinga imali** | | |
| | Ezokuthutha | 400 569 | 486 232 |
| | Imali encane yokudayiswa kwempahla | - | 186 892 |
| | Ukuqashwa kwabahlobisayo | 7 426 | 52 902 |
| | I-Wardrobe | 16 472 | 18 243 |
| | Okujwayelekile - abaxhumanisi, imishwalense kanye namafoni | 792 917 | 888 279 |
| | Izindleko zokudayisa - i-bar kanye nokunye | 218 091 | 177 372 |
| | **Isamba** | 1 435 475 | 1 809 920 |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | Amanothi | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| **13. Amaholo** | | | |
| Amaholo | | 20 799 969 | 18 896 406 |
| Okwenzeka kungahlelelwe | | 2 338 052 | 1 980 157 |
| I-Provident fund | | 2 951 994 | 2 685 910 |
| Ama-Medical aid | | 702 905 | 632 636 |
| I-Uif | | 168 553 | 163 511 |
| Amabhonasi | | 1 728 682 | 1 565 199 |
| Isikhathi esengeziwe | | 228 706 | 237 636 |
| Ilivu | | 73 788 | 225 413 |
| Umkhandlu - izethameli | | 251 780 | 178 144 |
| Ama-Housing subsidies | | 816 687 | 800 000 |
| Imiklomelo yokusebenza isikhathi eside | | 59 940 | 45 360 |
| **Isamba** | | 30 121 056 | 27 410 372 |
| **14. (Imali eshodayo) Imali esalayo uma sekusetshenziwe** | | | |
| (Imali eshodayo) Imali esalayo uma sekusetshenziwe kufinyelelwe kuyona ngemuva kokubheka lezi zinto: | | | |
| Imali esetshenzisiwe | | | |
| Inkokhelo yabacwaningi-mabhuku: | | 935 074 | 552 215 |
| Ukwehla kwezinganani lezakhiwo, imishini nempahla yokusebenza: | | 12 414 410 | 15 587 534 |
| Izimoto | | 722 879 | 561 256 |
| Impahla yasehhovisi kanye nenye impahla yokusebenza | | 1 237 470 | 1 252 027 |
| Impahla yamakhompyutha | | 331 226 | 444 798 |
| Impahla yasesiteji | | 4 701 476 | 5 021 411 |
| Impahla yokuqhuba i- workshop | | 100 006 | 104 256 |
| Impahla eqashiwe | | 10 956 006 | 9 829 444 |
| | | 18 049 063 | 17 213 192 |
| Ukulungiswa kabusha kwenani | | (5 634 653) | (1 625 658) |
| Ukwehlelwa yizinga | | 70 079 | 61 455 |
| Impahla engabonakali | | 70 079 | 62 339 |
| Ukulungiswa kokwehlelwa yizinga | | - | (884) |
| Inzuzo - abaphathi kanye nomkhandlu | 20 | 4 297 055 | 3 861 357 |
| Izindleko zabasebenzi | | 25 824 001 | 23 549 016 |
| Imisebenzi efundelwe: | | 450 753 | 567 580 |
| Izimali zocwaningo lwangaphakathi | | 388 794 | 384 256 |
| Izimali zezokuxhumana | | 61 959 | 183 324 |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| 15. | **imali esalile (Okushodile) onyakeni** | | |
| | Imali esalile onyakeni wezi-2016 idalwe yimali yokuqalisa umsebenzi ngokwe-GRAP 23 - *imali engene ivela enzuzweni yentela etholalakale ngokuthengiselana okungenazindleko kanye nasezimalini ezedluliselwe (kusebenza imigomo yenqubomgomo)*. Imali eshodile onyakeni wezi-2015 idalwe wukwenyuka kokwehla kwenani lempahla yokusebenza ngokwe-GRAP 17. | | |
| 16. | **Ukuhlanganiswa kwezitatimende zoshintsho enanini lempahla esalile** | | |
| | Imali okuvalwe ngayo mhla zingama- 31 kuNdasa wezi-2015 | 254 199 897 | 238 401 514 |
| | Kwakheke ngale ndlela elandelayo: | | |
| | GRAP 23 Isibonelelo sikahulumeni esiqondene nokusebenzisa mahhala indawo kanye nezakhiwo | 141 900 000 | 141 900 000 |
| | Ushintsho enanini lempahla esalile | 112 299 897 | 96 501 514 |
| 17. | **Ukuhlanganiswa kwemali eqoqiwe/ ebekusetshenzwa ngayo** | | |
| | Imali eyakhiwe ngokwemisebenzi eyenziwe | | |
| | (Imali eshodayo) Imali esalile ngonyaka Incishiselwe lokhu: | 15 798 383 | (2 752 404) |
| | Ukwehla kwezinganani, ukwehla kwezinga kanye nokuntenga | 12 484 488 | 15 648 989 |
| | Ukulahleka kwemali yesakhiwo, imishini nempahla yokusebenza | - | 17 993 |
| | Inzalo engenile | (7 256 621) | (5 137 968) |
| | Ukusebenza kwemali ngaphambi koshintsho lwemali yokusebenza | 21 026 250 | 7 776 610 |
| | Ushintsho emalini yokusebenza | (15 841 569) | 18 393 686 |
| | Ukwehla (Ukunyuka) kwesitokwe senkampani | (28 689) | 137 389 |
| | (Ukunyuka) Ukwehla kuma-akhawunti emali engakamukelwa | (593 621) | (647 067) |
| | Ukunyuka (Ukwehla) kuma-akhawunti emali ekweletwayo | 1 089 825 | 196 185 |
| | Ukunyuka (Ukwehla) kwemali etholakale ngaphambi kwesikhathi | (16 309 084) | 18 707 179 |
| | **Imali etholakale ngesikhathi kusetshenzwa** | **5 184 681** | **26 170 296** |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|
| | R | R |

18. **Izinsiza zezimali**

*Isithombe Esifushane*

I-Playhouse Company ingabhekana nalobu bungozi obulandelayo ngokusebenzisa izinsiza zezimali.

- Ubungozi besikweletu (bokungakhokhelwa ngokweletayo)
- Ubungozi bekhonakukhokha (liquidity)
- *Ubungozi bemakethe*
- Ubungozi besilinganiso senzuzo

Leli nothi liveza imininingwane ngobungozi i-Playhouse Company engahle ibhekane nabo ngobungozi ngabunye, izinhlosongqangi, izinqubomgomo kanye nezinhlelo zokulinganisa nokulawula ubungozi ze- Playhouse Company, ngokunjalo nokuphathwa kwezimali zenkampani. Okunye okubalwayo kucaciswe kulezi zitatimende zezimali.

NgokweMithethonqubo kaMgcinimafa wama-27.2.1 engaphansi kwe-PFMA, iziphathimandla ezinesibopho sokubika (uMkhandlu) kumele wenze isiqiniseko sokuthi ukuhlolwa kobungosi obungase bube khona kwenzeka njalonjalo ukuze busheshe buhlonzwe ubungozi esikhungweni. Umkhandlu ususungule iKomidi Labacwaningi elizobhekana nokuhlanganisa kanye nokuqapha izinqubomgomo zokulawula ubungozi e- Playhouse Company.

Izinqubomgomo zokulawulwa ubungozi ze-Playhouse Company zakhelwa ukuhlonza nokuhlaziya ubungozi obungahle bubhekane nenkampani, ukuze kubekwe izindlela zokunciphisa nokulawula, ngokunjalo nokuqapha ubungozi. Izinqubomgomo nezinqubo zokulawulwa ubungozi zibuyekezwa njalo njalo ukuze zihambisane nezimo zokushintsha kwemakethe kanye nemisebenzi yenkampani i-Playhouse. Ngokwezinqubo nemigomo yokusebenza ekuphatheni nokuqeqesha, i-Playhouse Company ihlose ukwakha isimo sokulawula esinomthetho nesigqugquzelayo lapho bonke abasebenzi beqonda kahle iqhaza labo kanye nezibopho zabo.

Ikomidi Labacwaningi libheka ukuthi abaphathi bakuhlola kanjani ukuthotshelwa kwezinqubomgomo nezinqubo zokulawulwa kobungozi e-Playhouse Company bese libuyekeza uhlaka lokulawulwa kobungozi ngokubheka ubungozi obubhekene ne-Playhouse Company. Ikomidi Labacwaningi lelekelelwa aBacwaningi Bangaphakathi ezingeni lokuqapha ukwenziwa komsebenzi. Abacwaningi Bangaphakathi bakwenza kokubili ukubuyekeza okujwayelekile kanye nokungahlelelwe kwezindlela nezinqubo zokulawulwa kobungozi, bese kuthi imiphumela ibikwe eKomidini Labacwaningi.

***Ubungozi besikweletu***

Ubungozi besikweletu wubungozi bokulahlekelwa yimali e-Playhouse Company uma amakhasimende kumbe esebenzisana nabo kwezezimali behluleka ukufeza isibophezelo sabo ngokwesivumelwano bese kwanda imali i-Playhouse Company engase iyamukele kumakhasimende.

Imali yokusebenza okuvulwe ngayo unyaka ikhomba isilinganiso esiphezulu sokulengela ezikweletini. Isilinganiso esiphezulu sokulengela engcupheni yezikweletu mhla zingama- 31 kuNdasa saba:

| | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|
| Uhwebo kanye nemali engase yemukelwe | 1 961 922 | 1 368 301 |

***Ukuhweba kanye nemali engakatholwa***

Ukuzithola kwe- Playhouse Company isibhekene nobungozi besikweletu ikakhulu kungathathiselwa ekwenzeni kwekhasimende ngalinye. Uma kubhekwa uhlobo lwamakhasimende e- Playhouse Company, kuhlanganisa nezinkinga zemboni kanye nezwe okusebenza kulo amakhasimende, lokho kunomthelela omncane ebungozini besikweletu.

Ubuningi bemali engakatholwa kanye nama-akhawunti angakhokhiwe kuhambisana nenzalo etholakale ezikhungweni zemali emalini itshalwe iyisamba esiboshiwe.

Emalini eyizikweletu kuhlanganiswe nezikweletu zale misebenzi elandelayo:

Ukuqashiswa kwamathilakhi- imali eyidiphozithi noma izinombolo ze-oda kumele kutholwe ngaphambi kokuba kuqashwe ithilakhi uma kwenziwa imibungazo yamasiko.

Ukuqashisa - Abaqashi bakhokhiswa amadiphozithi.

Ukuqashisa ngendawo yemicimbi - Imali yediphozithi itholakala kusenesikhathi.

Ukuqashwa kwempahla yokugqoka esiteji/imidwebo/izinwele - izimali zitholakala ngaphambi kokuba izimpahla zithathwe.

Ukudayiswa kwamathikithi - imali itholakala emnyango noma lapho kudayiswa khona (Computicket).

Inqubomgomo ye-Playhouse Company yenziwele ukuqapha ubungozi besikweletu nyanga zonke. Ekupheleni konyaka, ubungozi obukhulu obungase bubekhona besikweletu bethulwa ngenani lezimali ezikhona ngokwezimpahla zezimali.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|
| | R | R |
| **18. Izinsiza zezimali (kusaqhubeka)** | | |
| ***Ukuhweba kanye nemali engakatholwa (kusaqhubeka)*** | | |
| Kwenziwa izibalo zenani elifanele lokuhweba kanye nemali engakatholwa, nokho-ke, ukulungiswa kwamanani akwenziwa njengoba lisuke lingakaziwa inani lempahla. | | |
| Ukuhlahlelwa kwezohwebo kanye nenye imali engakatholwa ukuze kwenziwe umbiko: | | |
| Izinsuku ezingama-90 nangaphezulu | 205 106 | 14 473 |
| Izinsuku ezingama-60 | - | - |
| Izinsuku ezingama-30 | 12 417 | 33 562 |
| Okwamanje | 1 744 399 | 1 320 266 |
| | 1 961 922 | 1 368 301 |

***Utshalomali***

I-Playhouse Company igwema ukungena ebungozini besikweletu ngokutshala imali ezindaweni okulula ukuba isheshe itholakalekuzona kanjalo nangokusebenzisana namabhange kanye nezikhungo zemali kuphela.

***Amagaranti***

Inqubomgomo ye-Playhouse Company ihlinzeka ngegaranti yezezimali kuphela kuleyo misebenzi ebaluliwe.

Amagaranti akhishwe kuze kube mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2015 ayemi kanje:

Imisebenzi yamasipala weTheku - R 277 816

Imisebenzi yabePosi - R 30 360

Amagaranti azophelelwa isikhathi mhla zingama-31 kuZibandlela wezi-2025futhi angeke avuselelwe.

***Ubungozi bokuba nempahla okulula ukuyiguqula ibe yimali (liquidity)***

Ubungozi bokuba nempahla okulula ukuyiguqula ibe yimali ngubungozi bokuthi i-Playhouse Company izohluleka ukufeza izibopho zayo zezimali uma sekushaye isikhathi. Indlela esetshenziswa yi-Playhouse ukulawula le mpahla eguquleka kalula ibe yimali wukuqinisekisa ngayo yonke indlela ukuthi iyohlala inempahla eyanele okulula ukuguqula ibe yimali ukuze ikwazi ukukhokha izikweletu uma sekufanele, ngaphansi kwazo zombili izimo, esejwayelekile kanye nesiyingcindezi, ngale kokulahlekelwa ngendlela engenasidingo kumbe kobungozi obungehlisa isithunzi se-Playhouse Company.

I-Playhouse Company iyakhokha njalo ngesonto. Kuyahlolwa ukukhokhwa kwezimali kusenesikhathi. Imali ibe isidluliselwa kwi-akhawunti yebhange elisetshenziswayo ukuhlangabezana nezibophezelo zangamasonto onke. Noma iyiphi imali esalayo iyatshalwa nyanga zonke ngesisekelo senzuzo selinganisonani elihle.

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi ingaboleki izimali. Ngakho-ke azikho izikhungo zokubolekisa ezikweletwayo.

Ukheshi obukhona ngonyaka ngpmhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016 bekungama-R110 640 147 (wezi-2015 - R104 773 219).

***Ubungozi bemakethe***

Ubungozi bemakethe bungubungozi bokushintsha kwamanani ezimakethe, njengoba isilinganiso senzalo siphazamisa imali engenayo e-Playhouse Company. Inhlosongqangi yokulawulwa kobungozi bemakethe ngukwengamela nokulawula ukubhekana nobungozi bemakethe ngokwemikhawulo ebekiwe, kube kutholakala inzuzo.

Inqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ithi makutshalwe imali esalile. Isilinganisonani esihle kanye nezikhathi ekutshalwa ngazo imali zitholakala emabhange ehlukene. Isiphakamiso senziwe sabe sesigunyazwa ngabaphathi abaphezulu.

***Ubungozi Bokushintsha imali yezwe***

I-Playhouse Company ayihwebelani namazwe angaphandle ngakho-ke ayithinteki ngale nkinga.

***Ubungozi yesilinganiso senzuzo***

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi ingaboleki izimali. Ngakho-ke azikho izikhungo zokubolekisa ezikweletwayo. Akukho nkinga ekhona maqondana nokushintsha kwesilinganiso senzuzo.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|
| | R | R |

**18. Izinsiza zezimali (kusaqhubeka)**

***Ubungozi yesilinganiso senzuzo (kusaqhubeka)***

Kuyinqubomgomo ye-Playhouse Company, ngokuhambisana Nomnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke ukuthi kutshalwe imali esalile. Isilinganisonani esihle kanye nezikhathi ekutshalwa ngazo imali zitholakala emabhange ehlukene. Isiphakamiso senziwe sabe sesigunyazwa ngabaphathi abaphezulu.

| **Profile** | wezi-2016 | | wezi-2015 | |
|---|---|---|---|---|
| Indlela yokukala izinga lokuguquguquka | Isilinganiso senzuzo ngokwama- % | Imali okuvulwe ngayo | Isilinganiso senzuzo ngokwama- % | Imali okuvulwe ngayo |
| U-FNB - yizinsuku eziyi-120 | - | - | 6,45 | 10 000 000 |
| U-Investec - yizinsuku eziyi-120 ezingaguquki | 7,25 | 31 546 480 | 6,40 | 12 146 586 |
| U-Nedbank - yizinsuku ezingama-60 ezingaguquki | 7,10 | 2 500 000 | - | - |
| U-Nedbank - yizinsuku eziyi-120 ezingaguquki | 6,90 | 13 935 379 | 6,05 | 16 337 008 |
| U-ABSA - yizinsuku ezingama-90 | - | - | 6,20 | 3 000 000 |
| U-ABSA - yizinsuku eziyi-120 ezingaguquki | 7,11 | 16 496 240 | 6,39 | 10 500 000 |
| U-Standard Bank - yizinsuku eziyi-120 | 7,47 | 34 104 784 | 6,47 | 15 000 000 |
| | | 98 582 883 | | 66 983 594 |

Mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016 , uma isilinganiso senzuzo ngalolo suku sibe ngaphezulu noma ngaphansi kwamaphuzu ayi-100, nazo zonke izinguquko ezibanjwa ngokuvamile, inzuzo yona kungamele inyuke noma yehle ngezi-R985 829.

Mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016, inani elisalile sekususwe konke kanye nokungaba ukheshi, uhwebo nemali engakamukelwa kanye nokunye okukhokhelekayo kucishe kulingane nokulungiswa kwenani ngenxa yesikhathi okuvuthwa ngaso esincane. Uhwebo nemali engakamukelwa kanye nengakakhokhwa kuzovuthwa ezinsukwini ezingama-30 kuya kwezingama-60.

***Amanani akahle***

Amanani akahle ezimali zempahla kanye nezikweletu kuyafana nenani elisalile sekususwe konke elivela ohlwini lemininingwane yezimali.

**19. Izaphulelo zentela**

I-Playhouse Company iyaphulelwa intela ngaphansi kweSigaba 10(1)(cA)(l) soMthetho Wentela engenayo.

**20. Amaholo - Abaphathi kanye nomkhandlu**

| | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|
| ***Abaphathi*** | R | R |
| **L Bukhosini -kuMbasa 14 - kuNdasa 15 (Isikhulu Esiphezulu kanye noMqondisi Wezobuciko)** | 1 784 414 | 1 660 773 |
| Iholo | 1 419 131 | 1 320 122 |
| Ibhonasi | 118 261 | 110 010 |
| Imali ekhokhelwa impesheni kanye nosizo lwezokwelashwa | 234 157 | 217 820 |
| Amaselula nokunye | 12 865 | 12 821 |
| **A Mohanparasadh - (ISikhulu Esiphezulu Kwezezimali)** | 1 226 892 | 1 099 821 |
| Iholo | 1 069 314 | 994 710 |
| Ibhonasi | 89 109 | 82 893 |
| Amaselula nokunye | 68 469 | 22 218 |
| **O Hlangu - (iMenenja Yemisebenzi Yokwelekelela)** | 1 033 969 | 924 795 |
| Iholo | 769 471 | 715 788 |
| Ibhonasi | 64 122 | 59 649 |
| Imali ekhokhelwa impesheni kanye nosizo lwezokwelashwa | 145 035 | 136 177 |
| Amaselula nokunye | 55 341 | 13 181 |
| **Isamba sezimenenja** | **4 045 275** | **3 685 389** |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | kuNdasa wezi-2016 | kuNdasa wezi-2015 |
|---|---|---|---|
| | | R | R |
| 20. | Amaholo - Abaphathi kanye nomkhandlu | | |
| | **Amalungu oMkhandlu kanye nawamakomidi angaphansi komkhandlu** | **251 780** | **175 968** |
| | HC Mgabadeli - uSihlalo woMkhandlu | 108 044 | 25 088 |
| | JT Mtshali - uSekela Sihlalo woMkhandlu | 19 872 | 12 544 |
| | L Theron* - ilungu leKomidi Lokucwaningwa Kwamabhuku | - | 6 104 |
| | M Mvulane* | - | 14 792 |
| | S Gounden | 20 664 | 12 816 |
| | B Mngoma* | - | 6 408 |
| | C Jugnarayan* | 18 368 | 6 408 |
| | N Mbele | 16 192 | 8 704 |
| | FE Khumalo | 23 080 | 10 880 |
| | KB Kunene | - | 6 528 |
| | M Purkey | 6 888 | 4 352 |
| | I Ntuli | 6 528 | - |
| | NLB Radebe* | 6 888 | - |
| | SP Ndlela | 25 256 | 2 176 |
| | TS January Maclean - uSihlalo Womkhandlu** | - | 10 560 |
| | Suresh Naidoo** | - | 10 640 |
| | M Rajab** | - | 6 288 |
| | Sadha Naidoo** | - | 4 112 |
| | T Shezi** | - | 6 408 |
| | NM Nala** | - | 6 408 |
| | TSS Ngcobo** | - | 4 112 |
| | R Ashe** | - | 10 640 |
| | **Isamba samaholo** | **4 297 055** | **3 861 357** |

* Imvumo itholakale kuNgqongqoshe Wezobulungiswa yokuthi athole imali kanye nemali kanye nezibonelelo.

** Isikhathi soMkhandlu siphela mhla zingama-30 kuMandulo wezi-2014.

**21. Imihlomulo yomhlalaphansi**

Abasebenzi abaqashwe ngokugcwele bayingxenye yesikhwama sezimpesheni, i- pension ne-provident funds, ezasungulelwa i- -Performing Arts Companies of South Africa noma isikhwama sempesheni yabasebenzi esasungulwa yi-South African Commercial Catering kanye ne-Allied Workers Union. Iezi zikhwama zempesheni zombili zisebenza ngaphansi koMthetho Wesikhwama Sempesheni Yabasebenzi. Isikhwama Sempesheni Yabasebenzi siwuhlelo oluhlelekile lokubanjelwa imali kwabasebenzi futhi asibekelwe sikhathi sokubuyekezwa.

Imali eye esikhwameni sempesheni yabasebenzi ingama-R2 951 994 (wezi-2015: R2 685910) futhi ifakiwe ezindlekweni zabasebenzi.

**22. Izinhlaka ezithintekayo**

***22.1 UMnyango Wezobuciko Namasiko Kuzwelonke***

Imali yesibonelelo etholakele ngonyaka wezimali ibe ngama-R41 926 000, futhi ngonyaka wezi-2016/17 izoba ngama-R41 165 000. Ukwehla kwayo ngama-R761 000 kungenxa yokuncishiswa kwesabelomali okwenziwe nguMgcinimafa Kazwelonke.

***22.2 UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali***

Imali yesibonelelo etholakele ngonyaka wezimali wezi-2015/16 ibe ngama-R7 787 000 kanti ngonyaka wezi-2016/17 izoba ngama-R7 787 000. Isibonelelo saminyaka yonke asikhushuliwe ngenxa yokuncishiswa kwesabelomali okwenziwe nguMgcinimafa Kazwelonke.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|

22. Izinhlaka ezithintekayo (kuyaqhubeka)

***22.3. UMasipala waseThekwini***

Isamba semali esidluliselwe kulo nyaka mhla ziyi- 15 kuMfumfu wezi-2015 ingama-R3 000 000 engeyesikhathi esiqala mhla lulu-1 kuNtulikazi wezi-2015 kuya zingama-31 kuNhlangulana wezi-2016 ngokuhambisana nonyaka wezimali womasipala. Inani elingama-R750 000, elimaqondana noMbasa, uNhlaba kanye noNhlangulana wezi-2016 lizodluliselwa onyakeni wezimali wezi-2016/17. Isamba semali edluliselwe esingama-R3000 000 (2015: R2 250 000) sibhalwe njengemali engenile kulo nyaka, bese kuthi ama-R2 250 000 (R3 000 00 - R750 000) kanye nama- R750 000 etholakale ngaphambi kwesikhathi ngonyaka owedlule wezimali.

***22.4 UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi***

Umnyango ungumnikazi osemthethweni womhlaba kanye nezakhiwo ezisetshenziswa i-Playhouse Company bese kuthi i-Playhouse yona iqashise ngesakhiwo ngaphandle kwenkokhelo.

***22.5 I-Kwazulu Natal Philharmonic Orchestra - KZNPO***

Mhla lulunye (1) kuMbasa wezi-1998, i-Playhouse Company yanciphisa ubungako bomsebenzi ewenzayo ngohambisana nemigomo yoMthetho Ohlongoziwe woMnyango Wezobuciko, Amasiko, Isayensi kanye Nezobuchwepheshe. Lokhu kuhlengahlengiswa kwemisebenzi kwagqugquzelwa izinhlosongqangi ezimbili ezibalulekile: ukugwema ukushoda kwesabelosemali kanye nokusebenzisa amasu okugwema izinkinga zokushoda kwezimali ngokuzayo. Enye yezindlela zokwehlisa ukusetshenziswa kwezimalikwaba ngukurejisra i-KZNPO njengenhlangano ezimele,nengenzi nzuzo engaphansi kweSigaba 21. Ngenxa yalolu guquko, lezi zinhlangano zathatha isinqumo sokungena ebudlelwaneni bokusebenzisana.

Kunesivumelwano sokusebenzisana phakathi kwe-Playhouse Company kanye ne-KZNPO. Lesi sivumelwano sifaka lokhu okulandelayo:

a) Ukusebenzisa ingxenye yesakhiwo samahhovisi okuphathwa kwehhovisi le-Playhouse Company.

b) Ukusebenzisa izinsiza zezezimali kanye nabasebenzi okufanele kukhokhelwe.

c) Njengengxenye yohlelo lwenguquko empahleni yokusebenza yowe-1999 (impahla yomculo we-okhestra, umbhalo womculo kanye namaphuzu okwaba yizindleko ezingama-R328 739 kwadluliselwa kwabe-KZNPO ngokungakhokhisi lutho.

d) I-Playhouse Company ithola isaphulelo ngomsebenzi wezobuciko ohlinzekwa i-KZNPO e-Playhouse Company.

I-Playhouse Company isebenzisa i-KZNPO emisebenzini eyahlukehlukene ngokusezingeni lobungcweti kanjalo nangokobudlelwano obuhlomulisa zombili izinkampani ngenhloso yokuhlinzeka ngemisebenzi nangokwezibopho zesikhungo ngasinye.

| | | |
|---|---|---|
| Imali ekhokhwe yi-Playhouse Company ikhokhela i-KZNPO | 703 435 | 469 067 |
| Imali ezuzwe yi-Playhouse Company | 158 189 | 0 |
| Imali ekhokhwe yi-KZNPO ikhokhela i-Playhouse Company | 250 013 | 373 122 |

I-KZNPO iyona kuphela ehlinzeka umsebenzi we-okhestra ongubungoti KwaZulu-Natali. Kungukonga ukusebenzisa isikhungo esisendaweni, kanti lokho futhi kugwema nezindleko ezingenasidingo zezokuthutha kanjalo nezokuhlalisa abantu.

Isikhulu Esiphezulu se-KZNPO siganwe yiSikhulu Esiphezulu se-Playhouse Company.

***22.6. Umkhandlu***

Umkhandlu waqokwa nguNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko kaZwelonke ukuzoqapha nokuqinisekisa ukuthi kuyasetshenziswana kahle. Lo mkhandlu unamakomidi amancane ahlukene okungabalwakuwo elezeZimali, ukuCwaningwa kanye Nokuphathwa kwamabhuku ezimali, amakomidi abhekele Ezabasebenzi kanye nezaMaholo aluleka nalekelela abaphathi abaqokwa yiwo Mkhandlu. Bheka unothi 20 - isinxephezelo.

***22.7. Imali yamaciko***

Ngalo nyaka obuyekezwayo, omunye wamaciko ayi-181 lesi Sikhungo Samasiko esasebenzisana naye nguMnu. Bongani Tembe ongusaziwayo womculi we-tenor owacula ngayedwana kumakhonsathi aluchungechunge okugubha uKhisimusi ayebizwa nge- “A Christmas Celebration”. Wakhokhelwa ama-R150 000 (2015: R80 000).

***22.8. Abasebenzi abasemqoka***

Isiikhulu Esiphezulukanye nomqondisi wezobuciko - Linda Bukhosini
Uisikhulu Esiphezulu Sezezimali - Amar Mohanparasadh
Imenenja yabasebenzi abalekelelayo - Oscar Hlangu

23. Izimo zakamuva

Akubanga khona zimo ezibalulekile ezenzekile ohlwini lweminininingwane yezimali eqondane nosuku lwalesi sethulo.

24. Ukusetshenziswa kwemali ngendlela engajwayelekile, engalethi mvuzo noma emoshayo

Ayikho impahla elahlekile ngokuntshontshwa, noma ngendlela engajwayelekile, engenamvuzo noma ukusetshenziswa kwemali ngendlela emoshayo ngesikhathi sokuphela konyaka mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

| | | kuNdasa wezi-2016 R | kuNdasa wezi-2015 R |
|---|---|---|---|
| 25. | **Imisebenzi engakhokhelwa ngemali** | | |
| | Inkampani ayizange iyithole imisebenzi engakhokhelwa ngemali eqhakambisa ukusebenza kwayo kanye/noma izinhloso zokunikezelwa kwezidingo. Akukho misebenzi engakhokhelwa ngemali ebe khona kulezi zitatimende zezezimali. | | |
| ***25.1.*** | ***Imisebenzi engakhokhelwa ngemali ehlinzekwa nguMkhandlu kanye namalungu ekomidi aqashwe nguHulumeni:*** | | |
| | Imithethonqubo kaMgcinimafa maqondana “neqoqo lezinzuzo ngokomsebenzi kulabo abasezikhundleni ezinhlakeni ezithile zikahulumeni kanye nakwezinye izikhungo” iveza ukuthi abasebenzi bakaHulumeni kuZwelonke, eziFundazweni kanye nakoHulumeni Bendawo kumbe izikhungo, abelekeleli bakahulumeni abasezikhundleni ezinhlakeni zikahulumeni/ezikhungweni abanalo ilungelo lokuthola iholo elengeziwe. | | |
| | Amalungu amabili oMkhandlu kanye nawekomidi ayeqashwe nguhulumeni futhi awazange athole mali ngokuhambela imihlangano yoMkhandlu neyekomidi. | | |
| ***25.2.*** | ***Ukusakazwa kanye nokusebenzisana nabezindaba okungakhokhelwa mali:*** | | |
| | Enye yezinhlosongqangi zalolu hlaka ngokwe-APP ibhekele izinhlosongqangi ezimaqondana nokusakazwa kanye nokusebenzisana mabezindaba okungakhokhelwa mali. Uma kuvela igama lohlaka kunoma yimuphi umbhalo wabezindaba, kuyaye kukalwe lolo daba futhi kulandelwe indlela ethile ukuveza inani lalokho kusakazwa okungakhokhelwa mali. Uhlaka alukwazi ukulawula ngokwanele imisebenzi ehlinzekwayo. | | |
| 26. | **Amathenda osekuvunyelwene ngayo angenakwesulwa** | | |
| | Ngosuku lokwenziwa kwe-balance sheet kwakunemali okwasekuvunyelwene ngayo eyayingakakhokhwa yi-Playhouse Company maqondana namathenda angenakwesulwa ayekhiswe ngalowo nyaka. Ukukhishwa kwamathenda kwakumi kanje: | | |
| | Ukulungiswa kweSitudyo sokuRekhoda | 5 045 344 | - |
| | Ama-Led stage screen | 4 981 629 | - |
| | Ukulungiswa kokuKhanyiswa Kwendawo yemidlalo yasesiteji (Theatre) | 5 020 982 | - |
| | Ukunongwa nokulolongwa komsindo we-Opera | 421 800 | - |
| | Ukulungiswa kweNdawo Yokwamukela Izivakashi eNhlokoHhovisi kanye nendawo ephansi | 222 870 | - |
| | Ukufakwa kophahla olushaesikhundleni solwe-Alhambra ne-Tudor | 9 985 718 | 1 130 626 |
| | Ukufakwa kwaMakhethini Nezindwangu Zokuhlobisa ezintsha kwi-Opera Theatre enkulu | - | 1 093 055 |
| | | 25 678 343 | 2 223 681 |
| 27. | **Ukulungiswa kobudlelwano phakathi kwesabelomali kanye nesitatimende sokusebenza kwezezimali** | | |
| | Imali esalile (eshodayo)ngesitatimende sokusebenza kwezezimali | 15 798 383 | (2 752 404) |
| | Esilungiselwe: | | |
| | (Ukwenyuka) ukwehla kwemali yesibonelelo semisebenzi yenkampani eqhamuka kwa-DAC | (17 015 084) | 12 957 181 |
| | Ukwenyuka kwemali yesibonelelo esimukeliwe | (2 170 000) | 1 552 640 |
| | Ukwenyuka kwabaxhasi bomsebenzi owenziwayo | (882 098) | (1 151 891) |
| | Ukwenyuka kwemali yomsebenzi engenayo yemibukiso | (623 960) | (1 095 009) |
| | Ukwenyuka kwemali engenayo yokuthengiswa kotshwala nezinto ezahlukene | (59 261) | - |
| | Ukwenyuka kwezimali ezingenayo | (1 256 621) | (637 968) |
| | (ukwehla) kwezindleko zomsebenzi | (1 301 580) | (184 276) |
| | Ukwehla kwesinxephezelo sabasebenzi njengoba ezinye izikhundla zingagcwalisiwe | (1 692 239) | (2 792 761) |
| | Ukwehla kwemisebenzi, ugesi, kanye nokuhlanza indawo | (513 690) | (726 195) |
| | Ukwehla kwezindleko zomkhandlu | (120 174) | (251 837) |
| | Ukwenyuka (ukwehla) kwezindleko zocingo | 26 658 | (102 383) |
| | Ukwehla kokulungiswa kwempahla nokugcinwa kahle kwayo | (827 710) | (735 912) |
| | Ukwehla kwezinye izindleko zokusebenza | (2 454 840) | (329 878) |
| | Imali eshodayo yokudayiswa kwempahla | - | 186 892 |
| | Ukwehla kwenani lempahla | 12 484 488 | 15 648 989 |
| | Ukusebenza jkwemali yokuqalisa umsebenzi kodwa engafakwanga esitatimendeni sokusebenza kwezimali | (50 771 807) | (47 364 345) |
| | **Imali eshodayo ngokwesabelomali esiphasisiwe (kubandakanya nemali yomsebenzi Net deficit per approved budget (including capex)** | (51 379 535) | (27 779 157) |

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

***28.1. Ukulungiswa kobudlelwano phakathi kwesabelomali kanye nesitatimende sezezimali maqondana nemali yokwenziwa komsebenzi***

**ISTATIMENDE SEZEZIMALI MAQONDANA NOKWENZIWA KOMSEBENZI - OKUYIKHONA KUQHATHANISWA NESABELOMALI**

| | wezi-2016 OKUYIKHONA | wezi-2016 ISABELOMALI SOKUQALA | wezi-2016 ISABELOMALI ESIBUYEKEZI-WE | wezi-2016 UMEHLUKO | wezi-2016 UMEHLUKO |
|---|---|---|---|---|---|
| | R 000 | R 000 | R 000 | R 000 | % |
| **IMALI ENGENILE** | 81 969 678 | 66 718 525 | 61 219 275 | 20 750 403 | |
| Izibonelelo | 75 728 084 | 62 043 000 | 56 543 000 | 19 185 084 | 34% |
| Imali engenayo yemibukiso | 1 395 113 | 1 816 500 | 1 816 500 | (421 387) | -23% |
| Iminikelo kanye nabaxhasi | 882 098 | - | - | 882 098 | 0% |
| Imali yokuqashisa emukeliwe | 412 501 | 407 000 | 407 000 | 5 501 | 1% |
| Ukuqashwa kwezindawo zemibukiso, izimpahla zokugqoka esiteji kanye nokulungiselela | 2 552 597 | 1 557 250 | 1 507 250 | 1 045 347 | 69% |
| Ikhomishini ye-Box Office - umsebenzi wangaphandle | 188 207 | 150 000 | 150 000 | 38 207 | 25% |
| Ukudayiswa kweziphuzo kanye nokunye | 373 915 | 525 000 | 400 000 | (26 085) | -7% |
| Imali eyamukelwe yezinto ezahlukene | 437 163 | 219 775 | 395 525 | 41 638 | 11% |
| **IMALI ESETSHENZISIWE** | 73 427 916 | 67 316 111 | 67 827 004 | (5 600 911) | |
| Izindleko zomsebenzi | 12 554 748 | 13 856 828 | 13 856 328 | 1 301 580 | 9% |
| Izindleko ezithinta abasebenzi | 30 195 395 | 32 040 950 | 31 887 634 | 1 692 239 | 5% |
| Umbiko wonyaka | 100 560 | 110 000 | 110 000 | 9 440 | 9% |
| Imali yabacwaningi mabhuku bangaphandle | 935 074 | 1 000 000 | 1 000 000 | 64 926 | 6% |
| Imali yabacwaningi mabhuku bangaphakathi | 388 794 | 428 000 | 428 000 | 39 206 | 9% |
| Izindleko ezithinta umkhandlu | 436 926 | 663 600 | 557 100 | 120 174 | 22% |
| Ukuhlanzeka kanye nokuthuthwa kwemfucuza | 1 146 978 | 1 352 749 | 1 232 749 | 85 771 | 7% |
| Impahla esebenzile yabuyiselwa ngenye | 987 335 | 1 284 650 | 1 378 650 | 391 315 | 28% |
| Ugesi | 3 673 450 | 3 795 825 | 3 795 825 | 122 375 | 3% |
| Ezokuphepha | 2 600 377 | 2 942 500 | 2 942 500 | 342 123 | 12% |
| Umshwalense | 310 449 | 315 115 | 315 115 | 4 666 | 1% |
| Izindleko zezomthetho | 30 005 | 60 000 | 60 000 | 29 995 | 50% |
| Ukukhangisa | 776 650 | 1 000 000 | 1 000 000 | 223 350 | 22% |
| Ukulungiswa kwempahla nokugcinwa kwayo IKAHLE | 1 957 860 | 2 584 020 | 2 785 570 | 827 710 | 30% |
| Ucingo | 411 593 | 373 175 | 384 935 | (26 658) | -7% |
| Ukuqeqesha | 319 365 | 395 900 | 320 900 | 1 535 | 0% |
| Izinkambo- kuleli kanye naphesheya kwezilwandle | 668 851 | 642 000 | 707 000 | 38 149 | 5% |
| Amanzi | 461 052 | 332 850 | 482 850 | 21 798 | 5% |
| Ukwehla kwezinganani lempahla | 12 484 487 | - | - | (12 484 487) | 100% |
| Izindleko ezijwayelekile | 2 987 967 | 4 137 948 | 4 581 848 | 1 593 881 | 35% |
| **Imali esalile yokwenza umsebenzi** | 8 541 762 | (597 586) | (6 607 729) | 15 149 492 | |
| Inzalo etholakele | 7 256 621 | 3 250 000 | 6 000 000 | 1 256 621 | 21% |
| **Imali esalile onyakeni** | 15 798 383 | 2 652 414 | (607 729) | 16 406 113 | |

Izinguquko esabelwenimali esigunyaziwe zedlulele kwisabelomali sokugcina
Ezinye izicelo zemali yokuqalisa umsebenzi zadluliselwa eminyakeni elandelayo ngenxa yemibandela eyizithiyo ekubeni khona kwemali yokuqalisa umsebenzi eyisibonelelo eikhishwa ngu-DAC
Izinguquko phakathi kwesabelomali esigunyaziwe kanye nesokugcina zingumphumela wokwedluliswa kanye nokwabiwa kabusha kwemali ngokwesabelomali esigunyaziwe

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

**Incazelo yokubaluleka kulokhu okwahlukile**

Isibonelelo esikhulu esitholakale ngokwe-GRAP 23 - Imali engenile ivela emalini yeNtela emaqondana nokuThengiselana Okungenazindleko kanye Nemali Edluliselwe.

Akubanga bikho mibukiso yokuphela konyaka ethatha isikhathi eyethulwa okwabe sekuholela ekwehleni kwezinga lokudayiswa kwamathikithi kanye nemali enganile.

Imali yabaxhasi eqhamuka eMnyangweni Wezobuciko Namasiko yokuxhasa Imincintiswane yeNgoma neSicathamiya kanye nokuhambela izikole.

Imali yabaqashi bangaphandle isabelo zimali sakhona sinyuke ngama-R1m

Umhlomulo wokuqashwa kwemisebenzi ube ngaphezulu kokulindelekile.

Akukho msebenzi wonyaka owethulwa oholele ekudayisweni kancane kweziphuzo.

Imali yokuphathwa kwehhovisi kanye nemali eyisibambiso yamathenda yeqe isabelomali.

Imali eyongeka ngokuthi kungakhonjiswa imibukiso eminingi ngenyanga kaZibandlela yabe seyibekelwa ikhonsathi yomgubho wosuku lwenyanga kaNhlaba ukubungaza inyanga ye-Afrika.

Ezinye izikhala zomsebenzi zagcwaliswa ngabasebenzibesikhashana ukuze kuncishiswe izindleko zokwenziwa komsebenzi ngenhlos yokubhekelela ukonga.

Imali yongiwa ekushicilelweni nasekuphrinteni umbiko wonyaka wezi-2016.

Imali yongiwa ekucwaningweni kwamabhuku okwenziwa nguMcwaningi Mabhuku Omkhulu ngonyaka wezi-2015.

Omunye umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi wedluliselwa onyakeni omusha wezimali.

Okongiwe ngenxa yenkomfa ye-ISPA okungazange kuyiwe kuyona ngoNhlangulana wezi-2014 kanye Nomasingana wezi-2015.

Ukonga ngenxa yohlelo lokonga.

Ukusebenzisa amalambu angamoshi ugesi endlini kwenza ukuthi aphuza ukushintshwa ngoba ahlala isikhathi eside. Ukonga ezinye izinto zokusebenza ezibuyiselekayo kuhambisana nokongiwa kwemali ezintweni ezibizayo.

Kuncike esibalwenisemibukiso okudingeka ukuthi kwandiswe kuyo ezokuphepha.

Imali yongeka ngezinhlelo zokuzama ukonga.

Ukukhangiswa komsebenzi wenzeke ngenxa yokusebenzisa isabelomali sezokusebenzisana ekukhangiseni.

Isilinganiso sokuphathwa kwezindleko zimiswe ngononina ngemuva kokuthola isaziso sokunciphisa isabelomali esiqhamuke kuMgcinimafa Kazwelonke.

Ukonga ngenxa yohlelo lokonga.

Ukufakwa kusenesikhathi kwezicelo zokuhamba ngendiza kanye nendawo yokuhlala ukuze kutholakale izaphulelo. Ukonga ezindlekweni zendawo yokuhlala kuqhamuka noMgcinimafa Kazwelonke.

Imali yongeka ngezinhlelo zokuzama ukonga.

Akubanga bikho phuzu lemali esebenze ingahlelelwanga kulo nyaka.

Isamba sama-R 500 000 sesabelomali esibekelwe izimo ezibucayi neziphuthumayo asizange sisetshenziswe. Kongiwe imali ezingxenyeni ezahlukene ngenxa yezinhlelo zokuzama ukonga.

Imali etshalwe emabhange iletha inzuzo enhle.

## Amanothi Ngezitatimende Zonyaka Zezezimali (kuyaqhubeka)

*28.2. Ukuhambisana kwesabelomali kanye nesitatimende sohlelo lokusebenza kwezimali -imali esetshenzisiwe yokuqhuba ibhizinisi*

**FIXED ASSET ADDITIONS - ACTUAL VERSUS BUDGET**

| | wezi-2016 OKUYIKHONA | wezi-2016 ISABELOMALI ESIBUYEKEZIWE | wezi-2016 ISABELOMALI ESIBUYEKEZIWE | wezi-2016 UMEHLUKO | wezi-2016 UMEHLUKO | Incazelo yokubaluleka kulokhu okwahlukile |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | R 000 | R 000 | R 000 | R 000 | % | |
| Impahla yasehhovisi | 150 910 | 100 000 | 711 283 | 560 373 | 79% | Ukuthengwa kwempahla yasehhovisi kuthathe isikhathi ngemuva kukuthola isaziso sokunciphiswa kwesabelomali esikhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke. |
| Impahla yekhompyutha | 151 782 | 225 000 | 225 000 | 73 218 | 33% | Ukuthengwa kwempahla yamakhompyutha kuthathe isikhathi ngemuva kukuthola isaziso sokunciphiswa kwesabelomali esikhishwe nguMgcinimafa Kazwelonke. |
| Ezokuthutha | 395 023 | - | 354 934 | (40 089) | -11% | Ukonga ekuthengweni kwamathilakhi ngemuva kokuxoxisana.. |
| Impahla yasesiteji | 657 159 | 11 500 000 | 33 203 803 | 32 546 644 | 98% | Amathenda anikezwa ngalo nyaka futhi ayesaqhubeka nasekupheleni konyaka. Umsebenzi uzophothulwa ngekota yokuqala onyakeni omusha. |
| Izakhiwo | 5 219 501 | - | 16 276 787 | 11 057 286 | 68% | Amathenda akhishiwe kanye nomsebenzi okuqhutshekwa nayo ekupheleni konyaka. |
| Isamba | **6 574 375** | **11 825 000** | **50 771 807** | **44 197 432** | 87% | |

Izinguquko kwisabelomali esigunyaziwe zidalwe wukwedluliselwa kwesabelomali sokuqalisa umsebenzi eminyakeni elandelayo.
Uxhasomali lwemiklamo emikhulu lwatholakala mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2015 kanti imali yedluliselwa onyakeni owawuphela mhla zingama-31 kuNdasa wezi-2016 ukuze kuqaliswe ukusebenza komklamo.

